# OKUPHAKATHI

INDLELA YENKONZO ENKULU YAMASONTO ONKE NEYESIDLO SENKOSI ................1

AMAKHOLEKTE ................................................................................16

IMIKHULEKO ................................................................................26

EMINYE IMIKHULEKO ................................................................................34

IZIMEMEZELO EZINOMKHULEKO ................................................................................38

ILITANI ................................................................................41

AMA-ANTIFONE ................................................................................43

EZINYE IZINKONZO ................................................................................46
UMTHANDAZO WASEKUSENI ................................................................................46
INKONZO YASEKUSENI ................................................................................48
UMTHANDAZO WANTAMBAMA ................................................................................50
INKONZO YANTAMBAMA ................................................................................52
INKONZO YABANTWANA ................................................................................54
INKONZO YASEKUSENI NGOMKHOSI WEPHASIKA ENDAWENI YAMALIBA ................................................................................56

UMBHAPATHIZO WABANTWANA ................................................................................59

UMBHAPATHIZO WABAKHULILEYO ................................................................................62

INDLELA YOKUBHAPATHIZA ENGOZINI YOKUFA. ................................................................................65

UKUBHAPATHIZA OSENGOZINI YOKUFA NOKUQINISA UMBHAPATHIZO ONJALO ................................................................................67

UMQINISO ................................................................................69

INKONZO YOKUBIKA IZONO ................................................................................72

UKUBUYISELWA KOZIKHIPHILE ESIDLWENI NOMA EBANDLENI ................................75

ISIDLO SENKOSI UMA SINGAHLANGENE NENKONZO ENKULU ................................77

ISIDLO SENKOSI UMA KWAMUKELISWA OGULAYO EKHAYA ................................84

UKUSHADISA ................................................................................86

UKUMBELA ................................................................................89

INDLELA YOKUMBELA ................................................................................93

UKUBIKA IZONO NGASESE ................................................................................96

UKUGCOTSHWA KWABAFUNDISI ................................................................................97

UKUGCOTSHWA KWABAFUNDISI 2 .............................................................................. 101

UKUBEKA UMFUNDISI EBANDLENI AZOLIPHATHA .................................................. 106

UKUMISA UMVANGELI ENDAWENI AZOYIPHATHA .................................................. 108

UKUMISA AMALUNGA EBANDLA ............................................................................ 110

UKUMISA ABASIZIKAZI............................................................................................ 111

UKUMISA OTHISHA BESIKHOLE SESONTO ............................................................ 113

UKUTHUNYWA KWAMANXUSA EMPHAKATHINI. ....................................................... 115

ISITHEMBISO SAMALUNGU OMHLANGANO WOMPHAKATHI WEKERIKE. ............. 116

UKVULWA KWENDLU YESONTO ............................................................................. 117

UKUBEKWA KWETSHE LESISEKELO SENDLU YESONTO. ...................................... 120

UKUBUSISWA KWENDAWO YAMALIBA.................................................................... 122

UKWAMUKELA UMUNTU OVELA KWELINYE IBANDLA............................................. 124

UKUBONGA KOBELETHILEYO ................................................................................ 126

UMKHULEKO WOKUKHULEKELA ONESI ................................................................. 127

# INDLELA YENKONZO ENKULU YAMASONTO ONKE NEYESIDLO SENKOSI

*Yilowo nalowo akhuleke ngokwakhe. Amakhandlela angakhanyiswa manje ngawo onke amasonto noma ekuqaleni kwenkonzo yeSidlo seNkosi.*

## Iculo

*Ibandla liqale ngeculo. Ngevesi lokugcina umphathinkonzo aye eAltare, abheke kulo.*

## Umkhuleko wokuzilungisela: Ukuvuma izono nokwabelwa komusa

*Umphathinkonzo ahlabelele, athi:*

Usizo lwethu lusegameni lika/Jehova.

*Ibandla liphendule, lithi:*

Umenzi wezulu nomhlaba.

*Umphathinkonzo aqhube ahlabelele, athi:*

Ngizakuzivuma izono zami kuJehova.

*Ibandla liphendule, lithi:*

Yena uyathethelela icala lesono sami.

*Umphathinkonzo aphendukele ebandleni, athi:*

Bathandekayo eNkosini, masizambule izinhliziyo zethu, sibike izono zethu kuNkulunkulu, sicele kuye ukuthethelelwa egameni leNkosi yethu uJesu Kristu. Masiguqe.

*Umphathinkonzo nebandla baguqe, bakhuleke kanyekanye, bathi:*

Mina muntu engidingayo engonileyo ngiyabika kuwe, Nkulunkulu, Somandla, Mdali, Msindisi wami ukuthi angonanga kuphela ngemicabango yami nangamazwi ami, nangezenzo zami, kodwa ngathatshathwa ngazalwa ngiyisoni. Ngakho lokhu ngemvelo yami nangakho engiyikho nginecala lokulahlwa phambi kokulunga kwakho. Ngakho lokhu ngiyaphephela emuseni wakho ongalinganiseki. Ngiyafuna umusa kuwe, ngiyawucela, ngithi: Nkosi, ngihawukele mina-soni. Amen.

*Umphathinkonzo asukume, aphendukele ebandleni, athi:*

UNkulunkulu uSomandla, onomusa wasihawukela wanikela ngeNdodana yakhe eyodwa ekufeni ngenxa yezono zethu, wasithethelela ngenxa yayo, futhi ubanikile bonke abakholwayo egameni layo elingcwele amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu, ubathembisile uMoya oNgcwele. Okholwayo abhapathizwe uyakusindiswa. UNkulunkulu makasiphe lokhu.

*Ibandla liphendule, lithi:*

Amen.

*Ibandla lisukume.*

## Introyitu

*Makuhlatshelelwe introyitu njengesikhathi somnyaka wekerike. Umphathinkonzo ahlabelele aphendulane nebandla.*

**Amasonto esikhathi seAdvente**

Yishoni kuyo indodakazi yaseSi/yoni u/kuthi
 bheka, insindiso ya/kho i/yeza.
UJehova uyakulizwakalisa izwi lakhe eli/dumi/leyo,
 nenhliziyo yenu iya/kutho/koza.
Yizwa, Malusi ka/Isra/yeli,
 ohola uJosefa /njengo/mhlambi.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**Umkhosi wokuzalwa kukaKristu namasonto alandelayo**

Siza/lelwe u/mntwana,
 si/phiwe i/Ndodana;
umbuso uyakuba sema/hlombe /akhe,
 negama lakhe liyakuthiwa uMluleki o/mangali/sayo,
uNkulunkulu onamandla, uYise ongu/napha/kade,
 iNkosi /yoku/thula.
Mhubeleni uJehova i/gama e/lisha,
 ngokuba wenze izi/manga/liso.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**Amasonto esikhathi sePhifaniya**

Mhubeleni ngenjabulo uNkulunkulu, /mhlaba /wonke.
 hlabelelani inkazimulo ye/gama /lakhe.
Umhlaba wonke uyakukhuleka kuwe, u/kudu/mise,
 bayakuhubela i/gama /lakho.
Wozani, nibone izenzo zika/Nkulu/nkulu,
 uyesabeka ekwenzeni kwakhe kuba/ntwana ba/bantu.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**Amasonto esikhathi seNzilo**

Nkosi, mawungabi/kude,
 mandla ami, shesha ungi/size.
Ngisindise emlonyeni wengo/nyama;
 Yebo ungizwile ngisezimpondweni zezi/nyathi.
Nkulunkulu wami, Nkulunkulu /wami,
 ungishiye/leni na?
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**Umkhosi wePhasika namasonto alandelayo**

**1.**

Uvukile, nifunelani ophilayo phakathi kwa/bafi/leyo.
/Hale/luya!
Khumbulani ukukhu/luma /kwakhe:
/Hale/luya!
INdodana yomuntu imelwe ukubethelwa ivuke ngosuku /lwesi/thathu.
Haleluya! /Hale/luya!
Jehova, umhlobisile ngobukhosi nango/kutu/seka,
wamenza abuse imisebenzi ye/zandla /zakho.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**2.**
INkosi ivukile, /Hale/luya!
Ngempela ivukile, Haleluya, /Hale/luya!
Izwi lokwethaba nelokusindiswa lisezindlini zaba/lungi/leyo,
Esokunene sikaJehova senza /okwa/mandla.
Esokunene sikaJehova /sipha/keme,
esokunene sikaJehova sise/benza nga/mandla.
Angiyikufa, kepha /ngiyaku/phila,
ngishumayele imisebenzi /kaJe/hova.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**3.**
Hubelani uJehova i/hubo e/lisha.
/Hale/luya!
Ngokuba wenzile izi/manga/liso
/Hale/luya!
Ukulunga kwakhe ukwambulile eme/hlweni e/zizwe.
Haleluya, /Hale/luya!
Uzizuzele ukunqoba ngesandla sakhe /soku/nene.
Nangengalo /yakhe e/ngcwele.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**Usuku lokwenyuka kukaKristu**
Madoda aseGalile, nimeleni nibheka /ezu/lwini?
/Hale/luya!
UJesu lo uyakuza kanjalo njengalokho nimbonile eya /ezu/lwini.
Haleluya, Haleluya, /Hale/luya!
Shayani izandla, nina /zizwe /zonke.
Hubelani uNkulunkulu ngezwi /lokwe/thaba.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**Umkhosi wePhentekoste**
Izwe ligcwele u/Moya we/Nkosi.
/Hale/luya!
Osezindaweni zonke uyazazi izi/limi /zonke.
Haleluya, /Hale/luya!
Ngiyakuthela amanzi phezu ko/komi/leyo,
ngithulule uMoya wami phezu kwe/nzalo /yakho.

Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**Umkhosi wobuThathwemunye namasonto alandelayo**

**1 .**

Udumo malube kumThathwemunye o/Ngcwele,
 noBunye obu/ngahlu/kene.
Konke kuvela kuye, kukhona ngaye, kuya /kuye,
 makube kuye inkazimulo kuze /kubepha/kade.
Jehova, Nkosi yethu, igama lakho liyababazeka emhlabeni /wonke,
 wena owabeka inkazimulo yakho /ezu/lwini.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**2.**

Shayani izandla, nina zizwe /zonke,
 hlokomani kuNkulunkulu ngezwi loku/hala/lisa.
Ngokuba uJehova oPhezukonke uyesa/beka,
 uyiNkosi enkulu phezu ko/mhlaba /wonke.
Hubelani uNkulunkulu, hu/bani,
 hubelani iNkosi /yethu, hu/bani.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**3.**

UNkulunkulu osekhaya lakhe eli/ngcwele,
 uyabapha abantuka/zana i/khaya.
UNkulunkulu unika abantu bakhe amandla noku/qina.
 Makavuke uNkulunkulu, zihlakazeke i/zitha /zakhe.
Babaleke phambi /kwakhe
 /abamzo/ndayo.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**4.**

Wena Nkulunkulu, Sihlangu /sethu, /bheka,
 ubuke ubuso bogcotshi/weyo /wakho.
Ngokuba usuku lunye ema/gcekeni /akho,
 luhle kunezinye eziyizi/nkulu/ngwane.
Zithandeka kangaka i/zindlu /zakho,
 umphefumulo wami ulangazela amagceke /kaJe/hova.
Kadunyise uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**5.**

Wozani, masikhuleke, /sikho/thame,
 siguqe phambi kukaJehova, u/Menzi /wethu.
Ngokuba yena unguNkulu/nkulu /wethu,
 thina singabantu bedlelo lakhe nezimvu ze/sandla /sakhe.
Wozani simhubele /uJe/hova,
 sihlabelele ngenjabulo kulo idwala lensi/ndiso /yethu.

Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjálo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

**6.**
UJehova uyiNkosi, wembethe /ubu/khosi,
    uJehova wembethe, ubhi/nce a/mandla.
Isihlalo sakhe sobukhosi simi siqinile /kwase/ndulo,
    wena ukhona /kwapha/kade.
UJehova uyeza ukwahlu/lela u/mhlaba,
    uyakwahlulela izwe /ngoku/lunga.
Kadunyiswe uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, koba njalo nanini-nini. Amen.

## Ukucela usizo; nokumdumisa uNkulunkulu

*Umphathinkonzo aqhube ahlabelele, athi:*
*Ibandla liphendule, lithi:*
Nkosi,
    sihawukele!
Kristu,
    sihawukele!
Nkosi,
    sihawukele!

**Noma:**
Jehova,
    sihawukele!
Kristu,
    sihawukele!
Moya oNgcwele,
    sihawukele!
Udumo malube kuNkulunkulu kweliphezulu
    nokuthula emhlabeni nentokozo kubantu.
*Ibandla lihlabelele, lithi:*
    UNkulunkulu oyedwa...

*Ngesikhathi seNzilo kuhlatshelelwe iculo elithi:*
    Mvana kaNkulunkulu, eyafa ingenacala...

*noma ngemikhosi emikhulu uDumo:*
    Udumo malube kuNkulunkulu nokuthula emhlabeni nentokozo kubantu bonke.
    Siyabonga, sikhuleka kuwe, siyakutusa, siyandisa udumo lwakho, wena uyiNkosi yamakhosi.
    Nkosi yasezulwini, o Baba Simakade, Ndodana eyodwa, Nkosi Jesu Kristu.
    Nkosi, o Mvana kaNkulunkulu, wena othwele izono zezwe, yiba nomsa kithi.
    Wena othwele izono, sisize, usizwe. Ohlaliswe ngakwesokunene, yiba nomsa kithi.
    Wena oNgcwele wedwa, uyiNkosi wedwa, uyiNkosi ephezukonke, Jesu Kristu, kanye naye uMoya khona enkazimulweni kaYihlo.
    Amen, Amen, Amen.

## Ukubingelela nomkhuleko

*Umphathinkonzo aphendukele ebandleni, ahlabelele, athi:*

INkosi mayibe nani.

*Ibandla liphendule lihlabelele, lithi:*

Mayibe nomoya wakho futhi.

*Umphathinkonzo ahlabelele, athi:*

Masikhuleke.

*Umphathinkonzo aphendukele eAltare, afunde noma ahlabelele umkhuleko walelosonto.*
*Ekupheleni komkhuleko ibandla lihlabelele, lithi:*

Amen.

## Ukufunda iPhistola

*Umphathinkonzo aphendukele ebandleni, asho igama lalelosonto noma lalowomkhosi, athi:*

Isonto lanamuhla lithiwa...

noma:

Umkhosi wanamuhla uthiwa...

Yizwani amazwi ePhistola elilotshiwe . . .

noma :

Yizwani amazwi esifundiso esilotshiwe. . .

*Umphathinkonzo afunde iPhistola noma isifundiso esimiselwe lelosonto noma lowomkhosi.*
*Ekupheleni kokufunda ibandla lihlabelele, lithi:*

Siyabonga, Nkosi. Bongani iNkosi nina zizwe zonke, mayibongwe kubo bonk' abantu, ngoba umsa wayo neqiniso kuphezu kwethu njalonjalo. Haleluya, Haleluya, Haleluya!

noma ngesikhathi seNzilo:

Siyabonga, Nkosi. UKristu walinyazwa ngenxa yezono zethu, wahlushelwa ububi bethu. Amen, Amen.

noma ngesikhathi somkhosi:

Siyabonga, Nkosi. UKristu wasisindisa ekufeni okunzima, khona onqamulezweni. Ngakho uNkulunkulu wamphakamis' impela, wamnika igama elikhulu kunawo onke amagama. Amen, Amen.

## Iculo

*Ibandla lihlabelele iculo eliqondene nalelosonto noma lowomkhosi. Bese kulandela imisebenzi engaba khona njengombhapathizo nokuthi nokuthi.*

## Ukufunda iVangeli

*Umphathinkonzo aye eAltare, aphendukele ebandleni, asho igama lalelosonto noma lalowomkhosi, athi:*

Isonto lanamuhla lithiwa..

Yizwani amazwi evangeli elilotshiwe. . .

*Umphathinkonzo afunde ivangeli elimiselwe lelosonto noma lowomkhosi, agcine ngalamazwi, athi:*

Ivangeli likaKristu lingamandla kaNkulunkulu, kube-yinsindiso kulowo nalowo okholwayo.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Siyabonga, Kristu. Amen.

## Isivumo senkolo

*Umphathinkonzo aphendukele ebandleni, athi:*

Masivume inkolo yethu engcwele yamaKristu kanye neKerike lomhlaba wonke.

*Umphathinkonzo aphendukele eAltare, avume kanye nebandla isivumo sabaphostoli ngokuthi:*

Ngiyakholwa nguNkulunkulu, uYise uMninimandla onke, uMdali wezulu nomhlaba. Ngiyakholwa nguJesu Kristu, iNdodana yakhe ezelwe iyodwa, iNkosi yethu, owathatshathwa ngoMoya oNgcwele, wazalwa nguMariya intombi, wahlushwa phansi kukaPontiyu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa, wembelwa, wehlela endaweni yabafileyo, ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uYise uMninimandla onke; lapho eyakubuya khona ezokwahlulela abasahambayo nabafileyo.

Ngiyakholwa nguMoya oNgcwele, ikerike elingcwele likaKristu lomhlaba wonke, inhlangano yabangcwele, ukuthethelelwa kwezono ukuvuka kwenyama, nokuphila okuphakade. Amen.

Noma kuhlatshelelwe iculo elithi:

Thina sonke siyakholwa kuNkulunkulu. . .

noma ngemikhosi kuthathwe isivumo saseNikeya ngokuthi:

Ngiyakholwa nguNkulunkulu munye, uYise uMninimandla onke, uMenzi wezulu nomhlaba, wezinto zonke ezibonakalayo nezingabonakaliyo.

Nayiyo iNkosi inye uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ezelwe iyodwa, ezelwe nguYise phambi kwezikhathi zonke, uNkulunkulu ovela kuNkulunkulu, ukukhanya okuvela ekukhanyeni, uNkulunkulu uqobo ovela kuNkulunkulu uqobo, owazalwayo, engenziwanga, osibili sinye noYise, okwenziwa ngaye zonke izinto; owehla ezulwini ngenxa yethu thina bantu nangenxa yokusindiswa kwethu, waba yinyama ngoMoya oNgcwele kuMariya intombi, futhi waba ngumuntu; futhi wabethelwa esiphambanweni ngenxa yethu phansi

kukaPontiyu Pilatu, wahlushwa wembelwa; futhi wavuka ngosuku lwesithathu njengokwemiBhalo, wenyukela ezulwini; uhlezi ngakwesokunene sikaYise, uzakubuya futhi ngobukhosi ukuzokwahlulela abahambayo nabafileyo, yena ombuso wakhe ungayikuba namkhawulo. Nanguye uMoya oNgcwele, iNkosi noMphilisi, ovela kuYise nakuyo iNdodana, okukhulekwa kuye nodunyiswa kanye noYise neNdodana, owakhuluma ngabaprofethi.

Nekerike linye, elingcwele, lomhlaba wonke nelabaphostoli. Ngivuma umbhapathizo munye wentethelelo yezono, ngibhekile ukuvuka kwabafileyo nokuphila kwezwe elizayo. Amen.

## Iculo

*Ibandla lihlabelele iculo elandulela intshumayelo.*

## Intshumayelo

*Umphathinkonzo aqale intshumayelo ngesibingelelo esithi:*

Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu, nothando lukaNkulunkulu, nokuhlangana kukaMoya oNgcwele makube nani nonke. Amen.

noma:

Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu, uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu. Amen.

noma ngelinye izwi elifaneleyo.

*Umphathinkonzo akhuleke ngokufishane, afunde itekisi ashumayele, agcine intshumayelo ngomkhuleko omfishane nangezwi elithi:*

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakulondoloza izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

noma:

Kepha yena onamandla okwenza okukhulu kakhulu kunakho konke esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi, makube kuye udumo ebandleni nakuKristu Jesu ezizukulwaneni zonke zaphakade naphakade.Amen.

Noma ngelinye izwi elifaneleyo.

*Ibandla lihlale phansi, umphathinkonzo afunde izimemezelo.*

## Iculo

*Ibandla lihlabelele iculo elilandela intshumayelo.*

## Umkhuleko omkhulu wekerike

*Umphathinkonzo aye eAltare, aphendukele ebandleni, athi:*

MasisondeleeNkosini, sikhuleke.

*Ibandla lisukume noma liguqe, umphathinkonzo aphendukele eAltare, akhuleke, athi:*

Nkulunkulu, Mninimandla onke, okhona njalo njalo, Yise weNkosi yethu uJesu Kristu, siyabonga izwi lakho elingcwele. Vusa izinhliziyo zethu ngalo, ukuba

silithande njalo, sililalele, sihambe ngalo. Silondolozele izwi lakho namasakramente akho, ukuba ibandla lakho lakhiwe, libuthwe, liqiniswe. Thuma njalo izisebenzi eziqotho emsebenzini wakho, ukuba zishumayele izwi lakho ngokucwebileyo nangokuchachileyo, namasakramente akho aphathwe njengalokhu amisiwe yiNdodana yakho uJesu Kristu, futhi zihambe phambi kwebandla lakho ngenkambo efanele. Sivikele ngomusa wakho kuzo izifundiso zamanga nakukho konke okungachitha ibandla lakho.

Busisa umbhishobhi wethu, nabafundisi bethu abakhulu, nomkhandlu wekerike lakithi, ubahole ngoMoya wakho oNgcwele. Busisa nekholishi lakithi kanye nabafundisayo nabafundayo, ukuba kuphume kulo izisebenzi ezithembekileyo zekerike lakho.

Londoloza izithunywa zakho ezishumayela ivangeli phakathi kwezizwe emazweni onke, ukhuthaze ibandla lakho, ukuba liqhube imisebenzi yonke emihle yothando, londle izisebenzi zalo, likhuthalele ukuthwala yonke imisebenzi yekerike.

Busisa isimiso sokuganana, ulondoloze amakhaya ethu, kukhuliswe kuwo abantwana abalalelayo. Qinisa abafundela ukubhapathizwa ukuba badede kukho konke okumelene nezwi lakho, bafunde ukwazi wena, Nkulunkulu wedwa, nomthumileyo, uJesu Kristu. Khumbula nabasha bethu abafundela ukuqiniswa, ukuba balungiselwe indlela yokungena esidlweni sakho esingcwele.

Siza nabazalwane bethu abahlushwa ngenxa yokukholwa, ubaqinise, ukuba babambelele kuwe, kuze kube-sekufeni.

Londoloza izwe lakithi, ulivikele njalo, usiphe njalo ababusi abakwesabayo, ukuba kube-khona ukuthula ezweni, nezizwe zonke zezwe lakithi zihlalisane kahle.

Busisa imisebenzi yethu, siphe ngomusa lokhu esikuswelayo ekuphileni kwethu. Siza, ududuze bonke abakhatheleyo, nabasindwayo, nabafelwa, nabafelokazi, nezintandane. Yiba nomusa kithi sonke, usilondoloze, usivikele kukho konke okubi njengezimpi, nezifo, nendlala, nokufa okuzumayo, nomlilo, nezulu elibi, nokunye okunjalo.

Busisa labo abasondelayo esidlweni sakho esingcwele, ukuba baqiniswe ekukholweni, nasothandweni, nasethembeni lokuphila okuphakade.

Nkosi, sigcwalise njalo ngoMoya wakho oNgcwele, ukuba siholwe nguye. Nasekugcineni uma sekufikile umzuzu wokumuka kwethu, yiba nomusa kithi, usisize, ukuba singene embusweni wakho ongapheliyo ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu.

Nkosi, siyacela kuwe sithi: Yizwa umkhuleko wethu ngomusa wakho okhona njalonjalo. Amen.

*Uma kungekho isidlo seNkosi, kuthathwe umkhuleko weNkosi, othi:*

Baba wethu osezulwini.
Malingcweliswe igama lakho.
Mawufike umbuso wakho.
Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini.
Siphe namhla isinkwa sethu semihla ngemihla.
Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanamacala kithi. Ungasingenisi ekulingweni.
Kodwa usikhulule kokubi.
Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo kuze kube-phakade. Amen.

Noma *ngesikhathi somkhosi kuthathwe umkhuleko oqondene nalesosikhathi, ugcinwe ngomkhuleko weNkosi, uma kungekho isidlo seNkosi.*
*Uma kukhona isidlo seNkosi, inkonzo iyaqhutshwa ngokuthi:*

# INKONZO YESIDLO SENKOSI

## Iculo

*Umfundisi alungise izitsha zesidlo seNkosi, kukhanyiswe amakhandlela eAltare, uma engakhanyiswanga ekuqaleni kwenkonzo;*
*Ibandla lisukume, lihlabelele, lithi:*

Dala kimi inhliziy' emhlophe, Nkosi,
ngiphe umoya oqinisekileyo,
ungangilahli, ungangilahli,
ebusweni bakho, ebusweni bakho,
ungasusi kimi uMoya wakho.

Ngithokozise ngomusa wakho
noMoya wakho akangilondoloze,
ak' ungigeze, ak' ungigeze
ekoneni kwami, ekoneni kwami,
ungihlanze-ke ezonweni zami.

## Ukubingelela neSanduleliso neNdumiso

*Umfundisi aphendukele ebandleni, ahlabelele, athi:*

INkosi mayibe nani.

*Ibandla liphendule, lihlabelele, lithi:*

Mayibe nomoya wakho futhi.

*Umfundisi ahlabelele, athi:*

Yenyusani izinhliziyo.

*Ibandla liphendule, lithi:*

Sesizenyusele eNkosini.

*Umfundisi ahlabelele, athi:*

Bongan' iNkosi uNkulunkulu wethu.

*Ibandla liphendule, lithi:*

Kufanele lokhu, kulungile.

*Umfundisi aphendukele eAltare, ahlabelele, athi:*

Kufanele lokhu impela, kuhle, kulungile ukuba sikubonge ngezikhathi zonke, nasezindaweni zonke, Nkosi eNgcwele, Baba onamandla onke, Nkulunkulu ophakade ngoKristu iNkosi yethu, othunyelwe insindiso yezwe ukuba sibe-nentethelelo yezono ngokufa kwakhe, nokuphila okuphakade ngokuvuka

kwakhe. Ngaye izingelosi ziyabonga ubukhosi bakho, nababusi bayakhuleka, nabanamandla bayesaba. Ngaye amazulu namandla awo kanye namaserafi abusisiweyo ayakudumisa ngezwi linye lokuhalalisa. Siyacela kuwe ukuba sihlanganiswe nawo lamabandla ezingelosi ukukhuleka kuwe nokukudumisa njalo-njalo, sithi:

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Ungcwele, ungcwele, ungcwele uJehova Sebawoti.
Izulu nomhlaba kugcwel' ubukhosi bakhe.
Hosiyana kweliphezulu.
Makabongwe ozayo ngegama leNkosi.
Hosiyana kweliphezulu.

### Iseluleko esilandela indumiso nomkhuleko weNkosi

*Umfundisi aluleke, athi:*

Othanda ukudla nokuphuza lelisakramente elingcwele ngokufaneleyo, kudingeka ukuba enze okubi1i. Ngokokuqala umelwe ukukholwa okushiwo nguKristu, ngokwesibili umelwe ukukwenza uKristu akuyalayo. Kuqala uthi: Lokhu kungumzimba wami onikelwa nina; lokhu kuligazi lami elithululelwa nina kube-ngukuthethelelwa kwezono. Kufanele ukuba nikholwe yilokhu.

Okwesibili uKristu uyala ukuthi: Thabathani nidle; phuzani nonke kuso, ningikhumbule. Kufanele ukuba nikwenze lokhu njengokusho kwezwi lakhe lomusa nomyalo wakhe.

Masicele kuNkulunkulu uSomandla, uBaba onobubele, ukuba asiphe uMoya wakhe, ukuba ngomusa wakhe sikhuthalele lokhu okubili ngenhliziyo yonke, samukele lelisakramente elingcwele ngokufaneleyo, kuqiniswe ukukholwa kwethu okuncane ngalo, futhi kuguqulwe inkambo yethu enesono. Masimnxuse sikhuleke umkhuleko weNkosi egameni likaKristu ngenhliziyo yonke, sithi:

*Abamukeliswayo baguqe. Umfundisi akhuleke ngokukhuluma noma ngokuhlabelela, athi:*

Baba wethu osezulwini.
Malingcweliswe igama lakho.
Mawufike umbuso wakho.
Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini.
Siphe namhla isinkwa sethu semihla ngemihla.
Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanamacala kithi.
Ungasingenisi ekulingweni.
Kodwa usikhulule kokubi.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade naphakade. Amen.

## Noma:

### Umkhuleko olandela indumiso, nomkhuleko weNkosi

*Umfundisi angaphatha umkhuleko olandelayo esikhundleni seseluleko esingenhla:*

*Umfundisi akhuleke, athi:*

Siyabonga, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba uzihawukele izidalwa zakho ngokuthumela enyameni yethu iNdodana yakho ezelwe iyodwa. Siyabonga insindiso, osilungisele yona ngokunikelwa komzimba negazi leNkosi yethu uJesu Kristu esiphambanweni.

Siyababaza ukuvuka kwakhe kwabafileyo, siyaduduzwa ngokwenyukela kwakhe endaweni yakho engcwele yasezulwini, lapho esimela khona nanini-nini engumpristi wethu omkhulu.

Nkosi, siyacela kuwe egameni lakhe sithi: Thumela uMoya oNgcwele ezinhliziyweni zethu, usingcwelise, usivuselele emzimbeni nasemphefumulweni. Siphe ukuba samukele umzimba isibili negazi isibili leNdodana yakho esidlweni lesi esingcwele ngokukholwa okuqinile nangokubonga. Buthela embusweni wakho abakhethiweyo bakho abasemagumbini omane omhlaba, usiphe ukuba silindele ukubuya kweNdodana yakho ngethemba eliqinile.

Udumo malube kuwe kuze kube-phakade. Amen.

*Abamukeliswayo baguqe. Umfundisi akhuleke ngokukhuluma noma ngokuhlabelela, athi:*

Baba wethu osezulwini.
Malingcweliswe igama lakho.
Mawufike umbuso wakho.
Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini.
Siphe namhla isinkwa sethu semihla ngemihla.
Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanamacala kithi.
Ungasingenisi ekulingweni. Kodwa usikhulule kokubi.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade naphakade. Amen.

## Amazwi esimiso nomkhuleko ongalandela amazwi esimiso

*Umfundisi afunde noma ahlabelele, athi:*

INkosi yethu uJesu Kristu ngalobobusuku anikezelwa ngabo, wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wasinika abafundi bakhe, wathi: Thabathani nidle. Lokhu kungumzimba wami onikelwa nina. Lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.

Kanjalo wathabatha nesitsha sewayini emva kokudla kwakusihlwa, wabonga, wabanika sona, wathi: Phuzani nonke kuso, lesisitsha siyisivumelwano esisha egazini lami, elithululelwa nina kube-ngukuthethelelwa kwezono. Lokhu kwenzeni ngezikhathi zonke eniliphuza ngazo ukuba ningikhumbule.

*Uma umfundisi esebenzise iseluleko esilandela indumiso, makaqhubeke ngomkhuleko olandelayo. Umfundisi aphendukele ebandleni, akhulume, athi:*

Bathandekayo eNkosini, masicele kuNkulunkulu ukuba asinike umusa wakhe, samukele isidlo, sibusiswe ngaso, simnxuse ngomlomo nangenhliziyo, sikhuleke, sithi:

*Umfundisi aphendukele eAltare, akhuleke, athi:*

Nkosi, noma ngingafanele ukuba ungene enhliziyweni yami, nokho, Nkosi, ngiyaswela usizo lwakho, ngilangazela umusa wakho, ukuba ngikukhonze, ngifinyelele ekusindisweni. Sengiyasondela nginethemba ngezwi lakho, ngoba ngimenyiwe nguwe esidlweni sakho, futhi ngithenjisiwe nguwe ukuthethelelwa kwezono ngomzimba wakho engiwudlayo nangegazi lakho engiliphuzayo. Nkosi ethandekayo, ngiyazi ukuthi isithembiso sakho namazwi akho aqinisile, futhi athembekile, angingabazi ngawo. Ngenxa yalokhu ngiyadla, ngiyaphuza; ngenzele konke njengokusho kwezwi lakho. Nkosi Jesu, hlangana nami, ukuba ngihlale kuwe, nawe uhlale kimi, singahlukani nanini-nini.

Nkosi Jesu Kristu, umzimba wakho ongcwele negazi lakho elinenana makube isidlo sami; ukuhlupheka kwakho okunzima nokufa kwakho makungiqinise; Nkosi Jesu Kristu; ngizwele; ngiyacasha emanxetsheni akho, ungavumi ukuba ngahlukaniswe nawe. Ngikhulule kuso isitha esibi, ungilondoloze ekukholweni okuqinisileyo, ukuba ngikudumise, ngikubabaze kanye nabakhethiweyo bonke lapha emhlabeni nasezulwini kuze kube-phakade.

*Abasondelayo mabaphendule, bathi:*

Amen.

## Ukwabela iSidlo

*Ngesikhathi sokwabela ibandla lihlale lihlabelele iculo lokuthi:*

Kristu, Mvana kaNkulunkulu...
namanye amaculo esidlo seNkosi...

*Umfundisi ebamukelisa isinkwa, athi:*

Thabathani nidle. Lokhu kungumzimba isibili weNkosi yethu uJesu Kristu, onikelwe nina ekufeni. Mawuniqinise, unilondoloze ekukholweni okuqinisileyo, nilondolozelwe ukuphila okuphakade.

*Umfundisi ebamukelisa iwayini, athi:*

Thabathani niphuze. Lokhu kuligazi isibili leNkosi yethu uJesu Kristu, elithululelwe nina kube-ngukuthethelelwa kwezono. Maliniqinise, linilondoloze ekukholweni okuqinisileyo, nilondolozelwe ukuphila okuphakade.

*Abamukeliswayo baphendule, bathi:*

Amen.

## Indumiso kaSimeyoni

*Sebamukele bonke, ibandla lisukume lihlabelele lithi:*

Nkosi, sal' usumukisa ngokuthula inceku
yakho njengezwi lakho,
lokhu amehlo am' asebone ukusindisa kwakho
okulungisele phambi kwabantu bonke;
ukukhanya kokukhanyis' izizwe
nodumo lwesizwe sakho uIsrael.
Kadunyiswe uYise neNdodana
noMoya oNgcwele.

Kwakunjal' ekuqalen', kusenjalo namanje,
kuze kube nini-nini. Amen.

## ISIGCINO SENKONZO

### Ukubingelela, nevesana, nomkhuleko

*Umphathinkonzo aphendukele ebandleni, ahlabelele, athi:*

Inkosi mayibe nani.

*Ibandla liphendule, lithi:*

Mayibe nomoya wakho futhi.

*Umphathinkonzo ahlabelele ivesana elimiselwe lesosonto noma lowomkhosi, njengaleli elithi:*

Bongani iNkosi, ngokuba inomusa. Haleluya.

*Ibandla liphendule lihlabelele, lithi:*

Umusa wayo umi phakade. Haleluya .

*Umphathinkonzo ahlabelele, athi:*

Masikhuleke.

*Umphathinkonzo aphendukele eAltare, afunde noma ahlabelele umkhuleko walelosonto noma lowomkhosi, njengalona othi:*

Siyabonga, Nkosi, Nkulunkulu, Somandla, ngokuba usibusisile ngalesisipho sakho esisindisayo. Siyacela umusa wakho ukuba uqinise ukukholwa kwethu kuwe, uvuselele ukuthandana kwethu ngaso lesosipho. Ngenxa kaJesu Kristu, iNkosi yethu.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Amen.

### Isibusiso

*Umphathinkonzo aphendukele ebandleni, akhulume, athi:*

Thobelani izinhliziyo zenu kuNkulunkulu namukele isibusiso sakhe.

*Umphathinkonzo ahlabelele noma akhulume, athi:*

INkosi mayikubusise, ikulondoloze.
INkosi mayikhanyise ubuso bayo phezu kwakho, ibe-nomusa kuwe.
INkosi mayiphakamise ubuso bayo phezu kwakho, ikuphe ukuthula.

noma:

UJehova makakubusise, akulondoloze.
UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe-nomusa kuwe.
UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula.

*Ibandla liphendule lihlabelele, lithi:*

Amen. Amen. Amen.

## Iculo

*Ibandla lihlabelele iculo lokugcina. Ibandla lisukume, yilowo agcine akhuleke ngokwakhe, noma umkhuleko ufundwe ngumphathinkonzo. Umnikelo wesithebe noma omunye omisiweyo mawuthathwe noma emva komkhuleko omkhulu wekerike, noma emva kweculo lokugcina.*

## Ekuphumeni esontweni

Nkosi, Nkulunkulu wami, ngiyakubonga ngezwi lakho, ongibusisile ngalo. Izwi lakho lingukudla komphefumulo wethu. Ngisize ngihambe njalo njengezwi lakho ekuhambeni konke kwami. Busisa ukuphuma kwami esontweni, ubusise ukungena kwami ekhaya. Ngivikele ukuba uSathane angangamuki isibusiso, engiphiwe sona ngomusa wakho. Ngiphe amandla kaMoya oNgcwele, ngikhule ngezwi lakho ekukwesabeni wena, ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

## ISITHASISELO 1

*Emva kweSidlo seNkosi kungahlatshelelwa lelivesi, elithi:*

Ngingowakho, Jesu, yisho: Amen;
yebo, Nkos' ungowami.
Woza, ulobe ibizo lakho
enhliziyweni yami.
Ukulala nokuvuka nawe,
ukuhlala nokushona nawe;
'sivumelwano sami
engisenza nawe, Nkos'.

## ISITHASISELO 2

*Uma kuhlatshelelwa isivumo senkolo yamaKristu, mawathathwe lamazwi, athi:*

Ngiyakholwa kuNkulunkulu uYise, onamandla onke, umdal' wezulu nomhlaba. NakuJesu Kristu iNdodana yakh' ezelw' iyodwa, iNkos' yethu, othatshathwa uMoya ocwengile, wazalwa uMaria intombi, wahlushwa kuPontiyu Pilatu, wabethelwa, wafa, wembelwa, wehlel' endaweni yabafileyo, ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, laph' ehlez' khona ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uYise onamandla onke; uyakuvela khona ezokwahlulela abahambayo nabafileyo. Ngiyakholwa kuMoya ocwengile, nombuthano ocwengil' owandil' emhlaben' wonke, ibandla labacwengil', nokuthethelelwa kwezono, nokuvuka kwenyama, nokuphila okuphakade. Amen.

## ISITHASISELO 3

### Ihubo lesikhathi seNzilo

*Lelihubo lingahlatshelelwa enkonzweni yesikhathi seNzilo. Umphathinkonzo ahlabelele aphendulane nebandla.*

Baba weth' ophakeme.
    Sibheke, sihawukele.
Kristu Jesu, Ndodana.

Sibheke, sihawukele.
Moya oNgcwele.
Sibheke, sihawukele.
Mthathwemunye oNgcwele.
Sibheke, sihawukele.
Jesu.
Jesu.
Nkosi, weza emhlabeni.
Ukusihlenga ezonweni.
Wathweswa umqhele wameva.
Wakhifelwa, wadelelwa.
Wachitha igazi nempilo.
Ngenxa yethu waba-ngumnikelo.
Mvana yeNkosi, osusa icala.
Sikhala, sithi: Thethelela.
Abesifazane: Yenz' umusa.
Abesilisa: Yenz' umusa.
Bonke: Sihawuke1e.
O Jesu, Jesu, ak' usihawukele.
Sihawukele, Mvana yeNkosi.
Yenz' umusa.
Nobunene nokubekezela.
Siza.
Busis' isizwe sakho.

# AMAKHOLEKTE

**ISonto l leAdvente**
Nkulunkulu, Baba osezulwini! Sibonga iNdodana yakho owayibeka ibe iNkosi yethu. Siyacela kuwe: Sibambelelise kuleNkosi yamakhosi. Usiphe izinhliziyo ezilindele ukufika kwayo, siyikhonze njalo, sisindiswe ezonweni nasekufeni ngayo leNkosi ebusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso onobukhosi baphakade. Amen.

**ISonto 2 leAdvente**
Nkosi, Nkulunkulu Mninimandla, osambulele ukuthi konke kuyodlula, sime sonke phambi kwenqamulo, siyacela kuwe: Simise eZwini lakho nasekukholweni, sethembe iNdodana yakho eyafayo ukuba singalahlwa, sibheke ukufika kwayo ngenjabulo, sisindiswe ngomusa wayo, yona ekhona ebusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso okhona njalonjalo. Amen.

**ISonto 3 leAdvente**
Nkulunkulu, Baba othandekayo, owathuma iNdodana yakho ezweni ibe umuntu ukuba ikhulule thina bantu ezonweni nasekufeni nakuSathane, siyacela kuwe: qondisa izinhliziyo zethu, singabheki okunye, kube iZwi lakho kuphela; sifunyanwe sikulo, sikholwe iNdodana yakho, sisindiswe ngayo, yona ebusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso osindisayo. Amen.

**ISonto 4 leAdvente**
Nkosi, Baba osezulwini! Sibonga ofakazi bakho abaqotho, abafakaza ngoJesu iNkosi. Siyacela kuwe: Sisize sikholwe ubufakazi babo, simamukele uMsindisi ngenhliziyo ethokozayo; siza nabasebumnyameni, bamazi bajabulele ukufika kwakhe, basindiswe nabo ngeNdodana yakho uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso okhona njalonjalo. Amen.

**Umkhosi wokuzalwa kukaKristu**
Nkulunkulu, Baba Mninimusa! Sibonga umsa nobubele bakho obumangalisayo, ngokuba wenza iNdodana yakho ithabathe isimo sobuntu, ukuba usikhulule ngayo ezonweni nasekufeni kwaphakade. Khanyisa izinhliziyo zethu ngoMoya wakho oNgcwele, sikubonge kulokho, siduduzwe ngakho ekulingweni konke, size sigcine ngokusindiswa okuphakade ngoJesu Kristu, yena obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso waphakade naphakade. Amen.

**Usuku lwesibili lomkhosi wokuzalwa kukaKristu**
Nkosi Nkulunkulu, Baba! Wena owamisa uStefane ongcwele abe ufakazi wokuqala wegazi ngenxa yeNdodana yakho ethandekayo, neZwi layo, siqinise nathi sibekezele ekuhlushweni ngenxa yegama lakho, nokuba sikhulekele izitha zethu, ziphenduke asindiswe, ngayo leNdodana yakho uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu munye weqiniso osisindisayo. Amen.

**ISonto emva kokuzalwa kukaKristu**
Nkulunkulu Simakade, Mninimandla onke! Sidumisa wena, Baba osezulwini. Sicela kuwe ukuba ngomsa wakho uqondise ubuse izindlela zethu, ukuba sihambe ngokwentando yakho, siqhubeke ekukholweni nasekuhambeni okungcwele; ngayo iNdodana yakho, uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu Mthathwemunye, wena weqiniso. Amen.

**Usuku lomnyaka omusha**
Nkulunkulu, Baba Mninimusa! Siyakubonga ngakho konke osenzele khona kuwo umnyaka odlulileyo. Sisize siqale ngegama lakho lomnyaka omusha, sibe abaqotho emisebenzini yethu, senze intando yakho, sibusiswe silondolozwe sisindiswe ngeNdodana yakho, yona ekhona ebusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu munye oNgunaphakade. Amen.

**ISonto lEphifaniya (nosuku lobuthunywa)**
Nkulunkulu, Mdali wezulu nomhlaba! Siyakubonga ngoba wabonakalisa iNdodana yakho kwabezizwe. Siyacela ukuba iVangeli lakho lihanjiswe emhlabeni wonke. Vusa iBandla lakho likhuthalele ukufuna abalahlekileyo. Phemba uthando ezinhliziyweni zethu, sikhuleke sinikele, sihambise iVangeli ngenjabulo ukuba abasebumnyameni babone ukukhanya kwakho bafinyelele kuJesu uMsindisi, yena obusa nawe noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen.

**ISonto 1 emva kwEphifaniya**
Nkulunkulu, Baba othandekayo! Siyakubonga ngokuba usiphile uMbhapathizo ongcwele, osethembisa kuwo intethelelo yezono nokuphila okuphakade ngokuzalwa okusha. Siyacela kuwe: Simise njalo kulokhokuzalwa okusha ukuba singazahlukanisi nawe, Baba, kepha sihlale siyibo abantwana bakho. Sigcine sisindiswe ngeNdodana yakho uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso onguMthathwemunye. Amen.

**ISonto 2 emva kwEphifaniya**
Baba othandekayo osezulwini! Wena osiphayo abantwana bethu, sisize ukuba sibe izibonelo ezihle kubo, singabakhubekisi ngamazwi nangezenzo, kepha sibaqondise baye ngokukhuthala endlini yokusonta. Sibacelela ukuba babe abantwana abalalelayo, baxwaye konke okubi, bahambe ngokwentando yakho, basindiswe ngoJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu Mthathwemunye onothando olungapheliyo. Amen.

**ISonto 3 emva kwEphifaniya**
Nkulunkulu, Mninimandla onke! Sibonga umsa wakho, wena owasimisela ukuganana okungcwele. Siyacela kuwe: Busisa amakhaya ethu, ukuba sihlalisane kahle, kungaveli izingxabano nokubi, kepha sisizane sibondle abantwana bethu ngokwentando yakho. Siphe ukukholwa nokubekezela ekuhluphekeni, kuthi ekugcineni usiphe ikhaya elihle ezulwini ngenxa yeNdodana yakho uJesu uMsindisi, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso onekhaya laphakade. Amen.

**ISonto 4 emva kwEphifaniya**
Nkulunkulu, Mninimandla onke, wena wedwa owethembekayo! Siyacela kuwe: Yiba nomsa kithi, usihawukele ebuthakathakeni nasezingozini zonke, welule isandla sakho samandla, usisize usivikele ezitheni zethu zomzimba nezomphefumulo. Usisindise ngeNdodana yakho, ekhona ebusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso osinqobisayo. Amen.

**ISonto 5 emva kwEphifaniya**
Nkosi Jesu Kristu, Nkulunkulu uqobo nomuntu uqobo! Wena olalelwayo ngumoya nolwandle, ngaphandle kwakho asinamandla okumelana namandla alomhlaba. Nkosi, siphe ukuthula kwakho, uqinise ukukholwa kwethu ukuba uvalo luphele,

sikhululwe kokwesabekayo ngawe, wena onamandla onke, okhona obusa noYihlo noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso osisindisayo. Amen.

**ISonto lokukhazimuliswa kukaJesu**
Nkulunkulu, Baba onobubele! Siyakubonga ngokuba wasambulela inkazimulo yeNdodana yakho. Siyacela kuwe: Sivuse ngokukhanya kweVangeli, usiqinise; ukuba sihambe njalo ekukholweni kwabakaKristu, size sifinyelele ekukhanyeni okupheleleyo, sisindiswe ngeNdodana yakho uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu munye weqiniso nowenkazimulo. Amen.

**ISonto leSeptuagesima**
Nkulunkulu, Mninimandla onke, wena owasibizela esivinini sakho ngeZwi lakho elibusisayo, siyacela kuwe: Siphe uMoya oNgcwele ezinhliziyweni zethu, ukuba sisebenze ngokukhuthala esivinini sakho, sibeke ithemba lethu kuwo umsa wakho, ukuba sisindiswe ngoJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, Nkosi yomusa. Amen.

**ISonto leSeksagesima**
Nkosi Nkulunkulu, Mninimusa! Siyakubonga, ngokuba uhlwanyela iZwi lakho phakathi kwethu. Siyacela kuwe: Lungisa izinhliziyo zethu ngoMoya wakho, ukuba silizwe iZwi lakho ngenjabulo nangokulalela, sixwaye ukozela neminako edukisayo, sibambelele eqinisweni lakho, siveze izithelo ezilungileyo ngaye uMsindisi uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, Nkosi yokuvuna. Amen.

**ISonto leKwinkwagesima (iSonto leNzilo)**
Nkulunkulu, Baba osezulwini! Sibonga sibabaza uthando lwakho. Usiphile iNdodana yakho ukuba isihlawulele ngegazi layo. Siphe ukwamukela isithelo sokuhlupheka nokufa kukaJesu, sisindiswe ngokukholwa nokuzinikela kuMsindisi wethu, yena okhona njalo, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu munye weqiniso, kuze kube phakade. Amen.

**ISonto 1 leNzilo (Invocavit)**
Nkulunkulu, Mninimandla onke! Sibalekela kuwe ngokuba sikakiwe yizitha ezesabekayo. Ngokwethu singemelane nazo. Siyacela kuwe: Sivuse ngoMoya wakho, siqinise ngeZwi lakho, ukuze sinqobe ngoJesu Kristu iNkosi yethu, yona ekhona ebusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso osinqobisayo. Amen.

**ISonto 2 leNzilo (Reminiscere)**
Nkulunkulu onomusa nobubele! Thina zoni asifanele lutho okulungileyo, kepha nguwe wedwa ongasisiza. Nkosi, sithethelele, sibusise. Siphe umsa ongapheliyo ngoMsindisi wethu, uJesu Kristu, okhona, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso osindisayo. Amen.

**ISonto 3 leNzilo (Oculi)**
Nkosi, Nkulunkulu, Mninimandla! Siyabonga umsa wakho osenzele wona. Usiphile iNdodana yakho ibe iqhawe lokusivikela. Sibambelelise eZwini lakho ukuba singaphonseki ekulingweni, kepha sikhululwe emandleni kaSathane ngoJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, Nqaba yethu! Amen.

**ISonto 4 leNzilo (Laetare)**
Nkulunkulu, Baba osezulwini! Sibonga wena osidalileyo nosimisayo. Sisize ukufunisisa okombuso wakho, singahaheli okomhlaba okudlulayo. Suthisa umphefumulo wethu ngeZwi lakho, sisindiswe ngaye yena oyisinkwa sokuphila, uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu munye weqiniso osindisayo. Amen.

**ISonto lokutshelwa kukaMariya (5 leNzilo - Judica)**
Nkulunkulu, Mninimandla onke, owenza ukuba iNdodana yakho ithatshatwe ngoMoya oNgcwele, izalwe nguMariya intombi, ibe uNkulunkulu noMuntu, sisize ukuba sihlanzwe ngokuthatshathwa kwakhe okungcwele kuze kuthi ngokuhlushwa nokufa kwakhe singeniswe ebukhosini baphakade. Sizwe ngenxa yeNdodana yakho ethandekayo, uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso nowokuphila. Amen.

**ISonto leSundu (Palmarum)**
Nkulunkulu, Nkosi yaphakade, owabonakalisa ubukhosi bakho emhlabeni! Siphe sikwamukele sikukhonze ngenjabulo, sikwendlalele izinhliziyo zethu. Busa izinhliziyo zethu ngomusa wakho, usingenise ekuphileni okungapheliyo ngenxa kaJesu Kristu oyiNkosi, ebusa nawe noMoya oNgcwele manje nakuze kube phakade. Amen.

**Usuku lokumiswa kweSithebe.**
Nkosi Jesu Kristu, sibonga umsa wakho omangalisayo. Wasimisela iSidlo esingcwele, ukuba sidle umzimba wakho, siphuze igazi lakho. Siphe uMoya oNgcwele ukuba kuvuswe izinhliziyo zethu, sisondele ngokufaneleyo eSidlweni sakho silangazelele ukusamukela ngokuvama. Hawukela, Nkosi, labo abangahlangani nawe, baphenduke basindiswe ngomzimba negazi likaJesu, yena okhona, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso osindisayo. Amen.

**Usuku lokufa kukaKristu**
Nkulunkulu, Baba othandekayo! Siyakubonga ngokuba wasipha uJesu, iMvana engenacala, ukuba ihlatshwe ngenxa yezono zethu. Siyakubonga, Nkosi, Jesu Msindisi, owalahlwa ngecala lethu, wasifela esiphambanweni. Nkosi, Moya oNgcwele, sivuse, sihole njalo ekukholweni ukuba ngokufa kukaJesu sizuze ukuphila thina. Sizwe ngoJesu Kristu owasifelayo. Amen.

**Umkhosi wePhasika**
Nkulunkulu Simakade, okhona njalo, owanikela iNdodana yakho ngenxa yezono zethu, wabuya wayivusa ngenxa yokulungisiswa kwethu! Siyakubonga, siyakudumisa, ngokuba ukufa kunqotshiwe, isango lokuphila selivuliwe. Siphe ukuba sihambe ngokuphila okusha, kuthi ekugcineni singeniswe ekuphileni kwaphakade ngenxa yoMsindisi wethu, ovukileyo ekufeni, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, okhona njalonjalo. Amen.

**Usuku lwesibili lomkhosi wePhasika**
Nkosi Nkulunkulu, Baba, owabonakalisa iNdodana yakho, isinqobile ukufa, sicela ukuba ngeZwi nangoMoya wakho ukhanyise izinhliziyo zethu, uqinise ukukholwa kwethu, ukuba sifakaze ngenjabulo iqiniso lokuvuka koMsindisi; kuthi ekupheleni kwezinsuku zethu sabelwe ukuvuka nokuphila kwaphakade ngoJesu Kristu ovukileyo ekufeni, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele. Nkulunkulu weqiniso ophilayo njalonjalo. Amen.

**ISonto I emva kwePhasika (Quasimodogeniti)**
Nkulunkulu, Baba othandekayo, owabonakalisa uJesu, kuze kuthi nabaphikayo banqotshwe ngeqiniso lakho, sisize ukuba ngeVangeli siqiniseke ekukholweni, nathi sifakaze, siveze izithelo zaleloqiniso. Nqoba abaphikayo nanamhla, ukuba babone, baphenduke basindiswe ngoJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso phakade naphakade. Amen.

**ISonto 2 emva kwePhasika (Misericordias Domini)**
Nkulunkulu, Baba onobubele! Siyakubonga ngoba wakhumbula thina zimvu ezidukileyo, wasipha uMalusi olungileyo, osuthisa umphefumulo wethu, nosivikelayo kuso isono nokufa noSathane. Siphe uMoya wakho ukuba silandele uMalusi wethu, silondolozwe esibayeni sombuso wakho, Nkulunkulu, Baba neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

**ISonto 3 emva kwePhasika (Jubilate)**
Baba othandekayo osezulwini, owasithola wasenza abantwana bakho, wasilungisela ikhaya laphakade, siyacela kuwe: Sisize ngoMoya ukukhumbula njalo lelokhaya, sihambe endleleni yakho. Kuthi ngokuhlupheka nokuJeziswa okusehlelayo usiqoqele ekhaya, ngeNdodana yakho, Nkulunkulu Mthathwemunye, okhona njalonjalo. Amen.

**ISonto 4 emva kwePhasika (Cantate)**
Nkosi, Nkulunkulu osezulwini, owasethembisa uMoya weqiniso, oyakuqondisa izwe ngesono nokulunga nenqamulo, khanyisa izinhliziyo zethu, ukuba sivume izono zethu, sihambe eqinisweni. Sisize, sibambelele kulenduduzo yokuthi uKristu uyiNkosi phezu kwezinto zonke, oyakusindisa bonke abakholwayo kuye. Siphe lokho, Nkulunkulu Mthathwemunye, okhona njalonjalo. Amen.

**ISonto 5 emva kwePhasika (Rogate)**
Nkulunkulu, Baba Mninimusa! Siyakubonga, Mnini wezipho zonke ezilungileyo, ngoba wasifundisa ukukhuleka nokwethemba kuwe. Siyacela sithi: Busisa abakholwayo bakho, usikhulule kukho konke okubi, usiphe okuvumelana nentando yakho. Nasekugcineni usingenise ekujabuleni kwakho, Nkulunkulu, Baba neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

**Usuku lokwenyuka kukaKristu**
Jesu Kristu, Ndodana kaNkulunkulu! Siyakudumisa ngoba udlulile ekufeni, uhlezi esandleni sobukhosi, uyiNkosi phezu kwezinto zonke. Siyanxusa kuwe: Vusela iKerike lakho abafundisi abaqotho, umise umbuso wakho ngamandla. Chitha zonke izitha ezimelene nawe, usize ukuba iVangeli lakho linqobe abaningi ngawe, wena okhona, obusa noYihlo noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, onamandla onke. Amen.

**ISonto 6 emva kwePhasika (Exaudi)**
Nkulunkulu, Baba osezulwini! Siyakubonga ngoba uthuma ofakazi bakho emhlabeni ukufakaza ngeNkosi yethu uJesu. Siyabacelela amandla nenduduzo, bafakaze iqiniso lakho, bangacasuki ngesiphambano. Mabafunyanwe bethembeka njalo kuyo iNdodana yakho, yona ebusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso osindisayo. Amen.

**Umkhosi wePhentekoste**
Nkulunkulu, Mninimandla onke, owafundisa izinhliziyo zabakholwayo bakho ngokuthuma ukukhanya kukaMoya oNgcwele, siyanxusa kuwe: Gcwalisa izinhliziyo zethu ngoMoya weqiniso, asikhanyise, asibuse, asiduduze, ukuba siqine ekukholweni, sikukhonze ngeqiniso, sisindiswe ngoJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu munye weqiniso, osikhanyisayo. Amen.

**Usuku lwesibili lomkhosi wePhentekoste**
Nkulunkulu, Baba othandekayo, osiphile uMsindisi ukuba sikholwe kuye, siphe uMoya wakho ezinhliziyweni zethu, asikhanyise, asimise ekukholweni okusindisayo ngoJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, kuze kube phakade. Amen.

**Umkhosi wobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Somandla ongenakuphela! Sifundise ukuqonda nokuvuma ukuthi unguNkulunkulu munye, uBaba neNdodana noMoya oNgcwele. Silondoloze usiqinise ekukholweni okunjalo, ukuba singazanyazanyiswa nanini. Siphe sikudumise njalo ngenhliziyo nangezenzo. Sicela lokhu ngoJesu Kristu, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso onguMthathwemunye. Amen.

**ISonto 1 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Baba othandekayo! Qondisa izinhliziyo zethu ngoMoya wakho, sizwe silalele iZwi lakho, singakhohlwa okwaphezulu ngenxa yokomhlaba. Khuthaza thina ukuba sisize abampofu ngenjabulo, sixwaye ukuzidla nokuhulaza. Sisize sibeke ithemba lethu kuwe wedwa, ngaye uJesu Kristu, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, osibusisayo. Amen.

**ISonto 2 emva kobuThathwemunye**
Nkosi Nkulunkulu, Baba osezulwini! Siyakubonga ngokuba usimemele isidlo sokuphila okuphakade. Siyacela kuwe: Vusa izinhliziyo zethu ukuba singathiywa ngukunaka izinto zomhlaba, kodwa samukele isimemo sakho ngenxa yeNdodana yakho uJesu Kristu, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso nowothando. Amen.

**ISonto 3 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Baba othandekayo! Thina esilahlekayo, esidukiswa nguSathane nezwe nenyama yethu, siyacela kuwe: Vusa izinhliziyo zethu, ukuba sibambelele kuwe. Basize abadukileyo babuyele eBandleni lakho, bazisole bathethelelwe basindiswe, ngeNdodana yakho uJesu Kristu, yena obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso nowomusa. Amen.

**ISonto 4 emva kobuThathwemunye**
Nkosi, Nkulunkulu, Mninimusa! Siyakubonga ngoba wasethembisa ngaye uKristu ukuthi uyobathethelela abaphenduka ezonweni zabo. Sifundise nathi ukuthethelela abasonayo, siphathane ngokubusisana, singanqamuleli abakhelwane bethu. Sicela lokho ngeNdodana yakho uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu onobubele othethelelayo. Amen.

**ISonto 5 emva kobuThathwemunye**
Nkosi Jesu, Ndodana kaNkulunkulu ophilayo! Siyakubonga ngoba usiphile iZwi lakho elingcwele nezibusiso ezingabalwayo zalokhukuphila. Ngomsa wakho sithethelele ukungakholwa kwethu. Busisa uqinise abashumayela iZwi lakho, umise iKerike lakho

ezindaweni zonke, ukuba abaningi baphenduke basindiswe ngawe, wena obusa noYihlo noMoya oNgcwele, Nkulunkulu Mthathwemunye osindisayo. Amen.

**ISonto 6 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu othembekayo onesihawu! Siyakubonga ngokukhanya kweVangeli, elisifundisa intando yakho. Siyacela kuwe: Lungisa izinhliziyo zethu ngoMoya wakho, sidele okwezwe nezinkambo ezimbi, sifumane ukuthokoza ekukhonzeni wena, sigcine ngokumuka okubusisiweyo, ngoJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, kuKhanya kwaphakade! Amen.

**ISonto 7 emva kobuThathwemunye**
Nkosi, Nkulunkulu osindisayo! Siyakubonga ngoba wasuthisa abalambileyo eHlane, usasibusisa ngezipho zakho. Siyacela kuwe: Sisize sifune kuqala umbuso wakho nokulunga kwakho, anduba siphiwe okwalokhukuphila. Sisize sibonge wena kukho, sikukhonze, ngaye uJesu Kristu, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, kuPhila kwethu! Amen.

**ISonto 8 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Baba osezulwini! Siyakubonga ngokuba usiphile iZwi lakho, eliyiqiniso elipheleleyo. Siphe abafundisi nabashumayeli abaqotho, abangadukisi ngokuhamba nangokufundisa kwabo. Vikela iKerike lakho ukuba lime njalo eqinisweni lakho, ngaye uJesu Kristu, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, okhona njalonjalo. Amen.

**ISonto 9 emva kobuThathwemunye**
Nkosi, Nkulunkulu, Baba! Siyakubonga wena osiphayo isinkwa semihla ngemihla. Siyacela kuwe: Silondoloze kuso isangabe, uvuse izinhliziyo zethu ukuba siphane nabampofu. Sisize sibe ababonisi abaqotho bezipho zakho, kuthi ekugcineni sabelwe ngomusa ukuphila okuphakade, ngoJesu Kristu uMsindisi wethu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, kuPhila kwethu! Amen.

**ISonto 10 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Mninimandla onke! Siyabonga ukukhanya kweZwi lakho elingcwele nokusibiza kwakho ngoMoya ukuba simazi uJesu nensindiso asizuzele yona. Khanyisa izinhliziyo zethu ukuba sihambe ekwesabeni wena, sigcine ekusindisweni, ngenxa yeNdodana yakho uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, kuKhanya kwethu! Amen.

**ISonto 11 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Baba Mninimusa! Sibonga iZwi lakho elingumthetho neVangeli. Siqondise ngomthetho wakho ukuba singakhohlwa izono zethu, kepha sisondele kuwe nsukuzonke ngokuzisola okuyikho, siphiwe induduzo yentethelelo ngeVangeli lakho, ngaye uJesu Kristu uMsindisi wethu, obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso othethelelayo. Amen.

**ISonto 12 emva kobuThathwemunye**
Nkosi Nkulunkulu, Somandla! Siyakubonga ngokuba wasipha imizwa yonke namalungu onke omzimba. Siyacela kuwe: Vula izindlebe zethu, zilalele kahle iZwi lakho. Thukulula izilimi zethu, singakhulumi okuyize, kepha sikubonge sikudumise njalo, ngoJesu Kristu uMkhululi wethu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen.

**ISonto 13 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Baba osezulwini! Siyakubonga ngokuba usasipha nanamhla iZwi lakho elifundisayo ngobubele bakho. Sisize ukuba ukukhanya kwalo kuhlale kithi njalo. Siphe izinhliziyo ezinothando ukuba siphathane ngomusa, sibambelele kulo iZwi lakho, sisindiswe ngayo iNdodana yakho uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen.

**ISonto 14 emva kobuThathwemunye**
Nkosi, Ndodana kaNkulunkulu, siyakubonga ngoba uhawukela bonke abakhala kuwe osizini. Siyacela ukuba usikhulule nathi osizini olwesabekayo lwesono. Qinisa ithemba lethu kuwe, usisize singakhohlwa izibusiso zakho, kepha sibe ababongayo umusa wakho, wena obusa noYihlo noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen:

**ISonto 15 emva kobuThathwemunye**
Nkosi Nkulunkulu, Mninimandla! Sibonga umusa wakho ngoba usasimisile kuze kube namhla. Siyacela kuwe: Ungasamuki isibusiso sakho, noma singasifanele. Sivikele kuso isangabe nasekukhonzeni uMamona. Sisize sikhonze sethembe wena wedwa, sibe nenhliziyo yokuphana. Usiphe ekugcineni ukuphila okuphakade, ngoJesu Kristu uMsindisi wethu, obusa nawe noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen.

**ISonto 16 emva kobuThathwemunye**
Nkosi Jesu, Ndodana kaSomandla! Siyakubonga ngoba ungukuvuka nokuphila okungapheliyo, uyahawukela abalahliweyo, ududuza abafelwayo. Sisize ngoMoya wakho ukuzinikela ezandleni zakho, ukuba ekufeni kwethu singeniswe ekuphileni okungapheliyo, wena okhona obusa noYihlo noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen.

**ISonto 17 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Mninimandla onke! Sibonga umsa wakho ngokuba usivikela kukho konke okubi. Sivuse ukuba simkhumbule uJesu, uMkhululi wethu, silugcine usuku lokuphumula ngokulalela iZwi lakho, sikhonze wena ngenhliziyo yonke, ngaye uJesu Kristu, obusa nawe noMoya oNgcwele manje naphakade. Amen.

**ISonto 18 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Baba othandekayo! Siyakubonga ngoba usikhumbulile ekulahlekeni kwethu, wasithumela iNdodana yakho ibe inkokhelo yamacala ethu. Siyacela kuwe: Sifundise ukugcina umthetho wakho ngokukholwa nangokukuthanda ngenhliziyo yonke, wena okhona obusa neNdodana noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen.

**ISonto 19 emva kobuThathwemunye**
Nkosi, Nkulunkulu Mninimusa! Siyakubonga ngoba usiphile uMthetheleli onamandla okusikhulula kukho konke okusibophayo. Siyacela kuwe: Siqondise ngoMoya wakho ukuba sihambe ngokwethemba nokudumisa yena, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, Mkhululi wethu! Amen.

**ISonto 20 emva kobuThathwemunye**
Nkosi, Baba osezulwini! Siyakubonga ngokuba usimemile nathi emthimbeni weNdodana yakho. Sisize, Nkosi, singadeleli umsa wakho ongaka, kodwa samukele ukumenywa ngokubonga ngempela, sembathiswe ingubo yomthimba engukulunga

koMsindisi uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele ebukhosini obungapheliyo. Amen.

**ISonto 21 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Mninimandla onke! Siyakubonga ngoba wasithembisa ngeNdodana yakho ethandekayo ukuthethelelwa kwezono nokulunga nokuphila okuphakade. Siyacela kuwe: Siqinise ngoMoya wakho oNgcwele, ukuba silethembe iZwi lakho elinamandla, sime kulo, size sibone inkazimulo yakho, ngoJesu Kristu, obusa nawe noMoya oNgcwele ebukhosini baphakade. Amen.

**ISonto 22 emva kobuThathwemunye**
Nkosi, Nkulunkulu waphakade! Siyabonga umusa wakho obabazekayo, ngokuba usiyekela amacala ethu, uma sizikhalela kuwe. Sisize, Nkosi, sibathethelele abanamacala kithi, ukuba sifuze uJesu Kristu, ohawukelayo, yena obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, Mninimusa! Amen.

**ISonto 23 emva kobuThathwemunye**
Nkulunkulu, Nkosi yaphakade! Siyakubonga ngokuba ubekile amakhosi asiphetheyo. Sisize sikhonze wena phezu kwezinto zonke, siwalalele amakhosi ethu ngokufaneleyo. Siphe ababusi abazithobayo nabalalela wena, bafunisise okombuso wakho. Sicela lokhu ngeNdodana yakho uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso, Nkosi yamakhosi! Amen.

**ISonto 24 emva kobuThathwemunye**
Nkosi Jesu Kristu, Mthombo wokuphila! Siyakubonga ngoba waphendula ukufa kube njengokulala ubuthongo. Siyacela kuwe: Qinisa ithemba lethu sibambelele kuwe, size sivuswe nguwe ngosuku lwakho, wena okhona obusa noYihlo noMoya oNgcwele ebukhosini obungapheliyo. Amen.

**ISonto 25 emva kobuThatbwemunye**
Nkulunkulu, Nkosi yamabandla! Siyakubonga ngoba uyalakha iBandla lakho ezizweni zonke. Siyacela kuwe: Silondoloze kulezizikhathi zokugcina, ukuba singapheli amandla, singadukiswa muntu, kodwa sinamathele kuwe. Hlala nathi njalo usisindise ngoJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele ebukhosini obuphakade. Amen.

**ISonto 26 emva kobuThathwemunye**
Nkosi Nkulunkulu, Somandla, owamisa usuku olukhulu lwenqamulo, oyakwahlulela ngalo umhlaba wonke ngeNdodana yakho, siyanxusa kuwe: Yiba nomsa kithi! Sisize silindele ukubuya kwayo ngokukholwa okuqinisileyo ukuba singalahlwa kepha samukelwe embusweni wezulu, ngaye uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele phakade naphakade. Amen.

**ISonto 27 emva kobuThathwemunye**
Nkosi, Nkulunkulu osezulwini! Busa izinhliziyo zethu nemicabango yethu ngoMoya wakho oNgcwele, ukuba sikhumbule ukufa nokwahlulelwa. Sisize sihambe ngendlela yokulunga kulesisikhathi, singene ekujabuleni okungapheliyo, ngeNkosi yethu uJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele phakade naphakade. Amen.

**Usuku lobhaqa**
Nkulunkulu, Baba osezulwini! Siyakubonga ngoba ubonakalisa insindiso yakho ezizweni. Khanyisa izinhliziyo zethu, siyiqonde iNdodana yakho, singawi ngayo

njengabayiphikayo, kodwa sivuke sinamathele kuyo ekuhlushweni konke, yona ebusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu munye wokusindiswa kwethu. Amen.

**Usuku lokubonga**
Nkulunkulu, Baba Mninimandla! Siyakudumisa ngezinhliziyo ezibongayo, ngokuba usiphathile ngomusa, wasibusisa ngokomzimba nokomphefumulo. Sisize sikubonge ngokuyikho, sibe ababonisi abaqotho balokho osipha khona, siqhube umbuso wakho. Qinisa ukukholwa kwethu, sikwethembe njalo, wena okhona obusa neNdodana noMoya oNgcwele, Nkulunkulu womusa ongapheliyo. Amen.

**Usuku lobuthunywa (Isonto lEphifaniya)**

**Usuku lokuzikhalela**
Nkulunkulu onomusa, Baba osezulwini! Awuthokozi ngokufa komubi kepha ngokubuya komubi endleleni yakhe ukuha aphile. Siyakuncenga ngenhliziyo: Ungasishayi ngenxa yezono zethu, kodwa usiphathe ngomusa noma singawufanele. Usenze sibe isizwe esikwesabayo. Siyanxusa ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi yethu. Amen.

**Usuku lukaMikayeli**
Nkulunkulu onamandla onke, siyakubonga ngoba wamisa izingelosi ezingcwele ukuba ziphahle abantwana bakho emhlabeni. Siyakunxusa ukuba usiphe umoya wobuntwana bakho emhlabeni. Siyakunxusa ukuba usiphe umoya wobuntwana ukuba sethembe wena njalonjalo, uyaleze izingelosi zakho ukuba zisilinde ezindleleni zethu zonke, zigcine zisingenise ezulwini ebukhosini bakho obungapheliyo, ngenxa kaJesu Kristu uMsindisi wethu. Amen.

**Usuku lokucandulwa kweBandla**
Nkulunkulu, Nkosi yamabandla! Siyakubonga sibabaza uthando lwakho ngoba wasipha iVangeli ngoJesu Kristu oyindlela neqiniso nokuphila. Siyabonga ngoba usasilondolozela iqiniso lakho, umisa izinceku eziqotho ezilwela iZwi lakho ukuba singadukiswa ngabaprofethi bamanga. Siphe isibindi sokuma eqinisweni njalo, uvikele iBandla lakho elisempini, uliphe ukunqoba zonke izitha, lingene enkazimulweni, ngoJesu Kristu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu weqiniso waphakade naphakade. Amen.

**Usuku lwabangcwele bonke**
Nkulunkulu, Mninimandla onke! Siyakubonga ngokuba uhlambulukisa ngeNdodana yakho bonke abakhethiweyo bakho. Sisize silingise ukukholwa kwabo, ukuba nathi sisindiswe, sihlangane nabo eParadisi, ngayo iNdodana yakho, uMsindisi wethu, ohlezi ebusa nawe noMoya oNgcwele enkaamulweni engenakuphela. Amen.

# IMIKHULEKO

## IMIKHULEKO EMIKHULU NGAMASONTO ONKE

*Lemikhuleko iphathwe emva kwesihlabelelo esilandela intshumayelo. Umfundisi aguqe ealtare, nalo ibandla liguqe phansi.*

**1. Uma kukhona inkonzo yesidlo seNkosi:**

Nkulunkulu, Mninimandla-onke ophakade, Baba onobubele, siyakubonga ngenhliziyo ngomusa wonke osenzele wona kuze kube-namhla. Usilondolozile ekuphileni kwalomhlaba, usibizile ngevangeli lakho elisindisayo, lokhu phela silizwile nanamhla izwi lakho ngokuthula. Siza ukuba izwi lakho libe-namandla kithi, sibe-ngabantu abasha, sikukhonze ngobungcwele nangokulunga. Londoloza phakathi kwethu izwi lakho namasakramente akho, usize ukuba lezozipho ezisindisayo zifike nakubo abezizwe, ukuze umhlaba wonke ugcwaliswe ngodumo lwakho, bonke badumise igama lakho.

Busisa ibandla lethu namabandla onke amaLuthere angapheshеya kolwandle nanganeno nasezindaweni zonke zomhlaba, uwanike umusa namandla akho, ukuba ahlale eqinisweni lakho, abambe lokho anakho. Qinisa abafundisi nezinceku zakho zonke, ukuba bahole ibandla lakho ngokuthembeka, kwande umbuso wakho emhlabeni wonke. Busisa nesikhole sethu sabafundisi eNhlanhleni, ukuba bonke abafundi abakhona bafunde ngokukhuthala, baze babe-ngabelusi abaqotho bomhlambi wakho.

Sinike amakhosi akwesabayo wena, abusa ngokuhlakanipha, asiza ukwakha umbuso wakho emhlabeni. Busisa yonke imisebenzi elungileyo. Sinike izulu elihle, ukuba izithelo zivume emasimini ethu, uzivikele kuso isichotho nezingozi zonke.

Ezandleni zakho siyanikela abantwana bebandla lakithi, kakhulu labo abayakuqiniswa. Qondisa izinhliziyo zabo eqinisweni lakho, ubasekele esifundisweni esisindisayo, ubalondoloze kuzo izono namanyala onke. Nezinsizwa nezintombi siyazinikela kuwe, siza ukuba bondliwe, bakhule ekukwesabeni nasekuthandeni wena, balwe noSathane nezwe nenyama yabo.

Baba osezulwini, duduza abafelokazi nabo bonke abagulayo nabahluphekileyo, ukuba bafune usizo kuwe wedwa, babeke ithemba labo ezwini lakho elithembisa ukuthi uzakusiza bonke abacela kuwe ngenhliziyo. Siza nabasekufeni, ubanike ukumuka okubusisiweyo.

Labo abazakusondela namhla esithebeni sakho bagcwalise ngoMoya oNgcwele, bamukele ngokufanele isakramente lomzimba negazi likaKristu, baqiniswe ngakho ekukholweni kwabo.

Nkosi, Baba onomusa, noma sifanele ulaka lwakho ngenxa yezono zethu, siyakunxusa nokho: Sibheke ngomusa, usilondoloze exingoxini zonke, usivikele kukho konke okudabukisayo inhliziyo. Sisize sonke, sihlale singabantwana bakho abakulalelayo. Qinisa ukukholwa kwethu eNdodaneni yakho uMsindisi wethu uJesu Kristu, ukuze kuthi uma kufika isikhathi sethu sokufa, sifele emuseni wakho, siphumule elibeni phansi kwesivikelo sakho, size sivuke ngamandla akho, sidle ifa lokuphila okuphakade ebukhosini bakho.

Yenza konke lokhu, Baba osezulwini, usivumele ngayo iNdodana yakho ethandekayo uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

**2. Uma kungekho inkonzo yesidlo seNkosi:**

Nkulunkulu, Somandla okhona njalonjalo, Yise weNkosi yethu uJesu Kristu, wena Nkosi yezulu nomhlaba, siyacela kuwe ngenhliziyo yonke, silondolozele njalo izwi lakho elingcwele, uthume njalo izisebenzi ezilungileyo emsebenzini wakho, ukuba

bashumayele izwi lakho ngokuqonda nangeqiniso, futhi bahambe ngokulunga phambi kwebandla lakho.
Ake uvimbe ngomusa wakho bonke abaphathayo intshumayelo yamanga, bangadukisi ibandla lethu. Busisa isikhole sethu sabafundisi eNhlanhleni. Khanyisa abafundisayo nabafundiswayo, ukuba bagcwaliswe ngamandla akho, baze babe-ngabelusi abathembekileyo, baphathe kahle isikhundla sobufundisi, bahoke ibandla lakho elasindiswa ngegazi lakho. Ukuvuna kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana; ake uthume izisebenzi, ziye ekuvuneni kwakho.
Busisa ukufundiswa kwabantwana bethu, bafundiselwe umbuso wakho. Kakhulu, Nkosi, sicelela abantwana bomqiniso. Bagcwalise ngoMoya wakho, bafunde kahle iqiniso leKhathekisemu, bathole amandla okuvikela amanga nenkohliso kaSathane nezwe nenyama yabo.
Siza futhi zonke izihlobo zethu ezihlushwa ngenxa yokukholwa, ziqinise ekukholweni okuqinisileyo, zikukhonze kube-sekufeni.
Qhuba futhi izwi lakho emazweni onke, ukuba ukhule umbuso wakho, uchitheke umbuso kaSathane, kubuye wena, Nkosi, ukwahlulela abasahambayo nabafileyo.
Namakhosi ethu siyawacelela, ukuba uwanike umusa wakho, ukuba alalele izwi lakho, abuse ngokulunga, akhumbule njalo ukuthi ayizinceku zakho, azakulanda ukwahlulela kuwe.
Busisa ukusebenza kwezandla zethu, ukuba sithole umvuzo womsebenzi wethu, sidle ukudla kwethu kwemihla ngemihla.
Siyabacelela bonke abakhatheleyo nabasindwayo, izintandane nabafelokazi, bonke abagulayo nabahluphekayo, basize bonke ezinhluphekweni zabo.
Siyazicelela nathi sonke ebandleni lethu nasezweni lethu, yiba nomusa, uvimbe ukulwa, izifo, indlala, ukumuka okwesabekayo, umlilo, amanzi amakhulu, isichotho nezulu elidumayo ngamandla, kodwa busisa izilimo zethu, ukuba sihlale kahle ezweni ngokuthula.
Sesiyagcina ngamazwi akho esiwafundiswe nguwe ukuthi: Baba wethu...

Noma:

Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, wena owasiyala ukuba sikhuleke kuwe, owasithembisa ukuthi uyakusivumela, siyacela kuwe sithi: Londolozela ibandla lakho abafundisi nabavangeli abaqotho, abashumayela iqiniso lakho eliyilo. Thuma izisebenzi ekuvunenei kwakho, ukuba ivangeli loMsindisi uJesu Kristu libikelwe kubo bonke abantu. Busisa njalo ibandla lakho, ulibuthe, uliqinise ngezwi nangamasakramente akho. Sihlambulukise, usihole ngoMoya wakho, ukuba ukukholwa kwethu kwande, uthando lwethu lukhule, sihambe phambi kwakho naphambi kwabantu bonke njengamakristu ayiwo. Vimba zonke izitha zethu nezebandla lakho nabo bonke abadukisayo abantu ngezifundiso zabo, bangabi-namandla kithi.
Siyacelela izwe lakithi namakhosi alo nezinduna nabo bonke ababusayo. Bahole ngoMoya wakho ekubuseni kwabo, uvimbe impi nokulwa nesiyaluyalu, ukuba sihlake kahle ezweni ngokuthula.
Busisa isimiso esingcwele sokuganana, uhlahlamelise amakhaya ethu, kondliwe kuwo abantwana abalalelayo. Qinisa abasha, badede kukho konke okubi, benze intando yakho, bafunde ukwazi wena.
Siyabacelela bonke abasekhulhuphekeni. Qinisa abalingwayo. Duduza abagulayo nabasekufeni. Yondla uvikele bonke abafelokazi nezintandane. Siza bonke abaswela usizo lwakho.
Hlala nakithina, Baba onomusa, ngezipho zakho zonke. Siphe okuswelekayo emzimbeni nasemphefumulweni wethu. Silondoloze emuseni wakho, usisize ukuba sibambelele kuwe nasezwini lakho ngazo zonke izikhathi zokuhamba kwethu, sibe-ngabantwana bakho isibili. Nasekugcineni, Nkosi, uma sekufikile umzuzu wokumuka

kwethu emhlabeni, yiba-nomusa kithi, usisize ukuba singene entokozweni engapheliyo.
Konke okunye esithanda ukukucela kuwe siyakuhlanganisa emkhulekweni esiwufundisiwe yiNdodana yakho uJesu Kristu, sithi: Baba wethu...

## IMIKHULEKO YEMIKHOSI

*Lemikhuleko iphathwe ngemikhosi endaweni yomkhuleko omkhulu wesonto emva kwesihlabelo esilandela intshumayelo. Umfundisi aguqe ealtare, nalo ibandla liguqe phansi.*

### Advente

Nkosi Jesu Kristu, Ndodana yoPhezukonke, siyakubonga, siyakudumisa, ngoba uzile emhlabeni ukusindisa thina-bantu abalahlekileyo, abahlezi ebumnyameni. Siyakubonga ngoba usiphile futhi lesisikhathi esingcwele seAdvente. Isikhathi somusa sisekhona, ngoba usafika nanamhla ebandleni lakho ngezwi lakho nangamasakramente akho angcwele. Yebo, Nkosi Jesu, woza kithi. Woza ngothando lwakho, woza ngomusa wakho, woza ngezipho zakho zonke, usibusise. Woza, ungene ezinhliziyweni zethu, yiba-ngowethu, thina sibengabakho. Siphe uMoya oNgcwele, ukuba sikwamukele ngokuthokoza, uhlale kithi njalo. Bonakalisa ubukhosi bakho nakubo abahlezi ebumnyameni. Ushumayeza abampofu ivangeli lakho, ududuza abadabukileyo, ukhulula ababoshiweyo ngezono, uvula amehlo abayizimpumputhe. Siqinise nathi, ukuba sifakaze ngokukhuthala igama lakho elingcwele phambi kwabantu bonke, bakwazi wena, Msindisi wabo bonke abakholwa nguwe. Sisize sikukhonze ngobuqotho, sihlale silindele njalo ukufika kwakho kokugcina, mhla uzobuya ebukhosini bakho bonke, size singene kanye nawe ekuthokozeni okungapheliyo, sikubonge, sikudumise, sithi: Makabongwe ozayo egameni leNkosi, Hosiyana kweliphezulu.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqubeka ekhasini...)

### Umkhosi wokuzalwa

Nkosi, Nkulunkulu, Baba othandekayo osezulwini, siyakubonga, siyakudumisa ngenhliziyo, ngoba usithumele iNdodana yakho uJesu Kristu, ithabathe inyama yethu, ibe-ngumfowethu noMsindisi noMhlawuleli wethu. Wena Jesu Kristu, ushiyile ubukhosi bakho, waba-ngompofu nenxa yethu, ukuba usicebise ngobumpofu bakho. Siyini thina-bantu bancane, ukuba usenzele umusa ongaka. Ak' usisize ukuba siphume ezonweni, singene ekulungeni, siphume ebumnyameni, sinene ekukhanyeni, siphume ekufeni, singene ekuphileni. Ufikile emhlabeni ukufuna izoni nabahluphekileyo nabasebumnyameni. Yebo, wena ongukukhanya okuvela ezulwini, sikhanyise ebumnyameni balomhlaba. Wena kuphila kwaphakade, siphe ukuphila. Wena Nkosi yokuthula, sipe ukuthula kwakho. Woza, Msindisi wethu, uzalwe nasezinhliziyweni zethu, sibambelele kuwe, sithokozele ukufika kwakho, usilondoloze embusweni wakho, size sikukhonze, sikudumise ebukhosini bakho njalo, sihlabelele kanye nezingelosi zonke ihubo lokubonga, sithi: Udumo malube kuNkulunkulu kweliphezulu.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

### Usuku lonyaka omusha

Nkulunkulu onamandla onke ophakade, wena uyisiphephelo sethu ezizukulwaneni ngezizukulwane. Siyakubonga ngenhliziyo, ngoba usilondolozile emnyakeni odlule ezingozini zonke ezilimazayo umzimba nomphefumulo. Wasipha zonke izipho zomzimba nezomoya. Malibongwe igama lakho. Baba onomusa, sithethelele zonke izono esizenzile emanyakeni omdala, usiphe izinhliziyo ezintsha. Sivuse ngoMoya wakho, ukuba sikhumule umuntu omdala, sambathe umuntu omusha, sikulalele, sikuthande wena. Sifundise ukufuna kuqala umbuso wakho nokulunga kwakho,

sihlale singabantwana bakho kulonyaka omusha. Sisekele ekukholweni nasothandweni, ukuba senze konke egameni loMsindisi wethu uJesu Kristu, sibeke ithemba lethu lonke kuye, ngoba alikho elinye igama elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo. Hlala nathi, Baba othandekayo, nakulonyaka omusha, usibusise thina nomsebenzi wethu wonke, usiphe uMoya wakho, abe- nguMholi noMvikeli wethu. Sihahlamelise kanye nabo bonke abakholwayo nabakhulekayo egameni lakho. Sikhumbuze njalo ukuthi iminyaka iyadlula, nathi sidlula nayo, ukuba sihlale ngokuzilungiselela, ukuze kuthi uma sekuphelile izinsuku zethu emhlabeni singene ekuphileni okungapheliyo.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**IPhifaniya**

Nkulunkulu onamandla, Yise wokukhanya, siyakubonga, siyakudumisa, ngoba uthumile iNdodana yakho uJesu Kristu emhlabeni, ibe-nguMsindisi wabantu bonke. Siyakubonga ngoba usibizile nathi ngevangeli lakho, ukuba siphume ebumnyameni, singene ekukhanyeni kwakho. Siyacela kuwe: Sikhanyise ngokukhanya kwezwi lakho, sihambe njalo ekukhanynei kwakho ngokuhamba okumhlophe. Vusa izinhliziyo zabaningi, ziphume ebumnyameni, ziphendukele kuwe. Sivuse nathi, sisebenzele umbuso wakho, silekelele ngamandla ethu onke, ukuba ivangeli lakho laziwe ngabantu bonke, izwe lonke likhanyiswe ngeqiniso lakho. Busisa abafundisi abamhlophe nabansundu nabavangeli nabo bonke abasebenzela umbuso wakho, ubaqinise ukuba bangapheli amandla, kodwa balwele umbuso wakho, babe-yizikhonzi zakho ezithembekileyo. Busisa nesikole sabafundisi eNhlanhleni, ukhanyise abafundisayo nabafundiswayo, ukuba basekelwe eqinisweni lakho, baze babe- yizikhonzi eziqotho, bahole ibandla lakho endleleni yokusindiswa. Vusa izinhliziyo eziningi emabandleni ethu, ukuba bavele abavuma ukuthunywa emsebenzini wakho, ngoba izisebenzi ziyingcosana. Thuma izisebenzi, ziye esivinini sakho. Yebo Nkosi, umbuso wakho mawufike kithina sonke nakubo bonke abangakwaziyo, ukuba umhlaba wonke ugcwaliswe udumo lwakho, negama lakho laziwe ngabantu bonke.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Isikhathi senzilo**

Nkosi Jesu Kristu, Msindisi noMhlawuleli wethu, siyakubonga ngothando lwakho, ngoba uzile emhlabeni, ukuba usihluphekele usifele, usikhulule ezonweni nasekufeni nasemandleni kaSathane. Wahlushwa, wabulawa endaweni yethu, thina esifanele ukulahlwa nokubulawa ngenxa yezono zethu. Nkosi Jesu, siyakubonga ngothando lolu olungaka owasithanda ngalo. Siphe ukuqonda nokwazisa lowomusa, sibambelele kuwena, Msindisi wethu, ngokukholwa okuyikho, sikubonge, sikukhonze njalo. Vusa izinhliziyo zethu, ukuba kulesisikhathi esingcwele sikuphelekezele endleleni yakho yokuhlupheka, sibone ubukhulu nobuningi bezono zethu ezibekiwe phezu kwakho. Msindisi othandekayo, wena waqeda konke ngenxa yethu. Walahlwa ukuba thina singalahlwa. Wafa ukuba thina siphile. Waba-ngoqalekisiweyo ukuba thina singene ebukhosini. Sizokubonga kanjani ngaloluthando olukhulu? Sihawukele thina-zoni. Sisize, sikulandele wena emikhondweni yakho, sihambe ngendlela yokukholwa. Siduduze ezinhluphekweni ngoMoya wakho, sikhumbule njalo ukuhlupheka kwakho okukhulu ngenxa yethu, sifune usizo lwethu kuwe, sihlale kuwe kuze kube-sekufeni kwethu, ukuba sihlale kuwe nasebukhosini bakho obungapheliyo.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Usuku lokumiswa kwesidlo seNkosi**
Siyakubonga, Nkosi Jesu Kristu, Msindisi wethu, ngokuba usimisele isakramente elingcwele, ukuba usidlise usiphuzise thina-bantu abalahlekileyo ngomzimba nangegazi lakho. Isidlo sakho siyinhlawulo yezono zethu. Yebo, usipha ngaso zonke izipho zakho, uyazihlanganisa nathi, sibe-ngamalunga emzimbeni wakho. Siyakubonga ngalowomusa osenzela wona njalo, uma sisondela esithebeni sakho. Nkosi Jesu Kristu, siphe ukulambela nokwomela isidlo sakho, sikhuthalele insindiso yethu, samukele ngothando. Vusa izinhliziyo zethu, ukuba silangazele wena nenhlangano yakho, sifune njalo umbuso wakho nokulunga kwakho. Siza, Nkosi, ngamandla kaMoya wakho, ukuba sizihlolisise kahle, uma sifuna ukusondela esithebeni sakho esingcwele, samukele ngokufaneleo, sithole konke osithembisile khona, ukuthethelelwa kwezono ukuphila nobukhosi obungapheliyo. Izipho zakho ezingcwele mazisebenze phakathi kwethu, ukuba sihambe ngobungcwele, sikukhonze ngokujabula, senze konke okuthandeka kuwe. Silondoloze emuseni wakho kuze kube- sekufeni kwethu.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Usuku lokufa kukaKristu**
Nkosi Jesu Kristu, Mvana kaNkulunkulu eyathwala izono zezwe, singabonga kanjani uthando lwakho okukhulu owasithanda ngalo kuze kube-sekufeni kwakho esiphambanweni. Kukhulu ukuhlupheka kwakho, kunzima ukufa kwakho. Wajuluka izithukuthuku ngovalo olukhulu lokufa, wazinikela ngenxa yethu ezandleni zezoni, wamangalelwa ngamanga, walinyazwa ngenxa yezono zethu, wahlushelwa ububi bethu, washaywa, wadunyazwa, waze walahlwa, wabulawa ngokubethelwa onqamlezweni ezandleni zakho nasezinyaweni zakho. Ngamanxeba akho siyasindiswa thina, nangemivimbo yakho siphilisiwe. Wena wabangoqalekisiweyo, ukuba uhlawule amacala ethu, sisindiswe. Nkosi Jesu Kristu, siyakubonga, siyakudumisa ngalokhu konke owasenzela khona. Siza, Msindisi othandekayo, ukuba amandla okufa kwakho asebenze nakithina. Sihlanze ezonweni zethu ngegazi lakho, usikhulule emacaleni nasekufeni kwaphakade. Siphe uMoya wakho, ukuba sifele izono, siphilele wena, silandele isiboniso sakho nasezinsukwini ezinzima, sithwale umthwalo wethu ngokubekezela. Qinisa ukukholwa nothando lwethu, sizinikele kuwe, sikukhonze wena wedwa. Kristu, Mvana kaNkulunkulu, ozithwele izono zezwe, sihawukele thina-zoni.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Umkhosi wokuvuka kukaKristu**
Nkosi ethandekayo Jesu Kristu, Nkulunkulu onamandla onke, siyakubonga ngalolusuku okukhulu, ngoba udabulile izintambo zokufa, uvukile elibeni lakho, waphelelisa ngalokhu umsebenzi wokusisindisa. Ngokuvuka kwakho usikhiphile emandleni nasembusweni wokufa, usisindisile ekuboshweni kwaphakade, ukuba singabanjwa yiliba, kodwa sivukele ukuphila okuphakade. Yebo, siyamemeza namhla ngokuthokoza, sithi: Makabongwe, kadunyiswe uNkulunkulu, osinikile ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu. Nkosi, siyacela kuwe: Sivuse ngamandla kaMoya wakho, ukuba sibulale izono nezinkanuko zonke ezimbi, sivuke, sihambe ngokuhamba okusha. Vusa bonke abafileyo ezonweni nabahamba izindlela ezidukisayo nezigcina ekufeni. Baphilise ngezwi lakho elinamandla, baphendukele kuwe, bavuke ekufeni kwezono. Duduza bonke abahluphekileyo nabagulayo nabasekufeni, babeke ithemba labo kuwe lokuthi wena unqobile ukufa nakho konke okubi, usivulele indlela yokusindiswa kwaphakade. Siphe nathi sonke ukwethemba wena ukuthi njengalokhu wena wavuka kwabafileyo, nayo imizimba yethu iyovuswa,

ifane nomzimba wakho wenkazimulo. Uma kufika usuku lwakho okukhulu, uvule amaliba ethu, sikuhlangaveze ngentokozo, sikudumise phakade embusweni wakho.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Usuku lokwenykela kukaKristu**
Nkosi Jesu Kristu, Nkulunkulu ophakade, wena usuhlezi esihlalweni sakho sobukhosi, usufezile umsebenzi wakho emhlabeni wokusindisa abantu. Siyakudumisa namhla kanye nebandla lonke lezingelosi, ngoba usenzele konke kahle, usivulele indlela eya ezulwini. Msindisi othandekayo, usithembisile ukuthi awuyikusishiya sodwa, kodwa uzohlala nathi kuze kube-sekupheleni kwezwe. Yebo, hlala nathi ngezwi lakho nangamasakramente akho, ubuse phezu kwethu ngomusa wakho, usibusise. Siphe uMoya wakho, ukuba nathi sikulangazele, sibheke kuwe, ukuze inhliziyo yethu ibe lapho, lapha kukona igugu lethu. Donsa izinhliziyo zethu ngakuwe, usize ukuba singanamatheli ezweni nezinto zalo, kodwa usikhumbuze njalo ukuthi ikithi lisezulwini, lapho ukhona wena, Msindisi wethu. Ake usikhumbule thina esiyizihambi kulomhlaba, ube-nguMmeli wethu kuYihlo, usicelele kuye, ukuba singalahlwa, kodwa sithole umusa wakhe. Nkosi yamakhosi, busisa ukushunyayelwa kwevangeli lakho emazweni onke. Siza bonke abafundisi nabavangeli, ukuba bafundise iqiniso lakho eliyilo, nomsebenzi wabo ube-nezithelo. Chitha umbuso kaSathane namandla akhe, ukuba zonke izizwe zikwazi wena, amadolo onke aguqe, nezilimi zonke zivume ngokuthi wena uyiNkosi. Kuthi ekugcineni mawubuye, ubaqoqe bonke abakho ezizweni zonke zomhlaba, ubangenise ebukhosini bakho.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Umkhosi wokuthululwa kukaMoya**
Nkulunkulu, Baba othandekayo osezulwini, siyakudumisa ngalomkhoi wokuthokoza, ngkuba wasipha uMthokozisi wethu, uMoya wakho. Wena Moya oNgcwele, onguNkulunkulu isibili kanye noYise neNdodana, siyakubonga ngoba ugcwalisa izinhliziyo zamkholwa akho, ulimisa ulihola ibandla lakho. Usikhanyisile ngezwi lakho, waipha ukumazi uJesu, uMsindisi wethu, waphemba ukukholwa ezinhliziyweni zethu. UnguMoya weqiniso, okhanyisayo ohlambulukisayo ngezwi nangamasakramente. Moya oNgcwle, woza ungene kithi, usibuse, usihole, usiqinise ekukholweni. Fudumalisa izinhliziyo zethu eziqandayo, ukuba kuqine ukukholwa kwethu nothando lwethu nethemba lethu. Sihambise eqinisweni lakho, usinike izikhali zokomoya, ukuba silwe ngesibindi, sinqobe izono zonke nezinkanuko ezimbi ngamandla akho. Vusa izinhlizyo zethu, ukuba sikhuleke kuBaba osezulwini ngazo zonke izikhathi, simcele ezinhluphekweni zonke njengabantwana abathandekayo, sinamathele kuye ngomoya wobuntwana. Wena Moya wokukhanya, khanyisa nalabo abasahlezi ebumnyameni, ukuba bamazi bamamukele uMsindisi uJesu Kristu, bakholwe nguye. Siduduze usimele nasesikhathini sokugcina, usikhulekele njalo, ukuze simuke ngokuthokoza kulomhlaba, samukelwe embusweni wokukhanya okuphakade.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Umkhosi woButhathubunye**
Nkulunkulu oMthathumunye, Yise neNdodana noMoya oNgcwele, siyakubonga siyakudumisa ngakho konke osenzele khona emzimbeni nasemoyeni. Siyakubonga, Baba, ngokuba usidalike, usasilondooza ekuphileni kwalomhlaba, usipha izipho eziningi. Kakhulu siyakubonga, ngoba usiphile iNdodana yakho ezelwe iyodwa, uyinikele thina sonke, ibe-nguMsindisi wezwe. Siyakubonga, Ndodana Jesu Kristu, ngokuba washiya ubukhosi bakho, wazinikela ekufeni kwesiphambano, ukuba uhlawule izono zethu, usivulele indlela eya ekuphileni okuphakdade. Siyakubonga, Moya oNgcwele, ngokuba asenza ngabantwana bakaNkulunkulu, uyasikhanyisa,

uyasihlambulukisa ngezwi nangamasakramente, uyasiqinisa ekukholweni. Nkulunkulu oMthathumunye, siyakutusa, siyakubabaza ngalezozenzo zonke zomusa. Siyacela kuwe: Yandisa umusa wakho phezu kwethu. Hlala ezinhliziyweni zethu, ukhiphe kuzo konke okungalungile nokungcolileyo, kubuse wena wedwa. Siphe ukunqoba uSathane nezwe nenyama yethu, usinike amandla nezikhali zakho zokulwa nezitha zonke. Siza ukuba sihambe phambi kwakho njengabantwana bakho, siphilele wena, sifele wena, size sigcine ngokubona ubukhosi bakho embusweni waphakade.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Usuku lokucandulwa kwebandla**
Nkulunkulu ophakade, Baba onomusa, siyakubonga ngokuba umisile ibandla lakho phezu kwedwala leqiniso eliyivangeli lakho. Wabuyisela kokhokho bethu lokhu-kukhanya kweqiniso, wafakaza ivangeli lakho ngomlomo wezinceku zakho kuze kube-namhla. Phakathi kwezifundiso eziningi zamanga usivusele lokhu-kukhanya kwezwi lakho elisifundisa ngoJesu Kristu, uMsindisi wethu, owasihlenga ngokufa kwakhe onqamlezweni nangegazi lakhe elingcwele elinenana elikhulu. Siyakubonga, Nkosi, ngaoba ivangeli lakho elisindisayo lisekhona phakathi kwethu, namasakramente akho angcwele asaphathwa ngokuyikho. Siyacela kuwe: Silondolozele lelivangeli lakho, usivikele ukuba sibambe lokho esinakho, sibambelele eqinisweni lakho. Yandisa umbuso wakho emhlabeni wonke, ukuba ivangeli lishunyayelwe ezindaweni zonke, bonke abantu bamazi uMsindisi wabo. Kakhulu busisa isikhole sethu eNhlanhleni, usize abafundisayo nabafundayo, basekelwe eqinisweni lakho, baze babe-namandla okuhola ibandla lakho, babe-yisibusiso emsebenzini omkhulu obabizele kuwo. Bavikele ezingozini zonke zomzimba nezomphefumulo nasekulingweni konke. Vusa izinhliziyo zabaningi, ukuba bathande ukukukhonza wena embusweni wakho, bafunde esikoleni sethu. Thuma wena izisebenzi emsebenzini wakho, ngoba ziyingcosana. Vusa nezinhliziyo zethu sonke, ukuba sisekele sithwale lomsebenzi wesikole sethu ngamandla ethu onke, sisize nemikhuleko yethu nangeminikelo yethu, ukuba ivangeli lakho elisindisayo lishunyayelwe, laziwe ngabantu bonke, baphenduke abangakholiwe, nabahamba indlela edukisayo babone indlela eyiyo. Siphe ukuba nathi sisize kulomsebenzi ngamandla ethu onke esiwaphiwe nguwe.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Umkhosi womhlangano**
Nkulunkulu, Somandla, Baba osezulwini, siyakubonga ngoba usibizile nathi embusweni wakho womusa, ebandleni lakho, wasazisa uMsindisi wethu uJesu Kristu. Siyakubonga ngoba wasipha iNdodana yakho, ukuba bonke abakholwa yiyo bangabhubhi, kodwa babe-nokuphila okuphakade. Siyakubonga ngoba wasipha izwi lakho, ukuba sifundiswe ngalo indlela yensindiso. Nkosi, baningi abantu abasahlezi ebumnyameni, bengakakwazi. Bahawukele, Baba onomusa, ubanike ukukhanya kwevangeli lakho. Vula amehlo abo, ukuba bakwazi wena noMsindisi uJesu Kristu, bathole ukuphila nokusindiswa. Thuma kubo izinceku zakho, abafundisi nabavangeli, ubavulele izinhliziyo zabo, balamukele ivangeli lensindiso. Busisa intshumayelo yezwi lakho ezindaweni zonke, ukuba izizwe zonke ziholelwe ekukhanyeni kwakho, zobone ukulahleka kwazo, zibalekele kuMsindisi. Nkosi yokuvuna, thuma izisebenzi ekuvuneni kwakho. Busisa neikole sabafundisi eNhlanhleni, uhole abafundayo ngoMoya wakho. Banike ukuhlakanipha namandla avela kuwe, baze basebenze ngokukhuthazela esvinini sakho, baholele abaningi embusweni wakho. Vusa nakithina sonke uthando oluvuthayo, sikhuthalele ukuqhuba umbuso wakho. Sihlomise ngamandla kaMoya wakho, ukuba sibambelele emsebenzini wakho,

siwukhulekele, siwunikele umbuso wakho, ukuba bonke abavela emikhawulweni yomhlaba bangene kuwo, babe-yibandla lakho, kuze kube-ngumhlambi munye nomalusi munye ebukhosini bakho obuphakade.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Umkhosi wokubonga ukuvuna**
Nkulunkulu, Somandla, Baba onomusa, siyakubonga ngenhliziyo yonke, ngoba ubusisile amasimu ethu nomsebenzi wethu, usiphile ukudla kwethu nokuhle okuningi. (Uthumile imvula ngesikhathi sayo, uvikele amasimu ethu kuso isichotho nezingozi zonke.) Ngomusa wakho siphiwe nakulonyaka okuswelekile emzimbeni wethu. Baba osezulwini, siyavuma ukuthi asifanele lowomusa ongaka ngenxa yezono zethu nangenxa yokungabongi kwethu. Sihawukele thina-zoni, ungasusi kithina lezozipho osiphile zona. Vusa izinhliziyo ngoMoya wakho, ukuba sikubonge ngakho konke esikuphiweyo esandleni sakho somusa. Siphe inhliziyo ebongayo ekulalelayo, ukuba singalahlekelwa yizipho zakho. Siza ukuba siphathe kahle lokho osabele khona, singakuchithi, singakoni, sixwaye ukuminza nokudakwa, singakhohlwa nanini-nini ukuthi konke esinakho kuvela kuwe. Ngaphezu kwalokho konke sicela kuwe, Nkosi: Ungasusi kithina isinkwa sokuphila, izwi lakho namasakramente akho. Yondla imiphefumulo yethu ngalokhu-kudla kwaphakade okusindisayo, usiphe uMoya wakho, ukuba izwi lakho libonakalise amandla alo ekuhambeni kwethu, lisihole endleleni yakho. Busisa ukuhlwanyelwa kwezwi lakho emazweni onke, umilise lembewu yakho ezinhliziyweni zabaningi. Kuthi uma kufika usuku olukhulu lokuvuna, usibuthele nathi ezindlini zakho (noma: ezinqolobaneni zakho) zaphakade.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Usuku lokukhalela izono**
Nkosi, Nkulunkulu ongcwele, Baba onobubele, thina-zoni sisondela kuwe. Siyavuma ukuthi singabantu abalahlekileyo, siphambene nomthetho wakho, sikuthukuthelisile ngezono zethu. Kukhulu ukungalungi kwethu, maningi amacala ethu. Uma wena ubala izono, ubani oyokuma na? Baba, yiba-nomusa kithina-zoni. Awuthokozi ukufa kwesoni, kodwa ukuba siphenduke, siphile. Nkosi Jesu Kristu, Msindisi wethu, uyafuna izimvu ezilalekileyo, usivulele indlela yentethelelo neyensindiso ngokufifela kwakho esiphambanweni. Nkosi Jesu, sicelele kuYihlo, ukuba sikhululwe emacaleni ethu ngenxa yokuhlushwa nokufa kwakho. Baba onomusa, thethelela zonke izono zethu, uyekele onke amacala ethu. Susa ngomusa zonke izinhlupheko esizifanele, ungasishayi ngobubi bethu. Sihawukele ngenxa yeNdodana yakho, uMsindisi wethu, osihlengile ngegazi lakhe elingcwele. Sibuse, sihole ngoMoya wakho, ukuba sihambe indlela elungileyo, sikwesabe, sikuthande njalo njengabantwana bakho. Siza ngamandla akho, ukuba sixwaye isono, sisibalekele, uveze njalo ukuphenduka okuyikho ezinhliziyweni zethu, sifune usizo nentethelelo kuwe nakuMsindisi wethu uJesu Kristu. Siyazinikela kuwe, Baba othandekayo, ngomzimba nangomphefumulo wethu, sisesandleni sakho. Hlala nathi ngomusa wakho, usibusise ngezipho zakho namhla naphakade.
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho... (kuqhubeka ekhasini...)

**Isigcino semikhuleko yonke yemikhosi**
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, hola ibandla lakho ngoMoya wakho, ulisekele ekukholweni okuyikho ngalo izwi lakho nangawo amasakramente akho. Ivangeli lokusindiswa malishunyayelwe emhlabeni wonke, lidunyise igama lakho ebentwini bonke.
Londoloza izwe lakhithi, ulivikele njalo. Hola amakhosi ethu, usize ngomusa wakho, ukuba izizwe zonke zihlalisane kahle.

Busisa umsebenzi wethu, usiphe konke esikusweleyo ekuhambeni kwethu. Sivuse ukuba sisebenzele ngokukhuthala umbuso wakho emhlabeni, sibe-yizikhonzi zakho ezithembekileyo, sisize nabakhelene nathi ngeziphiwo osiphile zona.

Busisa ibandla lethu lonke, abadala nabantwana, usibuse ngoMoya wakho, ukuba sihambe ngezwi lakho, sihlalisane ngothando nangokuthula ebandleni lethu nasemakhaya ethu.

Nabo abagulayo nabadabukileyo nabahluphekileyo mawubakhmbule, ubaduduze ubasize ngomusa wakho.

(Siza nalabo abazamukela namhla isidlo sakho esingcwele, basondele ngokufaneleyo, bathole isibusiso sakho.)

Usilondoloze sonke emuseni wakho kuze kube-sekugcineni, usiphe intokozo engapheliyo ekuphileni okuphakade, ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi noMsindisi wethu, Amen.

*(Uma kungekho isidlo seNkosi kulandela umkhuleko weNkosi:)*

Baba wethu osezulwini...

# EMINYE IMIKHULEKO

*Lemikhuleko iphathwe emva komkhuleko omkhulu wesonto noma kwenye indawo enkonzweni.*

**Ukukhulekela ibandla likaKristu (nangomkhosi womhlangano)**
Nkulunkulu, Mninimandla-onke, ophakade, wena onguYise wabo bonke abakholwayo, siyakubonga, siyakudumisa, ngoba wathuma iNdodana yakho ethandekayo ezweni, ibe-nguMsindisi wezizwe zonke. Abantu bonke bashunyayezwa ivangeli lakho, ukuba babuyiselwe kuwe ngokufa kweNdodana yakho uJesu Kristu. Siyacela kuwe: Sekela ibandla lakho lonke ekukholweni okuyikho, ulihlanganise ngesibopho sothando, ukuba likhule ekukwaziseni wena nasekuthandaneni. Nkosi Jesu, sivikele kuwo amandla kaSathane nobuqili bakhe, angasihlukanisi nawe, oyinhloko yethu. Chitha umbuso walesisitha esibi, wandise umbuso wakho emhlabeni wonke. Thuma izinceku zakho, abafundisi nabavangeli, ezindaweni zonke zomhlaba, ubusise umsebenzi wabo wonke, ukuba baholele abaningi embusweni wakho. Vula amehlo abangakholwayo, babone iqiniso lakho. Khanyisa abadukileyo, babuyele endleleni eyiyo. Yipha ibandla lakho amadoda aqotho athembekileyo, asebenzele umbuso wakho ngokukhuthala konke. Busisa kulokho isikhole sethu saseNhlanhleni, ukuba bonke abafundayo khona babe-yizinceku zakho ezinothando lokusebenzela umbuso wakho. Baba osezulwini, siphe sonke izinhliziyo ezivuthayo, ukuba sisekele umsebenzi wonke webandla lakho ngemikhuleko yethu, silekelele ngamandla onke esiwaphiweyo. Sihole ngoMoya wakho oNgcwele, ukuba sifune kuqala umbuso wakho nokulunga kwakho, size sihlanganiswe nebandla elikhulu lasezulwini, sikudumise kanye nezingelosi nabakhethiweyo bonke, sithokoziswe phakade embusweni wakho wobukhosi, ngoJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu, Amen.

**Ukukhulekela umhlangano weSinodi neminye imihlangano**
Jesu Kristu, wena oyiNkosi neNhloko yebandla lakho, siyakhulekela bonke ababuthene emhlanganweni, belulekana ngezindaba zombuso wakho. Babusise, ubanike ukuhlakanipha, ukuba bathole amasu amahle nezindlela ezithandeka kuwe, kuqhubke udumo lwakho emhlabeni, kufike umbuso wakho kithina nakubantu bonke. Vumela konke okukhulunywayo nakho konke okunqunywayo emhlanganweni lowo, ukuba kudunyiswe wena ngakho konke esikwenzayo. Siyacela lokho ngomusa nangothando lwakho, Amen.

**Ngesikhathi sempi**
Jesu Kristu, wena oyiNkosi yokuthula, siyacela kuwe ngokuzithoba kulesisikhathi sempi: Siphe ngomusa wakho ukuthula okungenikwe yizwe. Yebo, Nkosi, uyasishaya ngenxa yezono zethu, sifanele isijeziso leso. Nokho, Nkosi, siyakunxusa: Sivikele kukho konke okonayo umzimba wethu nempahla yethu, usisindise ezingozini zonke. Qinisa ukukholwa kwethu nethemba lethu, ukuba singakushiyi, kodwa sibambelele kuwe nasezinsukwini ezimbi, sikwethembe wena ezinhluphekweni zonke. Yizwa umkhuleko wethu ngenxa yesithembiso sakho, Amen.

**Ngesikhathi sokufa okukhulu**
Nkulunkulu onomusa onobubele, kulesisikhathi esisabekayo sesifo sibalekela emuseni wakho. Nkosi, kufanele ukuba usishaye kangaka, ngoba siyizoni ezilahlekileyo. Nokho, Nkosi, sinxusa ngenhliziyo, sithi: Sihawukele thina-zoni, njengoba unguBaba onomusa. Mawuyeke intukuthelo yakho efaneleyo, ungsilahli kangaka ekufeni. Sikhulule kulesisifo esibi, ngoba awuthokozi ukufa komubi, kepha

ngokubuya kwakhe ukuba aphile. Sisindise ngamandla akho nangomusa wakho okhona njalonjalo kuze kube-phakade, Amen.

**Ngesikhathi sendlala**

Nkulunkulu, Baba onomusa onobubele, wena onguMdali wezulu nomhlaba, noMlondolozi wakho konke okukhona. Nguwena othwalayo izidalwa zonke, nguwena obondlayo nabantu bonke. Nkosi, siyeza kuwe kulesisikhathi sendlala, sizikhalela phambi kwakho. Siyavuma ukuthi asikubonganga ngezibusiso zakho esiziphiweyo imihla ngemihla esandleni sakho somusa. Asicelanga kuwena zonke izipho, njengalokhu kufanele ukuba thina esingabantwana bakho sicele njalo kuwe onguBaba wethu. Yebo, Baba onomusa, sihawukele thina-zoni esifanele ukushaywa kangaka. Umhlaba wonakele, izwe liyafa yindlala. Ungasilahli ekusishayeni kwakho. Siphe imvula esizayo nokubalela kwelanga ngesikhathi esiyiso, ukuba umhlaba uveze izithelo. Sifundise kulesisikhathi sokuhlupheka, ukba sibeke ithemba lethu kuwe, sizithobe phansi kwentando yakho, sihambe indlela yakho. Baba onomusa, siphe lokhu esikucelayo ngegama lendodana yakho ethandekayo uJesu Kristu, iNkosi yethu, Amen.

**Ukucela imvula**

Nkulunkulu, Mninimandla-onke onomusa, sibalekela kuwe kulesisikhathi sokuhlupheka, ngoba umhlaba womile, ukudla emasimini ethu akuvumi. Nkosi, sifanele lokho, uyasishaya ngenxa yezono zethu. Nkulunkulu, sihawukele, usithethelele, ungabheki izono zethu. Vula isandla sakho somusa esinamandla onke. Hambela umhlaba, usiphe imvula esizayo, ukuba izithelo emasimini ethu zivume, kuthokoziswe izidalwa zonke. Wena onamandla okusibekela izulu ngamafu, nethisa umhlaba, uhlumise izilimo zonke, ukuba thina nabantwana bethu sithole ukudla kwethu. Baba osezulwini, zonke izidalwa zibheka wena, ukuze uzinike ukudla kwazo. Nathi siyacela kuwe: Ungasishayi kangaka ngentukuthelo yakho, kodwa usenzele umusa wakho. Busisa amasimu ethu nomsebenzi wethu wonke, sibe-nokudla kwethu kwemihla ngemihla. Baba othandekayo, yizwa umkhuleko wethu ngenxa yesithembiso sakho, nangaye iNdodana yakho uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu, Amen.

**Umkhuleko wasekuseni**

Egameni likaNkulunkulu, uYise, neNdodana, noMoya oNgcwele. Amen.

Ngiyakubonga, Baba wami osezulwini, ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, ngokuba ungilondolozile ngalobubusuku kuzo zonke izingozi. Ngiyanxusa kuwe ukuba ungilondoloze namuhla kuzo izono nakukho konke okubi, ukuze kuthandeke phambi kwakho ukwenza nokuhamba kwami konke. Ngiyazinikela, umzimba wami, nomphefumulo wami, nakho konke okwami ezandleni zakho. ingelosi yakho engcwele mayibe nami, ukuze isitha esibi singabi namandla kimi. Amen.

**Umkhuleko wahusihlwa**

Egameni likaNkulunkulu, uYise, neNdodana, noMoya oNgcwele. Amen.

Ngiyakubonga, Baba wami osezulwini, ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, ngokuba ungilondolozile ngalolusuku ngomusa wakho. Ngiyanxusa kuwe ukuba ungithethelele izono zami zonke, ngilondoloze ngomusa wakho nangalobubusuku. Ngiyazinikela, umzimba wami, nomphefumulo wami, nakho konke okwami ezandleni zakho. Ingelosi yakho engcwele mayibe nami ukuze isitha esibi singabi namandla kimi. Amen.

**Imikhuleko phambi kokudla**
Amehlo abo bonke alinda wena; uyabanika ukudla ngesikhathi esiyiso. Uyavula isandla sakho, usuthise ukufisa kwakho konke okuphilayo. Amen.
Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, sibusise nalezizipho esizamukela ngomusa wakho, ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

**Imikhuleko ngasemuva kokudla**
Bongani iNkosi, ngokuba inhle, umusa wayo umi phakade. Inika izinkomzo ukudla kwazo, namazinyane egwababa akhalayo. Ayithokozi ngamandla ehashi, ayijabuleli imilenze yomuntu. INkosi iyathokoza ngabayesabayo, abathemba umusa wayo. Amen.
Siyakubonga, Nkosi, Nkulunkulu, Baba, ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu, ngazo zonke izipho zakho, wena okhona, obusa kuze kube phakade. Amen.

**Ekungeneni esontweni**
Nkosi, Nkulunkulu wami, yehlisela kimi uMoya wakho oNgcwele, ungisize, kuthi uma ngilizwa izwi lakho, ngilibambisise, ngilingenise enhliziyweni yami, ngililondoloze khona, ngiqonde izono zami ngalo, ngimamukele uMsindisi wami ngalo, ngiqhutshwe yilo ekuhambeni kwami. Vula umlomo walowo ozoshumayela ukuba ashumayele izwi lakho ngokuchachileyo, nebandla lonke likukhonze njengokwentando yakho, ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

**Ekuphumeni esontweni**
Nkosi, Nkulunkulu wami, ngiyakubonga ngezwi lakho, ongibusisile ngalo. Izwi lakho lingukudla komphefumulo wethu. Ngisize ngihambe njalo njengezwi lakho ekuhambeni konke kwami. Busisa ukuphuma kwami esontweni, ubusise ukungena kwami ekhaya. Ngivikele ukuba uSathane angangamuki isibusiso, engiphiwe sona ngomusa wakho. Ngiphe amandla kaMoya oNgcwele, ngikhule ngezwi lakho ekukwesabeni wena, ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

**Umkhuleko wesibiko**
Nkulunkulu, onamandla onke, Baba onomusa onobubele, ngiyabika kuwe zonke izono neziphosiso zami; ngivusile ulaka lwakho ngazo, ngifanele ukushaywa khona lapha emhlabeni, nangasemuva esihogweni somlilo. Ngingumuntu ompofu olahlekileyo nolahliweyo. Zonke izono zami ziyangihlupha, ngiyakhala ngazo, nginxusa wena: Yiba nomusa nobubele kimi, engingumoni omkhulu; ake ungisindise ngomusa wakho omkhulu kakhulu, nangokuhlushwa, cangokufa kukaJesu Kristu, oyiNdodana yakho ethandekayo, iNkosi noMsindisi wethu. Ngomusa wakho, nangokusiza kwakho, ngiyakulungisa ukuhamba kwami, ngihambe, ngiqonde endleleni yakho. Amen.

**Umkhuleko wokubonga ukuthethelelwa**
Nkosi, Nkulunkulu wami, malibongwe igama lakho njalonjalo, ngokuba ungithethelele izono zami zonke ngomusa wakho omkhulu. Ungiphile ukuthula, nokulunga kwakho, nentokozo engapheliyo. Nkosi, ngisize, ngiziphathe njengokwentando yakho, ngingabuyi ngone ngamabomu, kodwa ngihambe ngokuhamba okusha okumhlophe, okufanele umntanakho, ngibe ngowakho njalo, ngaye uJesu Kristu. Amen.

**Umkhuleko wokuzilungisela isidlo seNkosi**

Nkosi yethu Jesu Kristu , usithandile ngothando olungakhulumekiyo, angisho ngokusihluphekela nangokusifela kuphela, ngisho nangokusinika umzimba wakho ukuba siwudle, negazi lakho ukuba siliphuze esidlweni sakho. Ngalokhukudla nangalokhukuphuza uyazihlanganisa nathi. Nkosi, ngisize, ngisondele esidlweni sakho ngokukholwa ngamazwi akho, ngoba osuke edla, ephuza ngokungakholwa yiwo, uzidlela aziphuzele icala. Nkosi yami, ngiyanxusa kuwe, ngithi: Ngesidlo sakho hlanza inhliziyo yami, ibe mhlophe; ngentethelelo engiyithola kuso susa kimi konke okubi, ungene kimi uhlale, ubuse enhliziyweni yami njalonjalo. Amen

**Umkhuleko wokubonga ukwamukeliswa**

Nkosi Jesu Kristu, ngingakubonga ngani, ngokuba ungenzele okuhle okungaka na? Unginikile umzimba wakho isibili ukuba ngiwudle, negazi lakho isibili ukuba ngiliphuze, usungiqinisile-ke ngalesisidlo. Sengithethelelwe izono zami, senginokuphila okuphakade ukuba ngifinyelele kuwe ezulwini. Ngiyakudumisa, Nkosi enomusa, ngomphefumulo wami wonke. Ngiyathokoza ngawe, Nkulunkulu ongisindisayo. Umlomo wami owamukele izimfihlo ezingcwele, mawukubonge njalo. Njengokuba uMsindisi esengene enhliziyweni makahlale njalo kuyo. Zonke izitho zami mazehlukaniselwe wena, Nkosi, zikukhonze manje kuze kube phakade. Malibongwe igama loMsindisi. Amen.

# IZIMEMEZELO EZINOMKHULEKO

*Zimenyezelwe emva komkhuleko olandela intshumayelo, inbandla lisema. Ziyalandelwa yisibingelelo sokugcina.*

**Ukuboshwa okusobala**

Ngenhliziyo edabukileyo ngiyalibikela ibandla ukuthi u..... uzikhiphile esithebeni esingcwele ngesono esisobala soku..... Uboshiwe ukuba angavunyelwe ukusondela esithebeni nokubiza eminye imisebenzi yebandla, aze azidabukele impela isono sakhe, aphenduke. UNkulunkulu akamenzele lokho ngomusa. Thina sonke masikhumbule ukuthi uSathane nezwe nenyama yethu kusekhona, njengalokhu izwi likaNkulunkulu lithi: Osuka ethi umi, akaqaphele ukuba angawi. Masikhuleke:

Baba othandekayo osezulwini, wena ongathokozi ngokufa komubi, kepha ngokubuya kwakhe endleleni yakhe ukuba aphile, siyamcelela lomfowethu (lodadewethu), ukuba umnike inhliziyo ephendukayo, abalekele kuwe, njengalokhu wathi: uma sivuma izono zethu uthembekile, ulungile ukuba usithethelele izono, usihlanze kukho konke okungalungile. Yizwa umkhuleko wethu ngenxa kaJesu Kristu, uMsindisi wethu, Amen.

**Ukukhishwa okusobala**

Ngenhliziyo edabukileyo ngiyalibikela ibandla ukuthi u.... wenzile isono esisobala soku...., walahla ukukholwa kwakhe, wacunula ibandla. Uyaliwe kaningi, ukuba asikhalele isono sakhe, aphenduke, njegalokhu uJesu Kristu uthi: Uma umfowenu ekona, hamba umsole ninodwa naye. Uma ekuzwa, woba umzuzile umfowenu. Kodwa uma engakuzwa, thatha futhi abe-munye noma bebabili kanye nawe, ukuba onke amazwi aqiniswe ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu. Uma enqaba ukubezwa, tshela ibandla. Kodwa lomuntu wanqaba ukuzwa, wadelela konke, engafuni ukuphenduka.

Njengoba uKristu uthi: Uma enqaba ukuzwa nalo ibandla, makabe-kuwe njengowezizwe nomthelisi, - futhi njengoba uKristu wayenika ibandla lakhe amandla okukhipha abantu abangafuni ukuphenduka ezonweni zabo ezisobala, ngakho-ke mina engiyinceku kaNkulunkulu, engiphiwe amandla okubopha nokukhulula abantu ngezono zabo, ngiyamkhipha u.... ebandleni likaKristu, ngimbophe ngesono sakhe kuze kube-ngukwahlulela okukhulu kukaNkulunkulu, egameni likaNkulunkulu uYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. - Lomuntu akaseyilo ilunga lebandla lethu, ufana monutu wezizwe ongenakungena ekuphileni okuphakade, uma engaphenduki esonweni sakhe. Lesisinqumo saqiniswa ngumfundisi omkhulu wekerike lethu.

Nina-ke Bathandekayo eNkosini, manifunde lapha ukubona amandla esono nobuqili bukaSathane nobulukhuni benhliziyo yabantu, nikhumbule izwi likaNkulunkulu elithi: Osuka ethi umi, akaqaphele ukuba angawi. Lomuntu okhishiwe ebandleni manimphathe njengomuntu wezizwe, ningabi-nanhlanganyelo naye. - Masikhuleke: Nkulunkulu ongcwele, Mninimandla-onke, siyazithoba phansi kwakho, ngoba unguNkulunkulu oshisekayo, ujezisa bonke abakudelelayo. Ngomyalo wakho nangegama lakho simkhiphile lomuntu ebandleni likaKristu. Nkosi, uma kungenzeka, thambisa inhliziyo yakhe elukhuni, umnike ukuphenduka ukuyikho, ukuba angalahlwa phakade. Sivuse nathi ngoMoya wakho, ukuba sizikhuze, sibone ubuthakathaka bethu, sicele amandla akho okubalekela izono zonke nobuqili bukaSathane. Siza ukuba nathi siphenduke ngenhliziyo, sithethelelwe izono zethu eziningi, size siphile kanye nawe embusweni wakho waphakade. Amen.

**Ukungena komuntu ophuma kwelinye ibandla lamaLuthere**

Ibandla liyabikelwa ukuthi u.... uyangena namhla ebandleni lethu (esondela ngokokuqala esithebeni seNkosi phakathi kwethu). Masikhuleke: Nkulunkulu, Baba

osezulwini, siyamcelela lomuntu ongenayo namhla ebandleni lethu. Hlala naye ngesibusiso sakho, umuphe uMoya wakho, ukuba abe-yilunga elithembikileyo lebandla lethu, nathi simamukele ngothando njengomzalwane wethu, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

**Ukuzalwa**

1. Uma umntwana ephilile:

Ibandla liyabikelwa ukuthi uNkulunkulu onomusa uphile abazali bebandla lakithi u..... no..... umfana ophilileyo (intombazana ephilileyo).

Masikhuleke:

Siyakubonga, Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, ngoba umsizile unina walengane esikhathini sengozi, wamthokozisa ngalokho, ukuba abone umntwana ophilayo. Sibeka kuwe unina nomntwana. Siza ukuba umntwana akhule phansi kwesandla sakho, athole isibusiso sombhapathizo ongcwele, abe-ngumntanakho okwesabayo nokuthandayo, ngoJesu Kristu, uMsindisi wethu. Amen.

2. Uma umntwana efile:

Ibandla liyabikelwa ukuthi iNkosi yokuphila ithandile ukupha abazali bebandla lakithi u..... no..... umntwana, kodwa ngentando yayo esingayiqondiyo umamukele embusweni wakhe wezulu njengokuthemba kwethu. Lomntwana wembelwe ngokuthula (endaweni yethu yamaliba).

Masikhuleke:

Nkulunkulu, Baba osezulwini, izindlela osihambisa ngazo zivama ukuba-mnyama nezingaqondakaliyo. Wena uqobo uthi: Engikwenzayo awukwazi manje, kepha uzakukuqonda ngemuva. Siyalazisa icebo lakho ngokuzithoba. UnguJehova wena, yenza lokho okuthandayo. Kodwa siyakunxusa: Mnike lomfazi amandla akho, ukuba asheshe aphile kahle, usize abazali, ukuba njengokuba bedabukile, babuye bathole ukuthokoza ngobuso bakho, ngenxa kaJesu Kristu, iNdodana yakho, iNkosi yethu. Amen.

**Ukuganana**

Kukhona abantu abafuna ukungena kuso isimiso sokuganana esingcwele, bayamenyezelwa namhla obala ngokokuqala (ngwesibili, ngokwesithathu).

Umyeni u....., indodana ka.....

Umakothi u....., indodakazi ka.....

Uma ekhona owazi okusolekayo kulokhu-kuganana, makakhulume isikhathi sisekhona, athule ngemuva. Masikhuleke:

Nkulunkulu, basize laba-babili ngomusa wakho, ukuba lokhu-kuganana kwabo kuqalwe kahle, kuqhubke kahle, bagcine ngokuthola kanye nathi sonke ukuphila okuphakade, ngenxa kaJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

**Ukufa**

Ibandla liyabikelwa ukuthi iNkosi yokuphila neyokufa ithandile ukubiza umuntu webandla lakithi u..... (umntwana ka.....), wammukisa emhlabeni ngomhla ka..... Isidumbu sembelwe ngo..... (endaweni yamalikab). Msikhuleke:

1. Umuntu okhulileyo:

Nkosi, Nkulunkulu, wena Nkosi yokuphila neyokufa, wena owenza ukuba abantu bafe, uthi: Buyani bantwana babantu. Siyakubonga ngokuzithoba ngakho konke okuhle owakwenza kulomzalwane omukileyo emhlabeni. Ikakhulu ngoba wamazisa iNdodana yakho ethandekayo uJesu Kristu. Siyakunxusa: Duduza abakubo

abaseleyo ngenduduzo yakho yaphakade, ubaqinise, unathokozise ngethemba lokubonana okujabulisyao. Yenzela isidumbu ukuphumula okuhle emhlabathini, usivusele ukuphila okuphakade kanye nathi sonke ngosuku olukhulu lokuvuka. Sifundise sonke ukukhumbula ukuthi sizakufa, ukuze sihlakaniphe, sigcine ngokusindiswa ngoJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

2. Umntwana:
Nkulunkulu onomusa, ngentando yakho engenakuqondwa usheshisile ukumukisa umphefumulo walomntwana kulomhlaba. (Siyakubonga ngoba wamamukela imbhapathizweni abe-ngumntanakho). Duduza abazali abadabikileo ngokukholwa kokuba intando yakho ilungile, inhle njalo, nendlela ykaho ingukukhanya, nesenzo sakho siyisibusiso kuphela. Siza ukuba bona nathi sonke sivumele intando yakho engcwele, kuthi noma simuka, sazi ukuthi iNkosi ikuphile, iNkosi ikuthathile, malibongwe igama leNkosi. Amen.

**Ngabagulayo**

Umuntu webandla lakithi, u....., uyagula kabi. Msimkhumbule umzalwane wethu emkhulekweni:
Nkulunkulu ophezu konke, umusa wakho umphezu kwabantwana bakho, noma bephilile noma begula. Siyamcelela lomuntu ogulayo webandla lakithi. Jesu Kristu, wena oyinyanga enkulu, msize lomuntu ekuhluphekeni kwakhe, unciphise ubuhlungu bakhe, umphulukise, uma kuyintando yakho. Uma kodwa uthanda ukumthatha kulomhlaba, mayenziwe intando yakho. Uma kodwa uthanda ukumthatha kulomhlaba, mayenziwe intando yakho, umngenise ezulwini, ekuthokozeni okungapheliyo, ngenxa yomusa nesithembiso sakho. Amen.

**Izimemezelo ezingenamkhuleko**

*Zilandela isibingelelo sokugcina emva kwentshumayelo, lapha ibandla selihlezi phansi.*

1. Uma umuntu waphuma ebandleni, angene kwelinye ibandla:
Ibandla liyabikelwa ukuthi u..... uphumile ebandleni lethu, ungenile ebandleni lama..... UNkulunkulu makambusise nasebandleni lelo angenile kulo.

2. Uma umuntu ehlubukile, eshiya ibandla ngenkani:
Ibandla liyabikelwa ukuthi u..... uzikhiphile ebandleni likaKristu, walishiya, engasafuni ukuba-yilunga lebandla. UNkulunkulu akamkhanyisele ngoMoya wakhe, ukuba aphendukele endleleni yokukholwa.

3. Ezinye izindaba zebandla:
Izinkonzo ngamasonto alandelayo;
Iminikelo;
Ukubuthana kwamalunga ebandla;
Ukubuthana kwenhlangano yamakhosikazi;
nokunye.

# ILITANI

Jehova,
Sihaukele!
Kristu,
Sihaukele!
Jehova,
Sihaukele!
Kristu,
Sizwele!
Nkosi Nkulunkulu, Baba osezulwini,
Yiba nobubele kitina!
Nkosi, Nkulunkulu, Ndodana, Msindisi womhlaba,
Yiba nobubele kitina!
Nkosi, Nkulunkulu, Moya oNgcwele,
Yiba nobubele kitina!
Yiba nomusa kiti,
Sibonelele, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!
Yiba nomusa kiti,
Sisize, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!
Kuzo izono zonke, kuko ukweduka konke, kuko okubi konke.
Sivikele, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!
Kuyo inkohliso nobuqili buka Satan, kuko ukufa okubi okupobolayo, kuyo imbo nendhlala,
Sivikele, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!
Kuyo impi nokucitwa kwegazi, kuso isiwiliwili nengxabano, kuso isiqoto nezulu elibi, kuso isikonyane nezinye izinhlupo zezwe, kuzo izingozi zomlilo nezamanzi, kuko okufa kwapakade,
Sivikele, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!
Ngenxa yokuzalwa kwako okungcwele, ngenxa yokulwa kwako nokufa nangenxa yezitukutuku zako zegazi, ngenxa yokubetelwa nokufa kwako, ngenxa yokuvuka kwako okungcwele nokwenyukela ezulwini,
Sisize, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!

Osizni lwetu lokugcina, nasosukwini lokuteta amacala,
Sisize, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!
Tina, zoni ezilusizi, siyacela, siti:
Ake usizwe, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!
Akuti ibandhla lako elingcwele libuswe, livikelwe, landiswe nguwe, usigcine tina ngobubaba bako ezwini elicacileyo nasemasakramenteni angcwele, bonke, abazingelwa ngenxa yegama lako, ak' ubavikele ngamandhla, ubaduduze, ubondhle, bonke abongameli, nabafundisi, namalunga ebandhla ak' ubagcine ezwini elisindisayo nasekuhambeni okungcwele,
Sizwe, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!
Vimbela yonke imibonda yababi nezinengiso, kuti izipambuki nezipambukiswa uzipendule, zibuye, uSatan makanyatelwe pansi kwezinyawo zetu,
Sizwe, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!
Tumela izisebenzi ezikolekayo, ekuvuneni kwako, nikeza uMoya wako namandhla ekushumayeleni kwezwi, siza, ududuze bonke abalusizi nabakedamisile,
Sizwe, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!

Amakosi onke nezikulu, banike ukutulan nokuzwana, Unduna 'nkulu walelizwe nabazipati 'mandhla, bahole ubavikele, abanumzana nabebandhla, babusise ubalondoloze,

Sizwe, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!

Basize bonke abasenhlupekweni nasezingozini, siza bonke abakulelweyo nabancelisayo, ubape izitelo ezitokozisayo nezixumayo, yondhla ulinde izingane zonke neziguli, kululake zonke iziboshwa ezingenacala, melela ubondhle bonke abafelokazi nezintandane.

Sizwe, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!

Bonke abantu ubahaukele,

Sizwe, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!

Izita zetu nabasizingelayo nabasihlebayo batetelele, ubapendule ngempela. izitelo zamasimu nezemiti zivumise, uzilondoloze,

Sizwe, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!

Sizwele ngokomusa wako,

Sizwe, Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!

Jesu Kristu, Ndodana kaNkulunkulu,

Sizwe Nkulunkulu, Nkosi etandekayo!

Mvana kaNkulunkulu, etwala izono zezwe,

Yiba nobubele kitina!

Mvana kaNkulunkulu, etwala izono zezwe,

Yiba nobubele kitina!

Mvana kaNkulunkulu, etwala izono zezwe,

Sipe ukwenama okungapeliyo!

Kristu,

Sizwele!

Jehova,

Sihaukele!

Kristu,

Sihaukele!

*(Umfundisi nebandhla):*

Yiba nobubeIe kitina!

Baba wetu osezulwini. Malingcweliswe igama lako. Maufike umbuso wako. Intando yako mayenziwe emhlabeni njengasezulwini. Usipe namhla akudhla kwetu kwemihla. Usitetelele amacala etu, njengaloku nati sibatetelela abanamacala kiti. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowako, namandhla, nobukosi, kuze kube pakade. Amen.

# AMA-ANTIFONE

**IAdvent**

1. Lungisani indhlela yeNkosi. Haleluya.
   Niyenze imendo yayo iqonde. Haleluya.
2. Kwabonakaliswa utando lukaNkulunkulu kitina. Haleluya.
   Wayituma iNdodana yake, ukuba sipile ngayo: Haleluya.
3. Hosiana kuyo iNdodana kaDavid;
   Makudunyiswe ozayo egameni leNkosi; Haleluya
4. Masango, pakamisani izinhloko zenu; Haleluya.
   Nani minyango yapakade, pakamani, ukuba iNkosi yobukosi ingene; Haleluya.
5. Vuka, ukanye; ngoba ukukanya kwako kufikile; Haleluya.
   Nenkazimulo kaJehova ivukile pezu kwako; Haleluya.
6. Jabula, ndodakazi kaZion; memeza, ndodakazi yaseJerusalem; Haleluya.
   Bheka, iNkosi yako iza kuwe, olungile, iyakukusindisa. Halelaya.

**IKristmas**

7. Udumo malube kuNkulunkulu kwelipezulu; Haleluya.
   Nokutula emhlabeni, nokwenama kubantu; Haleluya.
8. Nizalelwe namhla uMsindisi; Haleluya.
   OnguKristu, iNkosi emzini kaDavid. Haleluya.
9. ULizwi waba inyama; Haleluya.
   Wahlala pakati kwetu: sabona inkazimulu yake; Haleluya.
10. UKristu wavela kubo oyise ngokwenyama; Haleluya.
    Ungopezukonke, uNkulunkulu obongekayo kuze kube pakade; Haleluya.

**Umnyaka omusha**

11. Ukwenza nokuqala kwetu makube segameni leNkosi; Haleluya.
    Ilenzile izulu nomhlaba; Haleluya.
12. Igama leNkosi malidunyiswe malituswe; Haleluya.
    Malibongwe manje, kuze kube pakade; Haleluya.
13. UNkulunkulu mabusise ukupuma nokungena kwetu; Haleluya.
    Manje, kuze kube pakade; Haleluya.
14. Kungumusa kaNkulunkulu, ukuba singabhujiswa; Haleluya.
    Nobubele bake abukanqamuki. Haleluya.

**Epifania**

15. Bongani uYise, owasikulula emandhleni obumnyama; Haleluya.
    Wasimisa embusweni weNdodana yake etandekayo; Haleluya.
16. Kade beningubumnyama; kepa kaloku ningukukanya eNkosini.
    Hambisani okwabantwana bokukanya.
17. Abantu, ababehamba ebumnyameni babonile ukukanya okukulu; Hale!uya.
    Nabahlezi ezweni letunzi lokufa, ukukanya kwabakanyisa; Haleluya.
18. Abezizwe bafikele ukukanya kwako; Haleluya.
    Namakosi ngokukanya kokuvuka kwako; Haleluya.

**Isikati senzilo**

19. UKristu walinyazwa ngenxa yobubi betu;
    Wahlushwa ngenxa yezono zetu.
20. Isijeziso sasipezu kwake, ukuze sibe nokwenama!
    Nangamanxeba ake sipolisiwe tina.
21. UKristu watwala izono zetu ngomzimba wake emtini;

Ukuze sife ezonweni, sipile ekulungeni.

22. UKristu walitanda ibandhla;
Wazinikela ngalo ukuba alingcwelise.
23. UKristu wahlupekela tina;
Wasinika isiboniso sokuba silandele izinyatelo zake.
24. Bheka, nanti iUndhlu likaNkulunkulu:
Elitwala izono zezwe.

**Usuku lokumisa ukudhla kweNkosi**

25. Njalo, uma nidhla lesi sinkwa, nipuza lesi sitsha,
Niyakushumayela ukufa kweNkosi, ize ifike.

**Usuku lwokufa kukaJesu**

26. UNkulunkulu wamenza lowo, ongaz' izono, abe isono ngenxa yetu.
Ukuze ngaye sibe ukulunga okwanele pambi kukaNkulunkulu.
27. Hambani otandweni njengokuba uKristu wasitanda;
Wazinikela ngati, abe umnikelo nomhlatshelo kuNkulunkulu.

**Ipasika**

28. UKristu wanikelwa ngenxa yezono zetu; Haleluya.
Wavuswa ngenxa yokulunga kwetu; Haleluya.
29. Lupi udosi lwako, kufa na? Kupi ukunqoba kwako, liba na? Haleluya.
Kabongwe uNkulunkulu, osinike ukunqoba ngeNkosi yetu uJesu Kristu; Haleluya.
30. UJesu Kristu wakwahlula ukufa; Haleluya.
Waveza ukupila nokuhlala okungenakupela; Haleluya.
31. Nati sinepasika letu; Haleluya.
Sisho, uKristu, owasihlatshelwa tina; Haleluya.

**Usuku lwokwenyuka kukaJesu**

32. Shayani izandhla, nina bantu nonke; Haleluya.
Nihubele kuNkulunkulu ngezwi lokunqoba; Haleluya.
33. Funani okwapezulu: Haleluya.
Lapo ekona uKristu ngakwesokunene sikaNkulunkulu; Haleluya.

**Ipentekoste**

34. Nkosi, senzele inhliziyo emhlope;
Usipe uMoya wako oNgcwele: Haleluya.
35. Bonke, abaholwa uMoya kaNkulunkulu bangabantwana bakaNkulunkulu; Haleluya.
Uma singabantwana, siyizindhlalifa futi; izindlalifa zikaNkulunkulu kanye noKristu; Haleluya.
36. UNkulunkulu kasinikanga uMoya wobugqila; Haleluya.
Wasinika owamandhla, nowotando, nowokuqonda; Haleluya.

**Itrinitatis**

37. Siyabonga uNkulunkulu uYise, neNdodana noMoya oNgcwele; Haleluya.
Simdumisa manje, kuze kube pakade; Haleluya.
38. Ungcwele, ungcwele, ungcwele, uNkulunkulu wamabandhla: Haleluya.
Wonke umhlaba ugcwele ubukosi bake; Haleluya.

**Ngezinye izikati**

39. Izwi lako liyisibani sonyawo lwami; Haleluya.
Liyinkanyiso ezindhleleni zami; Haleluya.
40. UNkulunkulu uyinqaba yetu namandhla etu; Haleluya.
Ungumsizi onati njalo ekuhlupekeni; Haleluya.
41. Nxusani iNkosi yokuvuna; Haleluya.
Ukuba itume izisebenzi, ziye ekuvuneni kwayo; Haleluya.
42. Dumisani uNkulunkulu kanye nami; Haleluya.
Masikulise ngenhliziyonye igama lake; Haleluya.
43. Nkulunkulu, ngiyayitanda indawo yendhlu yako; Haleluya.
Indawo yobukosi bako, ohlala kuyo; Haleluya.
44. Kuhle ukumbonga uNkulunkulu; Haleluya.
Nokuhlabelela igama lako, wena opakamileyo; Haleluya.
45. UNkulunkulu wenzile lolusuku; Haleluya.
Siyakwetaba, sijabule ngalo; Haleluya.
46. Nkosi, sihaukele ngomusa wako;
Ususe izono zetu ngobubele bako obukulu.
47. Nkosi, sipe uMoya wako; Haleluya.
Asiholele kuwe njalo; Haleluya.
48. Nkosi, sifundise ukubala izinsuku zetu:
Ukuze sizuze inhljziyo yokuhlakanipa. Haleluya.
49. Ikiti lisezulwini; Haleluya.
Lapa sibheke kona ukuvela koMsindisi wetu, iNkosi uJesu Kristu; Haleluya.
50. Umtombo wokupila ukuwe, Nkosi; Haleluya.
Ekukanyeni kwako siyakubona ukukanya; Haleluya.
51. Sikombise, Nkosi, indhlela yako, sihambe eqinisweni lako;
Ilondoloze inhliziyo yetu kuloko kokuba sesabe igama lako.
52. Nkosi, sipelelise emsebenzini wako olungileyo, ukwenza intando yako;
Wenza kiti okutandeka kuwe ngoJesu Kristu.
53. UNkulunkulu womusa wonke akasipelelise, asimise, asiqinise, asisekele;
Akube kuye udumo namandhla pakade kuze kube pakade.
54. Baba ongcwele, singcwelise eqinisweni lako,
Izwi lako liyiqiniso.
55. Nkosi, silondolozele izwi lako!
Izwi lako liyintokozo nenduduzo yenhliziyo yetu.
56. UNkulunkulu uyisipepelo namandhla etu, Haleluya.
UnguMsizi ekuhlupekeni okukulu, Haleluya.
57. Nkosi, akahlale uKristu ezinhliziyweni zetu ngokukolwa.
Ukuze sigxile, sisekelwe otandweni.
58. Nkosi, yandisa ukukolwa kwetu, upelelise utando.
Ukuba izinhliziyo zetu ziqiniswe, zingabi nacala ebungcweleni.
59. Nkosi, vula izindebe zami;
Ukuba umlomo wami ushumayele udumo lwako.
60. SinoNkulunkulu osizayo,
NeNkosi Nkosi esindisa ekufeni, Haleluya.
61. Igama likaJehova malidunyiswe, libongwe.
Manje, kuze kube pakade, Haleluya.
62. Kukona injabulo eningi pambi kwako, Haleluya.
Nobuhle ngakwesokunene sako pakade, Haleluya.

# EZINYE IZINKONZO

## UMTHANDAZO WASEKUSENI

*Umfundisi aye ealtare.*

### Isihlabelelo

*Emva kokuhlatshelelwa ibandla lihlale plhansi.*

### Isifundo samaHubo

*Umfundisi aphendukele ebandlleni, athi:*

> Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu, uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu. Amen.
> Zanini, sikhuleke kuNkulunkulu wethu, sikhothame phambi kwakhe.

*Umfundisi afunde elinye kulamaHubo.*

IHubo l,l-6, IHubo 5,l-7,
IHubo 19,2-6, lHubo 63,l-8,
IHubo 113,2-6, IHubo 130,l-8.
noma elinye elifanele lenkonzo.

*Umfundisi ahlabelele noma asho ngokuthi:*

> Udumo malube kuYise neNdodana noMoya oNgcwele!

*lbandla lisukume lihlabelele, lithi:*

> Njengoba kwakunjalo ekuqaleni, Kunjalo namanje. Koba njalo naninininí. Amen.

*Kungahlatshelelwa lapha Te Deum: Wena Nkulunkul' omkhulu!*
*lbandla lihlale phansi.*

### Isifundo seBhayibheli

*Umfunidsi aphendukele ebandleni, athi:*

> Yizwani iZwi likaNkulunlkulu elilotshiwe . . . .

*Umfundisi afunde iZwi elithile leTestamente eliSha.*

### IBenediktus: (IHubo lokubonga kukaZakariya)

*Umfundisi aphendukele ealtare, athi:*
*Ibandla lisukume.*

> Luk.1,68-75.
> Mayibongwe iNkosi, uNkulunkulu kaIsrayeli, ngokuba ibahambele abantu bayo, yabenzela inkululeko. Yisivusela uphondo lwensindiso endlini kaDavide, inceku yayo, njengalokhu yakhuluma ngomlonmo wabaprofethi bayo abangcwele basendulo, insindiso ezitheni zethu nasesandleni sabo bonke abasizondayo, ukwenzela okhokho betlhu isihawu nokukhumbula isivumelwano sayo esingcwele, isifungo eyasifunga kubaba uAbrahama, ukusinika ukuba sithi, sikhululiwe esandleni sezitha zethu, siyikhonze singenakwesaba, ngobungcwele nangokulunga phambi kwayo zonke izinsuku zethu.

*Ibandla lilhlabelele, lithi:*

Amen.

### Umkhuleko

*Umfundisi aphendukele ebandleni ahlabelele noma asho ngokuthi:*

INkosi mayibe nani.

*Ibandla liphendule ngokuhlabelela lithi:*

Ibe nomoya wakho.

*Umfundisi athi:*

Masikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare akhuleke, athi:*
*Ibandla likhothame, noma liguqe.*

Ngiyakubonga, Baba osezulwini, ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, ngokuba ungilondolozile ngalobubusuku kukho konke okubi nokulimazayo. Ngiyacela ukuba ungithethelele izono zami, ungilondoloze nanamulha kuzo izono nakukho konke okubi, ukuze konke ukwenza nokuhamba kwami kuthandeke kuwe. Ngiyazinikela, umzimba nomphefumulo nakho konke okwami, ezandleni zakho: ububele bakho bobubaba mabungivikele. Amen.

*Umfundisi nebandla baqhube ngokuthi:*

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlaheni njengasezulwini. Usiphe nhamuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

*Umfundisi aphendukele ebandleni, ahlabelele noma asho ngokuthi:*

Masidumise iNkosi.

*Ibandla lisukume lilhlabelele, lithi:*

Mayidunyiswe iNkosi. Haleluya. Haleluya. Haleluya.

Noma *kuthathwe elinye lama-Antifoni amisiweyo. (lkhasi 65,ff)*

### Isibusiso

*Umfundisi athi:*

Thobelani izinhliziyo zenu kuNkulunkulu namukele isibusiso:
UJehova makakubusise, akulondoloze.
UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe.
UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula.

# INKONZO YASEKUSENI

## Isihlabelelo

*Emva kokuhlatshelelwa ibandla lihlale phansi.*

## Intshumayelo

*Umfundisi aqale ngomkhuleko, besekulandela intshumayelo emfushane.*
*Angaqala intshumayelo yakhe ngokuthi:*

Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu, uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu. Amen.

*Angagcina ngokuthi:*

Udumo malube kuYise neNdodana noMoya oNgcwele. Njengoba kwakunjalo ekuqaleni, kunjalo namanje, koba njalo naninini. Amen.

## Isihlabelelo

*Umfundisi aye ealtare.*

## Umkhuleko

*Emva kokuhlatshelelwa umfundisi aphendukele ebandleni, ahlabelele noma asho ngokuthi:*

INkosi mayibe nani.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Ibe nomoya wakho.

*Umfundisi athi:*

Masikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare, athathe umkhuleko wasekuseni. Uma kuyiSonto elikhulu, afunde umkhuleko omiselwe leloSonto. Ngezinye izinsuku athathe oqondene nalesosikhathi, noma akhuleke ngokuthi:*

Siyakubonga, Nkosi Nkulunkulu onamandla onke, ngokuba usiphile iZwi lakho elingcwele. Sinxusa ukuba uMoya wakho oNgcwele asebenze phakathi kwethu ngalo iZwi lakho, sibe nokuphenduka okuyikho, sikholwe ngempela, sesabe, sethembe wena wedwa. Sivusele izinhliziyo zethu ukuba ekukholweni kwethu kubonakale uthando lwabakaKristu kukho konke esikwenzayo. Siphe lokhu, Baba, ngomusa wakho omkhulu, ngenxa kaJesu Kristu. Amen.

*Umfundisi nebandla baqube ngokuthi:*

Baba wethu osezulwlini. Malingcweliswe igama lakho. Mawuvike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

## Isibusiso

*Umfundisi aphendukele ebandleni, ahlabelele noma asho ngokuthi:*

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Amen. Amen. Amen.

## Isihlabelelo

# UMTHANDAZO WANTAMBAMA

*Umfundisi aye ealtare.*

## Isihlabelelo

*Emva kokuhlatshelelwa ibandla lihlale plhansi.*

## Isifundo samaHubo

*Umfundisi aphendukele ebandlleni, athi:*

Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu, uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu. Amen.
Zanini, sikhuleke kuNkulunkulu wethu, sikhothame phambi kwakhe.

*Umfundisi afunde elinye kulamaHubo.*

IHubo 23,l-6, IHubo 25,l-14,
IHubo 67,1-7, IHubo 121,l-8,
IHubo 139,1-8, IHubo 141,l-5.
IHubo 146,1-10
noma *elinye elifanele lenkonz*o.

*Umfundisi ahlabelele noma asho ngokuthi:*

Udumo malube kuYise neNdodana noMoya oNgcwele!

*lbandla lisukumne lihlabelele, lithi:*

Njengoba kwakunjalo ekuqaleni, Kunjalo namanje. Koba njalo nanininini. Amen.

*Kungahlatshelelwa lapha Te Deum: Wena Nkulunkul' omkhulu!*
*lbandla lihlale phansi.*

## Isifundo seBhayibheli

*Umfunidsi aphendukele ebandleni, athi:*

Yizwani iZwi likaNkulunkulu elilotshiwe....

*Umfundisi afunde iZwi elithile leTesamtente eliDala.*

## IMagnifikat. (IHubo lokubonga kukaMariya)

*Umfundisi aphendukele ealtare, athi:*
*Ibandla lisukume.*

Luk.1,46-55.
Umphefumulo wami uyayitusa iNkosi, nomoya wami uyathokoza kuNkulunkulu, uMsindisi wami, ngokuha ubhekile ubuphansi bencekukazi yakhe. Bheka, kusukela manje izizukulwane zonke ziyakuthi ngibusisiwe. Ngokuba uSomandla ungenzele izinto ezinkulu: igama lakhe lingcwele. Isihawu sakhe sikuzo izizukulwane ngezizukulwane kubo abamesabayo. Wenzile amandla ngengalo yakhe; uchithile abazidlayo ekuzidleni kwenhliziyo yabo. Uwisile amakhosi esihlalweni, uphakamisile abantukazana. Abalambileyo ubasuthisile ngezinto ezinhle, abacebileyo ubamukise-ze. Uyisizile inceku yakhe uIsrayeli, ukuze akhumbule isihawu, njengalokho akusho kokhokho bethu, kuAbrahama nenzalo yakhe, kuze kube phakade.

*Ibandla lilhlabelele, lithi:*

Amen.

## Umkhuleko

*Umfundisi aphendukele ebandleni ahlabelele noma asho ngokuthi:*

INkosi mayibe nani.

*Ibandla liphendule ngokuhlabelela lithi:*

Ibe nomoya wakho.

*Umfundisi athi:*

Masikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare akhuleke, athi:*
*Ibandla likhothame, noma liguqe.*

Ngiyakubonga, Baba osezulwini, ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, ngokuba ungilondolozile ngalolusuku lwanamuhla ngomusa wakho. Sengiyacela ukuba ungithethelele zonke izono zami, engizenzileyo, engone ngazo, ungilondoloze ngomsa wakho ngalobubusuku. Ngokuba ngiyazinikela, umzimba nomphefumulo nakho konke okwami, ezandleni zakho. Ingelosi yakho engcwele mayibe nami, ukuba isitha esibi singabi namandla kimi. Amen.

*Umfundisi nebandla baqhube ngokuthi:*

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlaheni njengasezulwini. Usiphe nhamuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

*Umfundisi aphendukele ebandleni, ahlabelele noma asho ngokuthi:*

Masidumise iNkosi.

*Ibandla lisukume lilhlabelele, lithi:*

Mayidunyiswe iNkosi. Haleluya. Haleluya. Haleluya.

Noma *kuthathwe elinye lama-Antifoni amisiweyo.* *(lkhasi 65,ff)*

## Isibusiso

*Umfundisi athi:*

Thobelani izinhliziyo zenu kuNkuulunkulu namukele isibusiso:

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe uhkuthula.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Amen. Amen. Amen.

## Isihlabelelo

# INKONZO YANTAMBAMA

## Isihlabelelo

*Emva kokuhlatshelelwa ibandla lihlale phansi.*

## Intshumayelo

*Umfundisi aqale ngomkhuleko, besekulandela intshumayelo emfushane.*
*Angaqala intshumayelo yakhe ngokuthi:*

> Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu, uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu. Amen.

*Angagcina ngokuthi:*

> Udumo malube kuYise neNdodana noMoya oNgcwele. Njengoba kwakunjalo ekuqaleni, kunjalo namanje, koba njalo naninini. Amen.

## Isihlabelelo

*Umfundisi aye ealtare.*

## Umkhuleko

*Emva kokuhlatshelelwa umfundisi aphendukele ebandleni, ahlabelele noma asho ngokuthi:*

> INkosi mayibe nani.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

> Ibe nomoya wakho.

*Umfundisi athi:*

> Masikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare, athathe umkhuleko wasekuseni. Uma kuyiSonto elikhulu, afunde umkhuleko omiselwe leloSonto. Ngezinye izinsuku athathe oqondene nalesosikhathi, noma akhuleke ngokuthi:*

> Nkulunkulu, Mninimandla onke, onesihawu esikhulu! Siphe umusa wakho ukuba ngeZwi lakho sithuthuke imihla ngemihla ebunyeni nawe nasekwazini wena ngempela, sikhuleke kuwe ngokukholwa nangokulalela okuyikho, sizilonde kuzo zonke izono nezedukiso. Nkulunkulu, lihlambulule iBandla lakho, ukuba lakhiwe libe linye ngamandla okukholwa nangemisebenzi yonke emihle. Qondisa ulondoloze uHulumeni wethu, wehlise isibusiso sakho phezu kwezikhulu zonke nabantu bazo.
> Nkosi, mawusibheke, usilonde kukho konke okubi okungalimaza umzimba nomphefumulo wethu. Siphe umusa ukuba siphumule kahle ngalobubusuku, sibe phansi kwesandla sakho sokusivikela. Nanxa sekufika ukuhlwa kokugcina, usimukise, usilalise kahle, singene ekuthuleni kwakho, ngayo iNdodana yakho ethandekayo, uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

*Umfundisi nebandla baqube ngokuthi:*

> Baba wethu osezulwlini. Malingcweliswe igama lakho. Mawuvike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi

sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

## Isibusiso

*Umfundisi aphendukele ebandleni, ahlabelele noma asho ngokuthi:*

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Amen. Amen. Amen.

## Isihlabelelo

# INKONZO YABANTWANA

*Umfundisi aye ealtare.*

## Isihlabelelo
*Abantwana basukume.*

## Ukuvuma izono
*Umfundisi aphendukele kubantwana, athi:*

Masivume izono zethu.

*Umfundisi woguqa, akhuleke ngokuthi:*
*Abantwana baguqe, noma bakhothame, bakhuleke kanye nomfundisi.*

Baba othandekayo wasezulwini. Ngonile kaningi kuwe ngakudabukisa ngezenzo zami. Angikuthandanga phezu kwezinto zonke nesakhelani sami njengoba ngizithanda. Ngithethelele, Baba othandekayo, ngisize ukulalela wena njalo, ngihlale ngibe umntwana wakho. Amen.

*Umfundisi ahlabelele kanye nabantwana, bathi:*

Nkosi, mawusihawukele.
Kristu, mawusihawukele.
Nkosi, mawusihawukele.

## IGloria
*Umfundisi asukume, ahlabelele noma afunde ngokuthi:*

Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu!

*Abantwana basukume bahlabelele, bathi:*

Nokuthula emhlabeni kubantu abathokozelwa nguye!

## Ivangeli
*Umfundisi aphendukele kubantwana, athi:*
*Abantwana bahlale phansi.*

Zwanini iVangeli elingcwele elilotshiwe . . . . . . .

*Umfundisi afunde iVangeli elimiselwe leloSonto, noma elinye kulamaZwi angcwele:*

Ngesikhathi seAdvente: Math.21 v. 5.
Ngesikhathi sokuzalwa kukaKristu: Luk.2,10-11.
Ngesikhathi sEphifaniya: Mark.10,14.
Ngesikhathi seNzilo: Joh.1,29.
Ngesikhathi sePhasika: Math.28,5-6.
Ngesikhathi emva kwePhasika: Joh.14,26.
Ngesikhathi sobuThathwemunye: Joh.3,16, Math.28,18-20, Joh.15,12-14, Math.5,7-9.

*Abantwana basukume bahlabelele, bathi:*

Makabongwe uNkulunkulu ngeZi lakhe elingcwele. Haleluya, Haleluya, Haleluya!

## Isivumo senkolo

*Umfundisi athi:*

Masivume inkolo yethu engcwele yamaKristu.

*Umfundisi aphendukele ealtare avume kanye nabantwana isivumo sabaphostoli ngokuthi:*

Ngiyakholwa kuNkulunkulu uYise, uMninimandla onke, uMdali wezulu nomhlaba.

Ngiyakholwa kuJesu Kristu, iNdodana yakhe ezelwe iyodwa, iNkosi yethu, owathatshathwa ngoMoya oNgcwele, wazalwa nguMariya intombi, wahlushwa kuPontu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa, wembelwa; wehlela endaweni yabafileyo, ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise, uMninimandla onke, lapho eyakubuya khona ukwahlulela abasahambayo nabafileyo.

Ngiyakholwa kuMoya oNgcwele, iBandla elingcwele lomhlaba wonke, inhlangano yabangcwele, ukuthethelelwa kwezono, ukuvuka komzimba, nokuphila okuphakade. Amen.

## Isifundo

*Abantwana bafundiswe ngeZwi elingcwele elimiselwe leloSonto.*

## Umnikelo

*Abantwana basukume bahlabelele isihlabelelo somnikelo. Kusahlatshelelwa kunikelwe.*

## Umkhuleko

*Umfundisi aphendukele ealtare, aguqe, akhuleke ngokuthi:*
*Abantwana baguqe, noma bakhothame.*

Baba othandekayo osezulwini. Siyakubonga ngokuba wasenza saba abantwana bakho eMbhapathizweni, wasivumela sikhule eBandleni lakho lamaKristu. Sisize silizwe iZwi lakho, sifunde ngalo ukwazi wena, Baba othandekayo, neNdodana yakho, uJesu Kristu, uMsindisi wethu. Siyakuncenga, siphe uMoya oNgcwele, size sililonde iZwi lakho ezinhliziyweni ezinhle, sihambe ngalo, sifulathele konke okubi, siphathane kahle othandweni, sigcine sifinyelele kuwe ezulwini, ngenxa kaJesu Kristu, iNkosi yethu.

Baba wethu osezulwlini. Malingcweliswe igama lakho. Mawuvike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

## Isibusiso

*Umfundisi aphendukele kubantwana, athi:*

Thobelani izinhliziyo zenu kuNkulunkulu namukele isibusiso:

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula.

# INKONZO YASEKUSENI NGOMKHOSI WEPHASIKA ENDAWENI YAMALIBA

*Lingakaphumi ilanga, ibandla lubuthane ngaphandle kwendlu yesonto. Umfundisi emi emnyango egqoke ingubo yenkonzo abingelele ibandla athi:*

Bandla leNkosi! INkosi ivukile!

*Ibandla livume lithi:*

Ivukile impela!

*Kushaywa insimbi, ibandla liya endaweni yamaliba lihlabelela:*

## Isihlabelelo

*Umfundisi athi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, owabuye wasizala kabusha ugokwesihawu sakhe esikhulu, ukuba sibe nethemba eliphilileyo ngokuvuka kukaJesu Kristu kwabafileyo, sibe nefa elingapheliyo, nelingenasisihla, nelingabuniyo, eniligcinelwe ezulwini. Haleluya!

*Ibandla lihlabelele lithi:*

Haleluya, Haleluya, Haleluya!

*Umfundisi athi:*

Masikhuleke

Nkulunkulu wokuthula, owakhuphula kwabafileyo uMalusi omkhulu wezimvu, ngegazi lesivumelwano esimiyo njalo, iNkosi yethu uJesu, makaniphelelise kukho konke okuhle, ukuze nenze intando yakhe esebenza phakathi kwethu khona lokho okuthokozisayo emehlweni akhe, ngoJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi yethu noMsindisi wethu obongekayo phakade. Amen.

## Isihlabelelo

*Umfundisi, noma ilunga lebandla, afunde Luka 24,1-12. Agcine ngokuthi:*

Babusisiwe abakholwa bengabonanga.

### Isihlabelelo.

*Sebandla noma sekwaya.*

*Umfundisi noma elinye ilunga lebandla afunde Joh.20,11-18. Agcine ngokuthi:*

Ngiyazi ukuba uMkhululi wami uyaphila!

### Isihlabelelo

*Sebandla noma sekwaya.*

*Umfundisi (noma abasha bebandla) athi:*

Usho njalo uJesu ukuthi: Mina ngingukuvuka nokuphila: okholwa yimi, noma efile wophila. Angiyikunishiya niyizintandane; ngiyeza kini. Onemiyalo yami ayigcine, nguyena ongithandayo uyakuthandwa nguBaba, nami ngiyakumthanda, ngizibonakalise kuye. Ukuthula ngikushiya kinina, ukuthula kwami nginipha khona. Akunjengokupha kwezwe ukunipha kwami. Inhliziyo yenu mayingakhathazeki, ingesabi. Nizwile ukuthi nganitshela ngathi: Ngiyamuka, kepha ngiyabuyela kini. Uma beningithanda, beniyakujabula, ngokuba ngiya kuBaba, lokhu uBaba mkhulu kunami. Manje senginitshelile kungakenzeki, ukuze nikholwe nxa sekwenzekile. Lokho ngikukhulume kini, ukuba nibe nokuthula kimi. Ezweni niyakubalusizi; kepha yimani isibindi, mina ngilinqobile izwe: Ngakho iBandla lonke lamakholwa liyajabula namhla lithi: Ukufa kugingiwe kwaba ukunqoba. Kufa, kuphi ukunqoba kwakho na? Kufa, luphi udosi lwakho na? Kepha makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu! Amen.

## Isihlabelelo

*Sebandla noma sekwaya.*

*Umfundisi ashumayele kafushane.*

## Isihlabelo

*Umfundisi athi:*

Masikhuleke

Msindisi obongekayo, Nkosi yethu Jesu Kristu! Uphumile elibeni, ube injabulo yabakholwayo bonke, ube udumo kulo igama lakho elikhulu: Siyakukubonga kanjani ngalolusuku olukhulu loMkhosi wodumo lwakho! Sesimazi manje lowo esikholwa kuye, sazi ngeqiniso ukuthi uyakusigcinela isabelo sethu kuze kube sosukwini lwakhe. Ukhishiwe ekwesabeni nasekwahlulelweni, ngakho lokho ukulahlwa kususiwe ngazo zonke izikhathi kubo bonke abavuka kanye nawe ekuphileni okusha. Nkosi Jesu, wena uyaphila, ngalokhu nathi asiyikufa. Wena ungukuvuka nokuphila. Phila phakathi kwethu esikuhbonga sikudumisa namhla ngenxa yothando nesihawu sakho esingenamkhawulo. Sivuse ngamandla kaMoya wakho ebuthongweni bezono zethu, bulala izinkanuko zonke ezimbi ezisabusa emzimbeni omiselwe ukufa, usiphe ukuba sihambe phambi kwakho ngokuphenduka okuyikho nangokukholwa okuqinisileyo ekuphileni okusha. Yahlula unqobe izwe eliphakathi kwethu. Qhawe elinamandla, hlala njalo ngokwesithembiso phakathi kwabakholwayo bakho. Siphe, Nkosi uhuthula kokuphila kwakho, lapho kukhona izipho zonke zasezulwini, amandla, induduzo, inqobo, intokozo yaphakade nokuphila okusindisayo. Nkosi Jesu Kristu, wena uyinhloko yethu yasezulwini, nxa uyakuzibonakalisa nathi siyakubonakaliswa nawe ebukhosini bakho. Okubolayo kuyakwembatha okungaboliyo, nokufayo kuyakwembatha okungafiyo. Nalabo bonke obavusayo ngamandla nangomusa kaMoya wakho oNgcwele bayakumemeza ngokuthokoza, badumise bathi: Makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu. Amen.

*Umfundisi kanye nebandla bakhuleke bathi:*

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawuvike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule

kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

*Umfundisi athi:*

UNkulunkulu wokuthula owakhuphula kwabafileyo uMalusi omkhulu wezimvu, ngegazi lesivumelwano esimiyo njalo, iNkosi yethu uJesu, makaniphelelise kukho konke okuhle, uhkuze nenze intando yakhe, esebenza phakathi kwethu khona lokho okuthokozisayo emehlweni akhe ngoJesu Kristu! Makube kuye inkazimulo kuze kube phakade. Amen.

*Umfundisi athi:*

INkosi ivukile!

*Ibandla livume lithi:*

Ivukile impela!

## Isihlabelelo

# UMBHAPATHIZO WABANTWANA

## Isihlabelelo soMbhapathizo

*Abameli nomntwana basondele endaweni yokubhapathiza.*
*Umfundisi athi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele.

Bathandekayo bakaKristu. Ngalo iZwi leNkosi siyazi ukuthi bonke abantu bazalwa benezono, kodwa siyazi futhi ukuthi uJesu Kristu wafika emhlabeni ukusindisa izoni. Njengoba uJesu Kristu, iNkosi yethu, eshilo ukuthi: Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene embusweni kaNkulunkulu, ngakho siletha abantwana bethu eMbhapathizweni ongcwele ukuba babe abantwana bakaNkulunkulu ngalomgezo wokuzalwa okusha. Siyacela sonke ngenhliziyo, ukuba uMsindisi wethu amamukele nalomntwana (abamukela labantwana) ngomusa wakhe, amnike (abanike) amandla kaMoya ongcwele, ukuba amethembe, amkhonze (bamethembe, bamkhonze) uNkulunkulu. Kulokho uNkulunkulu makambusise (makababusise). Amen.

INkosi yethu uJesu Kristu uqobo lwakhe wawumisa uMbhapathizo ongcwele ngokuthi:

Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni; ngakho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhapathiza egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nibafundisa ukugcina konke enginiyale ngakho; bheka, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe.

Masikhuleke:

Nkosi, Nkulunkulu Mninimusa! Sicelela lomntwana (lababantwana) isibusiso soMbhapathizo ongcwele, simnxusela (sibanxusela) umusa wakho ongapheliyo ngokuzalwa okusha ngamanzi nangoMoya oNgcwele. Mawumkhiphe (mawubakhiphe) emandleni obumnyama, umgcine (ubagcine) eqinisweni lakho kuze kube phakade. Amen.

Masizwe iVangeli elingcwele elilotshiwe kuMarku lokuthi:

Khona baletha kuye abantwana ukuba abaphathe, kepha abafundi babakhuza. Kodwa uJesu ekubona, wathukuthela, wathi kubo: Vumelani abantwana beze kimi, ningabanqabeli; ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo. Ngiqinisile ngithi kini: Yilowo ongamukeli umbuso kaNkulunkuluu njengomntwana, kasoze angene kuwo. Wabagona, wababusisa, ebeka izandla phezu kwabo.

Nathi siletha lomntwana (lababantwana) kuJesu uMsindisi ukuba athole (batlhole) sona lesisibusiso. Ngakho siyamkhulekela (siyabakhulekela), sithi:

*Umfundisi abeke isandla ekhanda lomntwana (salowo nalowomntwana), akhuleke ngokuthi:*

Baba wethu osezulwlini. Malingcweliswe igama lakho. Mawuvike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi

sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

*Umfundisi aqhube ngokuthi:*

Masimale uSathane, sivume inkolo yethu yamaKristu.

*Umfundisi nabameli bathi:*

Ngiyamala uSathane nezenzo zakhe zonke nemikhuba yakhe yonke.

Ngiyakholwa kuNkulunkulu uYise, uMninimandla onke, uMdali wezulu nomhlaba.

Ngiyakholwa kuJesu Kristu, iNdodana yakhe ezelwe iyodwa, iNkosi yethu, owathatshathwa ngoMoya oNgcwele, wazalwa nguMariya intombi, wahlushwa kuPontu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa, wembelwa; wehlela endaweni yabafileyo, ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise, uMninimandla onke, lapho eyakubuya khona ukwahlulela abasahambayo nabafileyo.

Ngiyakholwa kuMoya oNgcwele, iBandla elingcwele lomhlaba wonke, inhlangano yabangcwele, ukuthethelelwa kwezono, ukuvuka komzimba, nokuphila okuphakade. Amen.

*Umfundisi abesethi:*

Niyathanda yini ukuba lomntwana abhapathizwe (lababantwana babhapathizwe) kulokhukukholwa na?

*Abameli nabazali baphendule, bathi:*

Yebo.

*Umfundisi athi:*

UJehova makalondoloze ukuphuma kwakho nokungena kwakho, manje kuze kube phakade.

Yamukela uphawu lwesiphambano ebunzini nasesifubeni kube ubufakazi bokusindiswa kwakho ngoJesu Kristu obethelweyo esiphambanweni.

*Umfundisi athele amanzi kathathu ekhanda lomntwana, ethi:*

N. N. (asho igama lomntwana), ngiyakubhapathiza egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Amen.

*Umfundisi aphakamise isandla, athi:*

UNkulunkulu uSomandla, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, okuzele ngokusha ngamanzi nangoMoya oNgcwele, okuthethelele izono zakho, makakuqinise ngomusa wakhe, uze ube nokuphila okungapheliyo. Amen.

Masibonge sikhuleke.

Baba othandekayo, Nkulunkulu Mninimandla onke, okhona njalonjalo. Siyakubonga ngenhliziyo yonke ngokuba wandisa njalo ibandla lakho elingcwele lamaKristu, njengalokhu usumvumele nalomntwana (usubavumele lababantwana) ukuba angene (bangene) eBandleni. Siyacela kuwe ukuba umlondoloze, ahambe (ubalondoloze, bahambe) ngokuhamba okusha ngamandla okuvuka kukaKristu, athuthuke (bathuthuke) ekukholweni okuqinisileyo kuyo iNdodana yakho uJesu Kristu. Amen.

*Umfundisi aphakamise isandla athi:*

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula. Amen.

*Umfundisi ayale abameli bomntwana ngokuthi:*

Bathandwa bakaKristu. Nina eningabameli balomntwana (balababantwana) noba ofakazi bokuthi ubhapathiziwe (babhapathiziwe) egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Anomkhumbula lomntwana (anobakhumbula lababantwana) phambi kukaNkulunkulu emikhulekweni yenu, nangamandla onke nisize ukuba akhuliswe (bakhuliswe) ekukholweni nasekumesabeni uNkulunkulu, ahlale engokaKristu (bahlale bengabakaKristu) njalo, njengoba esengowakhe (sebengabakhe) ngoMbhapathizo.

*Umfundisi agcine ngokuthi:*

Hambani nibe nokuthula kweNkosi.

## Isihlabelelo

# UMBHAPATHIZO WABAKHULILEYO

## Isilhlabelelo soMbhapathizo

*Uma bengakabuzwa phambi kwebandla kwezenkolo, kungenziwa lapha.*
*Umfundisi abesethi*:

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele.

Njengoba senitholile ukukhanyiswa eqinisweni ngeZwi likaNkulunkulu, nanjengoba nilangazelela ukubhapathizwa, ngakho seniyamukelwa eBandleni likaKristu. Sicela ukuba uNkulunkulu ngoMoya wakhe oNgcwele aqinise kini ukukholwa okuphilayo, ukuze kudunyiswe uNkulunkulu, kusindiswe imiphefumulo yenu.

Akesizwe umyalezo weNkosi ngoMbhapathizo ongcwele:

Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemlhlabeni: ngakho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nibafundisa ukugcina konke enginiyale ngakho; bheka, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe.

Masikhuleke.

*Umfundisi akhuleke ngokuthi:*
*Ababhapathizwayo baguqe.*

Nkulunkulu, Mninimandla onke, ophhakade, Yise weNkosi yethu uJesu Kristu, siyanxusela laba abacela isipho soMbhapathizo nabafisa umusa wakho waphakade ngokuzalwa kwesibili ngokoMoya. Mawubamukele, Nkosi, njengalokhu wathi: Celani, khona nizakuphiwa; funani, khona nizakufumana; ngqongqothani, khona nizakuvulelwa. Baphe laba isibusiso saphakade salomgezo wasezulwini, bamukele umbuso wakho ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

*Umfundisi abeke isandla ekhanda lalowo nalowo akhuleke, athi:*

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawuvike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

*Ababhapathizwayo basukume.*
*Umfundisi abuze, athi:*

Niyamala uSathane na?

*Bavume, bathi:*

Ngiyamala uSathane nezenzo zakhe zonke nemikhuba yakhe yonke.

*Umfundisi:*

Vumani ukukholwa kwenu.

*Abombhapathizo:*

Ngiyakholwa nguNkulunkulu, uYise uMninimandla onke, uMdali wezulu nomhlaba.
Ngiyakholwa nguJesu Kristu, iNdodana yakhe ezelwe iyodwa, iNkosi yethu, owathatshathwa ngoMoya oNgcwele, wazalwa nguMariya intombi, wahlushwa phansi kukaPontiyu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa, wembelwa, wehlela endaweni yabafileyo, ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uYise uMninimandla onke; lapho eyakubuya khona ezokwahlulela abasahambayo nabafileyo.

Ngiyakholwa nguMoya oNgcwele, ikerike elingcwele likaKristu lomhlaba wonke, inhlangano yabangcwele, ukuthethelelwa kwezono ukuvuka kwenyama, nokuphila okuphakade. Amen.

*Umfundisi abuze, athi:*

Niyathanda yini ukubhapathizwe kulokhukukholwa na?

*Ababhapathizwayo:*

Yebo.

*Umfundisi athi kulowo nalowo:*

UJehova makalondoloze ukuphuma kwakho nokungena kwakho, manje kuze kube phakade.

Yamukela uphawu lwesiphambano ebunzini nasesifubeni kube ubufakazi bokusindiswa kwakho ngoJesu Kristu obethelweyo esiphambanweni.

*Umfundisi ambuze, athi:*

Uzobizwa ngaliphi igama na?

*Obhapathizwayo asho igama lakhe, akhothame.*
*Umfundisi athele amanzi kathathu ekhanda, ethi:*

N. N. (asho igama lakhe), ngiyakubhapathiza egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Amen.

*Umfundisi aphakamise isandla phezu kwababhapathiziweyo, athi:*

UNkulunkulu uSomandla, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, okuzele ngokusha ngamanzi nangoMoya oNgcwele, okuthethelele izono zakho, makakuqinise ngomusa wakhe, uze ube nokuphila okungapheliyo. Amen.

Masibonge sikhuleke.

Baba othandekayo, Nkulunkulu Mninimandla onke, okhona njalonjalo. Siyakubonga ngenhliziyo yonke ngokuba wandisa njalo ibandla lakho elingcwele lamaKristu, njengalokhu usubavumele nalaba ukuba bangene eBandleni. Siyacela kuwe ukuba ubalondoloze, bahambe ngokuhamba okusha ngamandla okuvuka kukaKristu, bathuthuke ekukholweni okuqinisileyo kuyo iNdodana yakho uJesu Kristu. Amen.

*Umfundisi aphakamise isandla athi:*

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula. Amen.

*Umfundisi aqhube, athi:*

Bafowethu abathandekayo. Njengoba seningenisiwe esivumelwaneni noNkulunkulu ngoMbhapathizo ongcwele, nenziwa abantwana bakhe, manikhumbule njalo enikuvumileyo namhla phambi kukaNkulunkulu neBandla lakhe. Khuthalelani iZwi elingcwele likaNkulunkulu neSakramente leSithebe esingcwele ngezikhathi zonke. Nilinde nikhuleke ukuba ninqobe ekulingweni, nizuze ukuphila okuphakade enibizelwe kukho.

*Umfundisi abesethi kulo ibandla lonke:*

Nina beBandla, ningofakazi bokuthi lababafowethu babhapathiziwe egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Nimelwe ukubakhumbula phambi kukaNkulunkulu emikhulekweni yenu, nihlalisane nabo ngothando lwabazalwane, nibasize ukuba babambelele kuKristu, njengoba yena usebamukele manje eMbhapathizweni

.

*Umfundisi agcine ngokuthi:*

Hambani nibe nokuthula kweNkosi.

## Isihlabelelo

# INDLELA YOKUBHAPATHIZA ENGOZINI YOKUFA.

*Uma kukhona umuntu ophendukayo noma umntwana wabebandla, besengozini yokufa, kuhle kubizwe umfundisi masinyane, ambhapathize masinyane onjalo engakafi. Uma umfundisi engatholakali, makubizwe umshumayeli noma omunye umuntu oqotho webandla (owesilisa noma owesifazane), ukuba ambhapathize lo ogulayo. Ngemuva kodwa lombhapathizo mawusheshe ubikwe kumfundisi.*

*Obhapathizayo aqale ngokuthi:*

Bathandekayo eNkosini yethu uKristu! Njengoba usizi lukhulu, futhi kufanele sisheshe ngombhapathizo, ake sicele kuqala kuNkulunkulu ngeqiniso, sikhuleke umkhuleko weNkosi:

Baba wethu osezulwini, malingcweliswe igama lakho, mawufike umbuso wakho, mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini, siphe namhla ukudla kwethu kwemihla, usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanamacala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo kuze kube phakade. Amen.

*Aqhubele ngokuthi:*

Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, usiyalile ngeNdodana yakho ethandekayo uJesu Kristu, ukuba sibalethe abantwana bethu kuwe, ukuba ubabusise, ak' usihawukele sonko kulokhukuhlupheka, kakhulu umhawukele lomntwana! Mamukele ngomusa wakho, abe-ngowakho, agcine abe-ngowakho, umthethelele zonke izono, umenze abe-ngumntwana wokuphila okuphakade ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

*Obhapathizayo abuze athi:*

Uyamala uSathane nezenzo zakhe zonko nemikhuba yakhe yonke na?

*Obbapathizwayo aphendule athi:*

Yebo.

*Obhapathizayo athi:*

Ake uvume ukukholwa kwakho.

*Obhapathizwayo aphendule athi:*

Ngiyakholwa nguNkulunkulu, uYise uMninimandla onke, uMdali wezulu nomhlaba.

Ngiyakholwa nguJesu Kristu, iNdodana yakhe ezelwe iyodwa, iNkosi yethu, owathatshathwa ngoMoya oNgcwele, wazalwa nguMariya intombi, wahlushwa phansi kukaPontiyu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa, wembelwa, wehlela endaweni yabafileyo, ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uYise uMninimandla onke; lapho eyakubuya khona ezokwahlulela abasahambayo nabafileyo.

Ngiyakholwa nguMoya oNgcwele, ikerike elingcwele likaKristu lomhlaba wonke, inhlangano yabangcwele, ukuthethelelwa kwezono ukuvuka kwenyama, nokuphila okuphakade. Amen. Ngiyakholwa nguNkulunkulu, uYiso uMninimandla-onke, uMdali wezulu nomh!aba.

*Obbapathizayo abuze athi:*

Uyathanda ukubhapathizwa kulokhukukholwa na?

*Obhapathizwayo aphendule athi:*

Yebo.

*Obhapathizayo athele kathathu amanzi ekhanda, athi:*

(Sibanibani) ngiyakubhapathiza egameni likaNkulunkulu uYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Amen.

*Aqhube athi:*

UNkulunkulu uMninimandla-onke, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, okuzele ngokuzalwa okusha ngamanzi nangoMoya oNgcwele, okuthethelele zonke izono zakho, makakuqinise ngomusa wakhe kuze kube-phakade. Amen.

Ukwenama makube-nawe!

*Obhapathizayo aqhube ngokuthi:*

Masikhuleke: Nkulunkulu Mninimandla-onke, Baba osezulwini! Siyakubonga, ngoba usamnikile lomntwana ukuphila kuze kubemanje, waze wathola ukuphindukuzalwa ngombhapathizo ongcwele. Siyacela ngokuthoba, ake umlondoloze ebuntwaneni bakhe kuze ube-sekugcineni, futhi lapha kuyintando yakho nokuthi kungamlungela lomntwana, ake ususe lobububuthakathaka, umnike umusa wakho, ukuba akhule, afundiswe ngawe, aze azivumele naye ebandleni ukukholwa kwakhe, abe-ligatsha njalo esivinini sikaKristu, kudunyiswe wena. Kodwa lapha usunqumile ngentando yakho ukumsusa kulokhukuphila, mayenziwe intando yakho enomusa, elungileyo. Usisize thina kanye nezihlobo zalomnfwana, ukuba sonke sizithobe phansi kwentando nabangcwele bonke ezulwini ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi yethu. Amen.

Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu, nothando lukaBaba, nokuhlangana kukaMoya oNgcwele makube-nathi sonke. Amen.

*Uma sekukubi kakhulu, umphefumulo usufuna ukuphuma, kungasekho ithuba lokuya kumfundisi, ogulayo angabhapathizwa noma ngubani ongumKristu, ongasoleki ekuhambeni kwakhe.*

*Obhapathizayo athathe amanzi, amthele kathathu ngawo, athi:*

(Sibanibani) ngiyakubhapathiza egameni likaNkulunkulu uYise neleNdodana nelikaMoya Ongcwele. Amen.

*Ake sikhuleke umkhuleko weNkosi:*

# UKUBHAPATHIZA OSENGOZINI YOKUFA NOKUQINISA UMBHAPATHIZO ONJALO

## A. NGOKUBHAPATHIZA

*Uma umuntu osafundela uMbhapathizo, noma umntwana ozelwe ngumuntu webandla, esengozini yokufa, makubizwe umfundisi masinyane, azombhapathiza onjalo engakafi. Kepha uma umfundisi engatholakali eduze, kuvunyiwe ukuba umvangeli noma omunye umuntu oqotho webandla (owesilisa noma owesifazane), ambhapathize ogulayo, abike kodwa uMbhapathizo onjalo masinyane kumfundisi. Ozobhapathiza kanye nabameli abakhona bafanele ukukhumbula ukuthi lomsebenzi ungcwele, kusetshenziswe amanzi amahle eMbhapathizweni. Uma kungenzeka kuzoqalwa ngesivumo senkolo. Obhapathizayo athele amanzi kathathu ekanda logulayo, athi:*

N. N., ngiyakubhapathiza egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele.

*Aqhube ngokuthi:*

Baba wethu osezulwlini. Malingcweliswe igama lakho. Mawuvike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

Umusa weNkosi uJesu Kristu, nothando lukaNkulunkulu, nokuhlangana kukaMoya oNgcwele makube nawe. Amen.

## B. NGOKUQINISA UMBHAPATHIZO ONJALO

*Uma ogulayo engafanga, kufanele alethwe ngabameli phambi kwebandla, uMbhapathizo uqiniswe ngumfundisi. Kuthathwe ngendlela emsiweyo yokubhapathiza kuze kube sekugcineni kwesivumo senkolo. Besekuqhutshwa ngendlela elandelayo:*

*Umfundisi abuze ofakazi balowoMbhapathizo ukuthi:*

Lomuntu (lomntwana) wabhapathizwa ngamanzi egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, na?

*Baphendule, bathi:*

Yebo.

*Umfundisi athi:*

Njengalokhu kusobala ukuthi N. N. usebhapathiziwe impela, ngokwesikhundla sami sengiyawuqinisa loMbhapathizo egameni likYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele.

*Umfundisi aphakamise isandla, athi:*

UNkulunkulu uSomandla, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, okuzele ngokusha ngamanzi nangoMoya oNgcwele, okuthethelele izono zakho, makakuqinise ngomusa wakhe, uze ube nokuphila okungapheliyo. Amen.

Masibonge sikhuleke.

Baha othandekayo, Nkulunkulu Mninimandla onke, okhona njalonjalo. Siyakubonga ngenhliziyo yonke ngokuba wandisa njalo iBandla lakho elingcwele lamaKristu, njengalokhu usumvumele nalomuntu (nalomntwana) ukuba angene eBandleni. Siyacela kuwe ukuba umlondoloze, ahambe ngokuhamba okusha ngamandla okuvuka kukaKristu, athuthuke ekukholweni okuqinisileyo kuyo iNdodana yakho uJesu Kristu. Amen.

*Umfundisi aphakamise isandla, athi:*

UJehova makakuhusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula. Amen.

*Umfundisi ayale abameli ngokuthi:*

Bathandwa bakaKristu. Nina eningabameli balomntwana (balomuntu) noba ofakazi bokuthi ubhapathiziwe egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Anomkhumbula phambi kukaNkulunkulu emikhulekweni yenu, nangamandla onke nisize ukuba akhuliswe ekukholweni nasekumesabeni uNkulunkulu, ahlale engokaKristu njalo, njengoba esengowakhe ngoMbhapathizo.

*Umfundisi agcine ngokuthi:*

Hambani nibe nokuthula kweNkosi.

## Isihlabelelo

# UMQINISO

*Bonke ababhapathiziwe besebancane boqiniswa sebekhulile. Bengakaqiniswa bohlala bafundiswe ngumfundisi, aze abone ukuthi sebenokwazi, bafaneIe ukuqiniswa. Ngosuku olumiselwe lomsebenzi ongcwele abazoqiniswa bobuthanele emsamo wendlu yokusonta.*

*Kuqalwe ngesihlabelelo, umfundisi abesephendukela ebandleni athi:*

Masikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare, akhuleke ngokuthi:*

Nkulunkulu Somandla, Baba onesihawu ngaye uJesu Kristu, siyakubonga, siyalidumisa igama lakho elingcwele, ngokuba wabamukela lababantwana ngoMbhapathizo ongcwele esivumelwaneni sakho somusa, wabuya wabalondoloza kuze kube manje. Wabahola ngeliZwi lakho elingcwele ukuba baliqonde iqiniso lokusindiswa. Akubenzele umusa ukuba bayifakazele ngenjabulo inkolo yabo nethemha elisezinhliziyweni zabo. Usiphe sonke umusa wakho, ukuba nathi siqiniswe, sisekelwe ukuliqonda iqiniso, sibe amalungu aphilileyo eBandleni lakho elingcwele, sikudumise wena ngamazwi nangenkambo ngazo zonke izikhathi nasezindaweni zonke kuze kube phakade. Amen.

*Umfundisi aphendukele ebandleni ahlole abazoqiniswa. Lokhukuhlolwa kungenziwa ngeSonto elandulelayo noma ngelinye ilanga, uma kusweleka.*

*Umfundisi woqhuba ashumayele kufushane. Besebesondela phambi kwealtare abazoqiniswa, kuhlatshelelwe isihlabelelo.*
*Umfundisi athi:*

Bantwana bami abathandekayo. Nabhapathizwa egameni likaNkulunkulu uMthathwemunye, nasenifundiswa isifundiso senkolo njengoba sivunywa yiBandla lakithi lamaLuthere. Manje, phambi kobuso bukaNkulunkulu naphambi kwalelibandla, vumani ngokwenu lokhokukholwa kwabakaKristu enabhapathizelwa kukho.

*Abaqiniswayo bavume isivumo senkolo:*

Ngiyakholwa nguNkulunkulu, uYise uMninimandla onke, uMdali wezulu nomhlaba.

Ngiyakholwa nguJesu Kristu, iNdodana yakhe ezelwe iyodwa, iNkosi yethu, owathatshathwa ngoMoya oNgcwele, wazalwa nguMariya intombi, wahlushwa phansi kukaPontiyu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa, wembelwa, wehlela endaweni yabafileyo, ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uYise uMninimandla onke; lapho eyakubuya khona ezokwahlulela abasahambayo nabafileyo.

Ngiyakholwa nguMoya oNgcwele, ikerike elingcwele likaKristu lomhlaba wonke, inhlangano yabangcwele, ukuthethelelwa kwezono ukuvuka kwenyama, nokuphila okuphakade. Amen.

*Umfundisi wobabuza, ethi:*

Niyathanda ukuba ngomusa kaNkulunkulu nibambelele kulokhukukholwa, nihambe ngakho na?

*Abaqiniswayo baphendule, bathi:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Niyathanda ukuba ngokusiza kukaNkulunkulu nilinde, nikhuleke njalo, nikhuthalele iZwi leNkosi neSidlo esingcwele na?

*Abaqiniswayo:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Niyazimisela ukuba nixwaye zonke izifundiso ezidukisayo, ninamathele kuso isivumo seBandla likaKristu na?

*Abaqiniswayo:*

Yebo.

*Umfundisi ambize yilowo nalowo ngegama nesibongo sakhe, athi:*

Akuvume ngokwakho isivumelwano soMbhapathizo.

*Yilowo aphendule, athi:*

Ngiyamala uSathane nezenzo zakhe zonke nemikhuba yakhe yonke. Ngiyazinikela kuNkulunkulu uMthathwemunye, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

*Abaqiniswayo baguqe.*

*Umfundisi abeke isandla kulowo nalowo ngokulandelana. Kuthathwe indlela a noma b. Athi:*

UNkulunkulu owakwamukela eMbhapathizweni, wakwenza umntwana wakhe nendlalifa yokuphila okuphakade, makakulondoloze emseni woMbhapathizo wakho kuze kube sekugcineni kokuhamba kwakho. Yena makakuqinise ekukholweni ukuba umphefumulo wakho usindiswe. Amen.

Noma:

UNkulunkulu uMthathwemunye, owakubizela ebukhosini bakhe, makakumise ekukholweni okuqinisileyo ngoJesu Kristu kuze kube phakade. Amen.

*Uma umfundisi eseqedile ukubabeka isandla yilowo nalowo oguqayo, woqhuba njengasenhla, athi:*

UNkulunkulu owanamukela eMbhapathizweni, wanenza abantwana bakhe nezindlamafa zokuphila okuphakade, makanilondoloze emseni woMbhapathizo wenu kuze kube sekugcineni kokuhamba kwenu. Yena makaniqinise ekukholweni ukuba imiphefumulo yenu isindiswe. Amen.

*Sebeqinisiwe bonke, umfundisi aqhube ngokuthi:*
*Abaqiniswayo basukume.*

Bantwana abathandekayo:

Njengalokhu senivumile ukukholwa kwenu phambi kobuso bukaNkulunkulu owaziyo konke, okhona ezindaweni zonke, sengiyamemezela, ngithi: Senivunyelwe ukwamukela iSidlo seNkosi esingcwele nokuhlanganyela amalungelo onke eKerike. Sengathi iNkosi inganipha ngomusa wayo, ukuba konke ukuhamba kwenu nakho konke ukukhamelela kwenu kube okwahlukaniselweyo uNlkulunkulu, niyenze intando yakhe, ngaye uJesu Kristu.

Ukuthula makube kini.

*Umfundisi aqhube, athi:*

Bandla elithandekayo:

Senizwile ukuvuma nokuqinisa kwalababantwana. Bondliwe kuze kube namuhla eBandleni ngeZwi nangomkhuleko. Niyanxuswa ukuba nibakhumbule njalo emikhulekweni yenu, ukuba uNkulunkulu awufeze umsebenzi awuqalileyo kubo. Baqinisiwe manje kodwa basenobuthakathaka: badinga ukuqiniswa imihla ngemihla ekuhambeni kwabo ngoba basezweni lezingozi. Nonke eningabakaKristu niyancengwa ukuba nibasize njalo ngokwenza kwenu nangemikhuleko yenu, nibe izibonelo ezinhle kubo, ningabacunuli, kodwa nibaluleke nibahloe kukho konke okulungileyo. UNkulunkulu oMthathwemunye makasisize sonke kulokho. Amen.

*Kungahlatshelelwa lapha lesi isihlabelelo noma esinye esifanelayo.*

Nkulunkulu, Baba, Ndodana noMoya, Ngimi ngawe wedwa; Siza, ngikufuze. Kheth' inhliziyo yami, Ibe indawo yakho. Ngomusa wakh' omkhulu Sengithi: Ungowami, Wena Nkulunkulu, Baba, Ndodana noMoya. (232 v.4)

*Umfundisi:*

Masikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare akhuleke, athi:*

Nkulunkulu, Mninimandla onke, nguwe ophelelisa ukuthanda nokwenza okulungileyo phakathi kwethu. Sikhulekela lababantwana bakho, abavume namuhla ngokwabo isivumelwano soMbhapathizo, ukuba ubaqinise emuseni wakho ngoMoya oNgcwele. Banobuthakathaka, baqinise ngamandla akho! Bazakuhamba ezweni lezingozi, bavikele ngomusa wakho! Bazakungena ekulingweni okuningi, basize balwe ukulwa okulungileyo, banqobe! Baphathe ngothando lwakho, ubabusise ubaqondise endleleni eqinisileyo ukuba bazuze ukuphila okungapheliyo ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

*Umfundisi aphendukele ibandla abenzele abaqinisiweyo isibusiso ngokuthi:*

Umusa weNkosi uJesu Kristu nothando lukaNkulunkulu nokuhlangana kukaMoya oNgcwele makube nani nonke. Amen.

## Isihlabelelo

Gen.17,1; Josh.1,5.6; 23,11; 24,22; 1. IziKr.12,18; AmaH.1; 25,5; 37,37; 86,11; 119, 1-19; IzA.4,23; 8,17; 23,26; Shum.11,9; 12,1; Isaya 30,21; 41,10; 43,1; 44,21; Mik.6,8; Math.6,33; 7,13-27; 10,32.33; 25,14-30; Luk.2,46-52; 13,25; Joh.6,68; 8,12.31.32; 10,11-30; 14-17; IzE.2,42; 4,12; 20,32; Rom.1,16; 10,9; 12; 1 Kor.1,9; 3,9; 9,24-10,15; 16,13.14; 2 Kor.6,1.2.16-18; 13,13; Ef.1,16-20; 3,14-21; 4,1; 6,1-10; Fil.1,3-11; 2,12.13; 4,4.8; Kol.1,12.13; 2,6.7.18; 1 Thes.5,12-24; 2 Thes.3,3; 1Thim.4,7.8; 6,11-16; 2 Thim.2,1.5.22; 3,14-17; 1 Petr.1,13-25; 2; 3,8-15; 5,10.11; 2 Petr.3,18; 1 Joh.2,28; 3,7; 3 Joh.4; Heb.10,23.25.39; 13,9.17.20.21; IsAmb.2,10; 3,11

# INKONZO YOKUBIKA IZONO

*AbeSidlo bazibike kumfundisi, yilowo nalowo, ngezinsukwana ezandulela usuku lweSidlo seNkosi. Umfundisi akhulume nabo abaluleke ngezindaba zomphefumulo.*
*Umfundisi aye ealtare.*

## Isihlabelelo

*Ibandla lisukume.*
*Uma kukhona ozivalela esidlweni noma ozikhipha ebandleni angabikwa lapha ngendlela elandelayo:*
*Umfundisi aphendukele ebandleni; athi:*
*Ibandla lihlale phansi.*

Ngenhliziyo edabukileyo ngiyalibikela ibandla ukuthi u . . . uzikhiphile eSithebeni esingcwele (noma: uzikhiphile ebandleni) ngesono esisobala asivumayo (noma ngozikhiphayo ebandleni: ngesono esisobala abambelele kuso eselulekiwe). Masikhumbule lomfowethu emikhulekweni yethu, sikhumbule nathi iZwi elithi: "Osuka ethi umi, akaqapele ukuba angawi." Masikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare akhuleke, athi:*

Baba othandekayo wasezulwini, wena ongathokozi ngokufa komubi kepha ngokubuya komubi endleleni yakho ukuba aphile, siyamcelela lomfowethu, ukuba umnike inhliziyo ephendukayo, abalekele kuwe, njengalokhu wathi uma sizivuma izono zethu uthembekile, ulungile ukuba usithethelele izono, usihlanze kukho konke okungalungile. Yizwa umkhuleko wethu ngenxa kaJesu Kristu uMsindisi wethu. Amen.

## Intshumayelo yokubika

*Umfundisi aphendukele ebandleni ashumayele, aqale ngokuthi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

*Intshumayelo ingalandelwa yilesisiyalezo:*

Bathandekayo eNkosini uKristu Jesu!

Ekusondeleni esithebeni seNkosi khumbulani kahle iZwi elithi:

Umuntu akazihlolisise, khona-ke akadle lesisinkwa, aphuze lesisitsha. Ngokuba odlayo aphuze uzidlela aziphuzele icala, uma engawuhlukanisi umzimba weNkosi.

Qondani ukuthi ukusondela okufaneleyo kungukuphenduka ezonweni nokuzikhalela kuNkulunkulu ngenhliziyo edabukileyo, nokukholwa impela amaZwi nezithembiso zikaNkulunkulu. UJesu Kristu uthi: "Kungumzimba wami onikelwa nina", "kuligazi lami elithululwa ngenxa yabaningi kukho ukuthethelelwa kwezono". Kholwani ukuthi lawamazwi aqinisile nokuthi niphiwa umzimba negazi likaKristu eSidlweni seNkosi. Khumbulani nokuthi ngokwamukela nifakazela iNkosi yenu. Ngakho bonakalisani ukukholwa kwenu ngokuhamba okuthokozisa iNkosi, nidede kukho konke okubi.

UNkulunkulu uBaba makanenzele umusa, anibusisele ukusondela kwenu ngenxa kaJesu Kristu. Kulokho masinxuse sikhuleke kuNkulunkulu ngezinhliziyo eziqinisileyo.

## Ukuvma izono

*Aqhube ngokuthi:*

Masivume izono zethu phambi kukaNkulunkulu, sikhuleke.

*Umfundisi aplhendukele ealtare aguqe, athathe omunye kulemikhuleko elandelayo:*
*Ababikayo baguqe, noma bakhothame.*

Nkosi, Baba onomusa. Mina muntu ohluphekayo, oyisoni, ngonile kuwe kaningi ngemicabango nangamazwi nangezenzo; angizilanduleli ngalutho, kepha ngiyakholwa kuyo iNdodana yakho ezelwe iyodwa, uJesu Kristu; owafa ukuba angisindise. Ngiyacela ngenxa yakhe: Ngithethelele zonke izono zami. Nginike uMoya wakho oNgcwele ukuba ngikholwe iZwi lokuthethelelwa, nangenhliziyo yonke ngibalekele izono zonke, ngivume ukuba intando yakho engcwele yenziwe kimi. Nkosi, ngihawukele! Amen.

Noma:

Ngihawukele, Nkulunkulu, ngomusa wakho; yesula iziphambeko zami ngokobubele bakho obukhulu. Ngigezisise ebubini bami, ungihlanze esonweni sami. Ngokuba ngiyazazi iziphambeko zami; isono sami siphambi kwami njalo. Ngonile kuwe, wena wedwa, ngakwenza okubi emehlweni akho. Fihla ubuso bakho ezonweni zami, wesule zonke izenzo zami ezimbi. Nkulunkulu, dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo, uvuse umoya oqinileyo phakathi kwami. Ungangilahli ebusweni bakho, ungangamuki uMoya wakho oNgcwele. Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yakho, ungiphase ngomoya ovumayo. Amen.

## Ukukhululwa

*Umfunhdisi wobheka abeSidlo, abakhulule ngenye kulezizindlela:*
*Umfundisi abuze, athi:*

Lokhu kungukubika kwenhliziyo yakho na?

*Ababhkayo baphendule, bathi:*

Yebo.

*Unmfundisi athi:*

Sondelani phambi kwealtare leNkosi, namukele ngokubika kwenu okunjalo ukuthethelelwa kwezono zenu.

*Ababikayo basondele esiguqweni sealtare, baquqe.*
*Umfundisi athi:*

UJesu Kristu wathi kubafundi bakhe: "Enibathethelela izono zabo, bathethelelwe", "Eniyakukhulula emhlabeni koba kukhululiwe nasezulwini,". Ngakho ngeZwi likaNkulunkulu (mina engibekiwe esikhundleni esingcwele sokukhulula izoni ezihluphekayo)

*Umfundisi abeke izandla kulowo nalowo*

ngiyakuthethelela izono (ngiyakubikela ukuthethelelwa kwezono) zakho zonke egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Amen.

*Ababikayo basukume, babuyele ezindaweni zabo.*

Noma b:

*Ababikayo baguqe, noma bakhothame ezindaweni zabo.*
*Umfundisi athi:*

Uma lokhukuvuma kwenu izono kungokwenhliziyo, nibeka ithemba lenu lonke kuJesu Kristu, yazini ukuthi liyiqiniso iZwi nesithembiso sikaNkulunkulu sokuthi ngomusa wakhe uyanithethelela zonke izono zenu.

Sengiyanibikela lokhukuthethelelwa kwezono zenu ngokuyala kweNkosi yethu, uJesu Kristu, egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

*Uma kukhona ukuthethelelwa kozikhiphile eSidlweni noma ebandleni, makwenziwe lapha ngendlela ekhonjwa ku b.*
*Uma kungekho, umfundisi aqhube, athi:*

Yena owaqala umsebenzi omuhle kinina makawufeze kuze kube lusuku lukaKristu Jesu. Amen.

## Umkhuleko wokubonga

*Umfundisi abesethi:*

Masibonge sikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare, athi:*
*Ibandla lisukume.*

Mbonge uJehova, mphefumulo wami;

Konke okuphakathi kwami makubonge igama lakhe elingcwele. Mbonge uJehova, mphefumulo wami, Ungakhohlwa imisebenzi yonke yakhe yomusa; Yena othethelela zonke izono zakho, owelapha zonke izifo zakho; Okhulula ukuphila kwakho ekubujisweni, okuqhelisa ngomusa nangobubele. Amen.

## Isihlabelelo

# UKUBUYISELWA KOZIKHIPHILE ESIDLWENI NOMA EBANDLENI

*Emva kokubikwa nokukhululwa kwabanye abeSidlo umuntu ozikhiphile eSidlweni noma ebandleni asondele emsamo, aguqe.*
*Umfundisi athi:*

INkosi yethu uJesu Kristu wathi: Kukhona ukuthokoza phambi kwezingelosi zikaNkulunkulu ngesoni sisinye esiphendukayo. Ngalokho masijabulele nathi ukuphenduka komfowethu, simamukele ngothando olufanele amaKristu. Simkhulekele ukuba abambelele endleleni yokulunga kuze kube sekugcineni.

*Umfundisi abuze ozikhphileyo, athi:*

Uyavuma ukuthi wonile kuNkulunkulu neBandla lakhe ngalesisono sakho osenzileyo sokuphambana nomyalelo ....... na?

*Ozikhiphileyo aphendule, athi:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Uyazisola, uzikhalela ngenhliziyo ngalesisono sakho na?

*Ozikhiphileyo:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Uyabalekela kuwo umusa kaNkulunkulu ngaye uJesu Kristu, ufuna ukulungisa njalo ukuhamba kwakho na?

*Ozikhiphileyo:*

Yebo.

*Umfundisi, athi:*

Makube kuwe njengokukholwa kwakho. NgeZwi likaNkulunkulu (mina engibekiwe esikhundleni esingcwele sokukhulula izoni ezihluphekayo)

*Umfundisi abeke izandla*

ngiyakuthethela izono (ngiyakubikela ukuthethelelwa kwezono) zakho zonke egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Amen.

*Othethelelweyo asukume.*
*Umfundisi aqhubeke ngokuthi:*

Ngokuba uvumile isono sakho phambi kukaNkulunkulu nebandla lakhe, wathethelwa, sengikwazisa ukuthi usuvunyelwe futhi ukusondela eSithebeni seNkosi kanye nebandla, nokuhlanganyela amalungelo onke eKerike.

Sengathi iNkosi ingakunika umusa ukuba uziphathe ngokulinda nangokukhuleka nangokuqaphela njalo okufunekayo kuwe, uthandeke kuNkulunkulu nakulo iBandla lakhe, kube ukusindiswa komphefumulo wakho.

Hamba, ube nokuthula kweNkosi!

*Obuyiselwe aphindele endaweni yakhe.*
*Umfundisi athi:*

Masibonge sikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare akhuleke, athi:*
*Ibandla lisukume.*

Mbonge uJehova, mphefumulo wami; Konke okuphakathi kwami makubonge igama lakhe elingcwele. Mbonge uJehova; mphefumulo wami, Ungakhohlwa imisebenzi yonke yakhe yomusa; Yena othethelela zonke izono zakho, owelapha zonke izifo zakho; Okhulula ukuphila kwakho ekubujisweni, Okuqhelisa ngomusa nangobubele. Amen.

## Isihlabelelo

# ISIDLO SENKOSI UMA SINGAHLANGENE NENKONZO ENKULU

*Lendlela ingathathuwa uma iSidlo siyobakhona kungesilo iSonto; ingathathwa nangamaSonto, uma kuswelekile inkonzo emfushane. AbeSidlo bazibike kumfundisi, yilowo nalowo, ngezinsukwana ezandulela usuku lweSidlo, umfundisi akhulume nabo, abaluleke ngezindaba zomphefumulo.*

*Umfundisi aye ealtare.*

## Isihlabelelo

*Ibandla lisukume.*
*Umfundisi aphendukele ebandleni, atihi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

## Intshumayelo yokubika

*Umfundisi woqhuba ashumayele, agcine ngokuthi:*

Masivume izono zethu phambi kukaNkulunkulu, sikhuleke:

## Ukuvuma izono

*Umfundisi aphendukele ealtare aguqe. Emva komkhuleko wokuzithulela aqhube ngokufunda omunye kulemikhuleko, akhuleke ngokuthi:*
*AbeSidlo baguqe, noma bakhothame, bakhuleke ngokuzithulela.*

Nkosi, Baba onomusa! Mina muntu ohluphekayo, oyisoni, ngonile kuwe kaningi ngemicabango nangamazwi nangezenzo; angizilanduleli ngalutho, kepha ngiyakholwa kuyo iNdodana yakho ezelwe iyodwa, uJesu Kristu, owafa ukuba angisindise. Ngiyacela ngenxa yakhe: Ngithethelele zonke izono zami. Nginike uMoya wakho oNgcwele ukuba ngikholwe yiZwi lokuthethelelwa, nangenhliziyo epheleleyo ngibalekele izono zonke, ngivume ukuba intando yakho engcwele yenziwe kimi. Nkosi, ngihawukele! Amen.

Noma:

Ngihawukele, Nkulunkulu, ngomusa wakho; yesula iziphambeko zami ngokobubele bakho obukhulu. Ngingezisise ebubini bami, ungihlanze esonweni sami. Ngokuba ngiyazazi iziphambeko zami; isono sami siphambi kwami njalo. Ngonile kuwe, wena wedwa, ngakwenza okubi emehlweni akho. Fihla ubuso bakho ezonweni zami, wesule zonke izenzo zami ezimbi. Nkulunkulu, dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo, uvuse umoya oqinileyo phakathi kwami. Ungangilahli ebusweni bakho, ungangamuki uMoya wakho oNgcwele. Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yakho, ungiphase ngomoya ovumayo. Amen.

## Ukukhululwa

*Umfundisi aphendukele kwabeSidlo, abakhulule ngenye kulezizindlela:*
*Umfundisi abuze, athi:*

Lokhu kungukubika kwenhliziyo yakho na?

*Ababikayo baphendule bathi:*

Yebo.

*Umfundisi athi:*

Sondelani phambi kwealtare leNkosi, namukele ngokubika kwenu okunjalo ukuthethelelwa kwezono zenu.

*Ababikayo basondele esiguqweni sealtare, baguqe.*
*Umfundisi athi:*

UJesu Kristu wathi kubafundi bakhe: "Enibathethelela izono zabo, bathethelelwe." "Eniyakukhulula emhlabeni koba kukhululiwe nasezulwini." Ngakho ngeZwi likaNkulunkulu (mina engibekiwe esikhundleni esingcwele sokukhulula izoni ezihluphekayo)

*Umfundisi abeke izandla kulowo nalowo*

ngiyakuthethela izono (ngiyakubikela ukuthethelelwa kwezono) zakho zonke egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Amen.

*Ababikayo basukume, babuyele ezindaweni zabo.*

Noma:
*Umfundisi athi:*
*Ababikayo baguqe, noma bakhothame, ezindaweni zabo.*

Uma lokhukuvuma kwenu izono kungokwenhliziyo, nibeka ithemba lenu lonke kuJesu Kristu, yazini ukuthi liyiqiniso izwi nesithembiso sikaNkulunkulu sokuthi ngomusa wakhe uyanithethelela zonke izono zenu.

Sengiyanibikela lokhukuthethelelwa kwezono zenu ngokuyala kweNkosi yethu, uJesu Kristu, egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele! Amen.

*Umfundisi aqhube ngokuthi:*

Yena owaqala umsebenzi omuhle kinina makawufeze kuze kube lusuku IukaKristu Jesu. Amen.

## Isihlabelelo

*Ibandla lisukume.*

## Umkhuleko wesingeniso

*Umfundisi aphendukele ealtare, akhuleke ngokuthi:*
*Ibandla lihlale phansi, likhothame.*

Njengendluzele ilangazelela amanzi emifula, Kanjalo umphefumulo wami ulangazelela wena, Nkulunkulu. Umphefumulo wami womela uNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo; Ngiyakufika nini, ngibonakale phambi kukaNkulunkulu na?

Noma akhuleke, athi:

Ngihlole, Nkulunkulu, wazi inhliziyo yami; Ngilinge, wazi imicabango yami, Ubone uma kukhona indlela yosizi kimi, Ungiholele endleleni yaphakade.

*Umfundisi woquba, athi:*

Nkosi, Nkulunkulu ongcwele, yizwa ukunxusa kwethu; uhawukele abantwana bakho.

*Ibandla lihlabehele ngokuthi:*

Nkosi, mawusihawukele.
Kristu, mawusihawukele.
Nkosi, mawusihawukele.

## IGloria

*Umfundisi aphendukele ealtare, ahlabelele noma afunde ngokuthi:*

Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu!

*Ibandla lisukume lihlabelele, lithi:*

Nokuthula emhlabeni kubantu abathokozelwa nguye!

*Umfundisi ahlabelele kanye nebandla ngokutihi:*

O, Nkulunkulu oyedwa, Siyadumisa wena, Nganhliziyonye sonkana Siyakubonga njalo. Ngomusa wakho omkhulu Wasithumel' emhlabeni Uthando nokuthula.

Noma ngemikhosi emikhulu iLaudamus:

Mawubongwe, Ubusiswe, Mawudunyiswe, Uphakanyiswe. Sihlabelel' udumo lwakho. Jehova, Nkosi yaphakade. Baba, Mninimandla, Nkosi, Ndodana yoPhezulu. Jesu Kristu, Wundlu likaNkulunkulu, Othwele izono zezwe, sihawukele. Nguwe wedwa oNgcwele, Nguwe wedwa obusayo. Nguwe onguSomandla, Jesu Kristu, NoMoya oNgcwele, Ebukhosini bukaYihlo. Amen.

*Ibandla lihlale phansi.*

## IZwi leNkosi

*Umfundisi aphendukele ebandleni, athi:*

Zwanini iZwi leNkosi ngaye umvangeli (umphostoli) . . . .

*Umfundisi afunde iVangeli noma iphistola lesonto.*

Noma afunde lamaZwi:

Math.11,25-30.

Ngalelohora uJesu wakhuluma, wathi:

Ngiyakubonga, Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba ukufihlile lokho kwabahlakaniphileyo, nabanokuqonda, wakwambulela izingane. Yebo, Baba, ngokuba kwaba kuhle phambi kwakho ukuba kube njalo. Konke ngikunikelwe nguBaba; akakho oyazi iNdodana, kuphela uYise; akakho futhi omazi uYise,

kuphela iNdodana, nalowo iNdodana ethanda ukumambulela yena. Zanini kimi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza. Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo, khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo. Ngokuba ijoka lami lihle, nomthwalo wami ulula.

Noma afunde lamaZwi.

Math.5,3-16.

Babusisiwe abampofu emoyeni, ngokuba umbuso wezulu ungowabo. Babusisiwe abakhalayo, ngokuba bayakududuzwa. Babusisiwe abamnene, ngokuba bayakudla ifa lomhlaba. Babusisiwe abalambele, bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa. Babhusisiwe abanesihawu: ngokuba bayakubona uNkulunkulu. Babusisiwe abalamulayo, ngokuba bayakuthiwa abantwana bakaNkulunkulu. Babusisiwe abazingelwa ngenxa yokulunga, ngokuba umbuso wezulu ungowabo. Nibusisiwe, nxa benithuka, benizingela, bekhuluma konke okubi ngani, beqamba amanga, ngenxa yami. Jabulani nithokoze, ngokuba umvuzo wenu mkhulu ezulwini; ngokuba kanjalo babazingela abaprofethi abananduleleyo. Nina ningusawoti womhlaba, kepha uma usawoti edumele, usawoti wovuswa ngani na? Akasasizi lutho, kuphela ukulahlwa ngaphandle, unyathelwe ngabantu. Nina ningukukhanya kwezwe. Umuzi owakhiwe entabeni ungesitheke. Nomuntu kasokheli isibani, asibeke phansi kwesitsha, kodwa usifaka othini, khona siyabakhanyisela bonke abasendlini. Kanjalo makukhanye ukukhanya kwenu phambi kwabantu, ukuba babone imisebenzi yenu emihle, badumise uYihlo osezulwini.

*Emva kokufunda umfundisi athi:*

INkosi mayilobe lamaZwi ezinhliziyweni zethu.

## Isivumo senkolo

*Umfundisi athi:*

Masimdumise uNkulunkulu, sivume inkolo yethu engcwele yamaKristu.

*Umfundisi aphendukele ealtare, avume kanye nebandla isivumo sabapostoli ngokuthi:*
*Ibandla lisukume.*

Ngiyakholwa nguNkulunkulu, uYise uMninimandla onke, uMdali wezulu nomhlaba.

Ngiyakholwa nguJesu Kristu, iNdodana yakhe ezelwe iyodwa, iNkosi yethu, owathatshathwa ngoMoya oNgcwele, wazalwa nguMariya intombi, wahlushwa phansi kukaPontiyu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa, wembelwa, wehlela endaweni yabafileyo, ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uYise uMninimandla onke; lapho eyakubuya khona ezokwahlulela abasahambayo nabafileyo.

Ngiyakholwa nguMoya oNgcwele, ikerike elingcwele likaKristu lomhlaba wonke, inhlangano yabangcwele, ukuthethelelwa kwezono ukuvuka kwenyama, nokuphila okuphakade. Amen.

Noma kuthathwe isivumo saseNikea ngokuthi:

Ngiyakholwa kuNkulunkulu munye onamandla onke, uYise, uMdali wezulu nomhlaba nakho konke okubonwayo nokungabonwayo.

NaseNkosini inye uJesu Kristu, iNdodana eyodwa kaNkulunkulu, ozelwe nguYise, umhlaba ungakabikho, uNkulunkulu kaNkulunkulu, ukuKhanya kokuKhanya, uNkulunkulu uqobo kaNkulunkulu uqobo, ozelweyo ongadalwanga, onokuma kunye noYise, okwadalwa ngaye konke; owehla evela ezulwini ngenxa yethu thina bantu; nangenxa yokusindiswa kwethu waba nesimo sobuntu ngoMoya oNgcwele entombini uMariya; waba umuntu; futhi wanqanyulelwa thina phambi kukaPontu Pilatu; wafa, wembelwa elibeni; ngosuku lwesithathu wavuka, njengokwashiwo yimibalo engcwele; wenyukela ezulwini; uhlezi ngakwesobunene sikaYise, lapho eyakubuya khona ngobukhosi, ezokwahlulela abahambayo nabafileyo, ombuso wakhe kawuyikuba namkhawulo.

NaseNkosini uMoya oNgcwele, ophilisayo, ovela kuYise neNdodana, okhonzwayo nodunyiswayo kanye noYise neNdodana, owakhuluma ngabaprofethi. Nakulo iKerike linye elingcwele labakaKristu ngokwabaphostoli. Ngivuma uMbhapathizo munye wokuthethelelwa kwezono; ngibheke ukuvuka kwabafileyo nokuphila ezweni elizayo. Amen.

## Isihlabelelo

*Kusahlatshelwa umfundisi alungise izipho ezingcwele.*
*Ibandla lisukume, kukhanyiswe amakhandlela ealtare:*

## Udumiso

*Umfundisi aphendukele ebandleni ahlabelele noma asho, athi:*

Phakamiselani izinhliziyo zenu eNkosini.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Siyaziphakamisela izinhliziyo eNkosini.

*Umfundisi aqhube, athi:*

Masibonge iNkosi uNkulunkulu wethu.

*Ibandla lithi:*

Kufanele kulungile.

*Umfundisi aphendukele ealtare, ahlabelele noma asho elinye kulamaPrefatio:*
*Ibandla lisemi.*

Nempela kufanele, kulungile ukuba ngezikhathi zonke nasezindaweni zonke sidumise wena, Nkulunkulu ongcwele, Baba, Somandla, Simakade, ngoJesu

Kristu, iNkosi yethu, owasithanda, wazinikela ngenxa yethu, okungaye izingelosi namabandla akho asezulwini nasemhlabeni ababaza ubukhosi bakho, adumisa ngenjabulo igama lakho. Kalokhu nathi sihlangana namabandla akho asezulwini nasezweni, siyakudumisa, sithi:

Noma ngesikhathi sokuzalwa kukaKristu:

Nempela kufanele, kulungile ukuba ngezikhathi zonke nasezindaweni zonke sidumise wena, Nkulunkulu ongcwele, Baba, Somandla, Simakade, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu. Yena uyiNdodana yakho ezelwe iyodwa, eyaba umuntu ngenxa yethu, ukuba thina sibe abantwana bakho. Wazinikela ngenxa yethu, ukuba sibe abangcwele, sikhululwe ebumnyameni, siye ekukhanyeni kwakho okumangalisayo. Kalokhu nathi sihlangana namabandla akho asezulwini nasezweni, siyakudumisa, sithi:

Noma ngesikhathi seNzilo nesePhasika:

Nempela kufanele, kulungile ukuba ngezikhathi zonke nasezindaweni zonke sidumise wena, Baba, Somandla, Simakade, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu, oyiMvana yethu yePhasika, owahlatshelwa thina, oyiWundlu likaNkulunkulu elithwele izono zezwe, ochithile ukufa kwethu ngokufa kwakhe, wasivusela ukuphila ngokuvuka kwakhe kwabafileyo, okungaye izingelosi namabandla akho asezulwini nasemhlabeni ababaza ubukhosi bakho, adumisa ngenjabulo igama lakho. Kalokhu nathi sihlangana namabandla akho asezulwini nasezweni, siyakudumisa, sithi:

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Ungcwele, Ngcwele, Ngcwele uhJehova Sebaothi, Wonke umhlaba ugcwele inkazimulo yakhe. Hosiana kweliphezulu. Makabongwe ozayo ngegama leNkosi. Hosiana kweliphezulu!

*Ibandla lihlale phansi.*

## Umkhuleko weSidlo

*Umfundisi aphendukele ebandleni athi:*

Masibonge sikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare akhuleke, athi:*

Siyakubonga, Nkosi, Jesu Kristu, sidumisa igama lakho, Ndodana eyodwa kaNkulunkulu, Msindisi wethu. Siyababaza uthando lwakho, wena owahlula ukufa. Siphe thina esisondela esithebeni Sakwo esingcwele izinhliziyo ezithobekileyo nezikholwayo. Mawusihlanganise nawe, njengamagatsha ehlangana nomvini. Sifundise ukuthandana njengalokhu wasithanda wazinikela ngenxa yethu. Siphe kanye nalo lonke iBandla elingcwele induduzo nenjabulo.

## Umkhuleko weNkosi

*Umfundisi aguqe akhuleke noma ahlabelele kanye nebandla ngokuthi:*
*Ibandla liguqe.*

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathe thelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

## Amazwi esimiso

*Umfundisi asukume, ahlabelele noma asho, athi:*
*Ibandla lisukume.*

INkosi yethu uJesu Kristu, ngalobobusuku akhashelwa ngabo, wathabatha isinkwa wabonga, wasuhlephula, wasinika abafundi bakhe, wathi: Thabathani nidle. Lokhu kungumzimba wami onikelwa nina. Lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.

Kanjalo wathabatha nesitsha sewine emva kokudla kwakusihlwa, wabonga, wabanika sona, wathi: Lesisitsha siyisivumelwano esisha egazini lami elithululwa ngenxa yabaningi kukho ukuthethelelwa kwezono. Lokhu kwenzeni ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo ukuba ningikhumbule.

## Wundlu likaNkulunkulu

*Umfundisi kanye nebandla bahlabelele, bathi:*

Wundlu likaNkulunkulu, othwele izono zezwe, sihawuhkele, Wundlu likaNkulunkulu, othwele izono zezwe, sihawukele. Wundlu likaNkuluhnkulu, othwele izono zezwe, siphe ukuthula kwakho.

*Umfundisi aphendukele ebandleni, ahlabelele noma asho, athi:*

Ukuthula kweNkosi makube kini.

## Ukwabela iSidlo

*Ngesikhathi sokwabela ibandla lihlale lihlabelele ngokuthobeka. Umfundisi ebamukelisa isinkwa athi kulowo nalowo:*

Lokhu kungumzimba kaKristu onikelwe wena.

*Ebamukelisa iwine athi:*

Lokho kuligazi likaKristu elithululelwe wena.

Noma athi, ebamukelisa isinkwa:

Thabathani nidle. Lokhu kungumzimba weNkosi uJesu Kristu onikelwe nina ekufeni.

*Ebamukelisa iwine athi:*

Thabathani niphuze. Lokhu kuligazi leNkosi uJesu Kristu, elithululelwe nina kube ukuthethelelwa kwezono.

*Umfundisi esebamukelisile bonke abaguqayo esiguqweni, athi:*

INkosi yethu uJesu Kristu, enamukele manje umzimba wakhe negazi lakhe, makanilondoloze, nize nibe nokuphila okuphakade. Amen.

## Umkhuleko wokubonga

*Sebamukele bonke, umfundisi aphendukele ebandleni, athi*:

Masibonge sikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare, aguqe, ahlabelele noma asho, athi:*
*Ibandla likhothame, noma liguqe.*

Siyakubonga Nkulunkulu, Somandla, ngokuba usibusisile ngalesisipho esisindisayo somzimha negazi likaKristu. Siyacela ukuba ngomusa wakho uqinise ukukholwa kwethu kuwe, uvuthele ukuthandana kwethu ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu, iNdodana yakho, ohlezi ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele, Nkulunkulu munye, kuze kube phakade.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Amen.

## Ukubonga

*Umfundisi aphendukele ebandleni ahlabelele noma asho, athi:*

Bongani iNkosi, ngokuba inomusa.

*Ibandla lisukume lihlabelele, lithi:*

Umusa wayo umi phakade. Haleluhya!

Noma kuthathwe elinye lama-Antifoni amisiweyo. (Ikhasi 65)

## Isibusiso

*Umfundisi ahlabelele noma asho, athi:*

Thobelani izinhliziyo zenu kuNkulunkulu namukele isibuhsiso:

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthuhla.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Amen. Amen. Amen.

## Isihlabelelo

# ISIDLO SENKOSI UMA KWAMUKELISWA OGULAYO EKHAYA

*Umfundisi wokhuluma nogulayo bebodwa, ezwe ubunjani bokukholwa kwakhe, amnike ithuba lokubika okumhluphayo enhliziyweni. Ashumayele kafushane, noma amfundele amanye amaZwi eNkosi, akhethe kulawa alandelayo ezansi, anduba kuthathwe ukuvuma izono ngokuthi:*

> Nkosi, Baba onomusa! Mina muntu ohluphekileyo, oyisoni, ngonile kuwe kaningi ngemicabango, nangamazwi, nangezenzo. Angizilanduleli ngalutho, kepha ngiyakholwa kuyo iNdodana yakho ezelwe iyodwa, uJesu Kristu, owafa ukuba angisindise. Ngiyacela ngenxa yakhe ukuba ungithethelele zonke izono zami. Nginike uMoya wakho oNgcwele ukuba ngikholwe yiZwi lokuthethelelwa, nangenhliziyo epheleleyo ngibalekele izono zonke, ngivume ukuba intando yakho engcwele yenziwe kimi. Nkosi ngihawukele. Amen.

*Umfundisi amkhulule ozibikayo ngenye kulezizindlela:*
*Abeke izandla, athi:*

> Ngamandla eZwi likaNkulunkulu mina, engibekiwe esikhundleni sami esingcwele sokududuza izoni ezihluphekayo, ngiyakubikela ukuthethelelwa kwezono zakho zonke, egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Amen.

Noma athi:

> Uma lokhukuvuma kwakho izono kungokwenhliziyo, ubeka ithemba lakho lonke kuJesu Kristu, yazi ukuthi liyiqiniso iZwi nesithembiso sikaNkulunkulu sokuthi ngomusa wakhe uyakuthethelela zonke izono zakho. Sengiyakubikela lokhukuthethelelwa kwezono zakho ngokuyala kweNkosi yethu, uJesu Kristu, egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

*Umfundisi aqhube, athi:*

> INkosi mayiqinise inhliziyo yakho ngomusa wayo, yenze ukuba iSidlo esingcwele osamukelayo sivuse ukukholwa nothando lwakho, siqinise ithemba lakho, kuze kube ukuphila okuphakade. Amen.

*Lapha kungahlatshelelwa noma kufundwe ngumfundisi isahlukwana sokuqala sesihlabelelo esithi: Mvana engenacala.*
*Umfundisi woqhuba, athi:*

> Phakamisela inhliziyo yakho kuNkulunkulu.
>
> Ungcwele, Ngcwele, Ngcwele, uJehova Sebaothi. Wonke umhlaba ugcwele inkazimulo yakhe. Hosiana kweliphezulu. Makabongwe ozayo ngegama leNkosi. Hosiana kweliphezulu.
>
> INkosi yethu uJesu Kristu, ngalobobusuku akhashelwa ngabo, wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wasinika abafundi bakhe, wathi: Thabathani nidle. Lokhu kungumzimba wami onikelwa nina. Lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.

Kanjalo wathabatha nesitsha sewine emva kokudla kwakusihlwa, wabonga, wabanika sona, wathi: Lesisitsha siyisivumelwano esisha egazini lami elithululwa ngenxa yabaningi kukho ukuthethelelwa kwezono. Lokhu kwenzeni ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo ukuba ningikhumbule.

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

Wundlu likaNkulunkulu, othwele izono zezwe, sihawukele.
Wundlu likaNkulunkulu, othwele izono zezwe, sihawukele.
Wundlu likaNkulunkulu, othwele izono zezwe, siphe ukuthula kwakho.

*Umfundisi womamukelisa ogulayo isinkwa, athi:*
Lokhu kungumzimba kaKristu onikelwe wena.

*Wobuya amamukelise iwine, athi:*
Lokhu kuligazi likaKristu elithululelwe wena.

*Umfundisi ath:*
INkosi yethu uJesu Kristu, owamukele manje umzimba wakhe negazi lakhe, makakulondoloze, uze ube nokuphila okuphakade. Amen.

*Umfundisi woqhuba akhuleke, athi:*
Siyakubonga, Nkosi, Somandla, ngoba ngalo leliSakramente usivumele ukuhlanganyela isipho sesivumelwano esisha. Siyacela ukuba usiphe sifinyelele kanye nabathembekileyo bakho ebukhosini obuphakade, ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho, iNkosi yethu. Amen.

*Umfundisi angenezelela lapha amanye amazwi okukhulekela ogulayo nabomuzi wakhe.*
Thobelani izinhliziyo zenu kuNkulunkulu namukele isibusiso:

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula.

*Nanka amaZwi eBhayibheli angaphathwa enkonzweni yokuzibika kogulayo:*

| | | |
|---|---|---|
| Joh.3,16-17 | Isaya 1,18 | Luk.11,10 |
| 1 Thim.1,15 | Jer.29,ll-14 | 2 Kor. 6,2 |
| Rom.8,33-34 | Hez.33,11 | Isaya 54,10 |
| Heb.4,15-16 | Isaya 57,15 | Math.11,28-30 |
| AmaH.103,8-13 | 1 Joh.1,8-9 | Joh.14,27 |

# UKUSHADISA

## Isihlabelelo

*Abazoshada basondele emsamo.*
*Umfundisi athi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

*Umfundisi angenza lapha umkhuleko, abashumayeze kafushane. Woqhuba, athi:*

Bathandekayo bakaKristu! IZwi leNkosi lithi ukuganana kwamiswa nguNkulunkulu. Khona ekuqaleni ebadala abantu emfanekisweni wakhe, wabenza isilisa nesifazane wababusisa, wathi mabahlalisane ndawonye ekugananeni, bandise uhlanga lwabantu. Kuso lesisimiso esingcwele uNkulunkuulu uqonde ukubavikela abantu ekulingweni, abehlisele abaganeneyo izibusiso, abe umlondi noyise wekhaya labo. Nanamhla uNkulunkuulu usasilondolozile lesisimiso sakhe. Ufuna ukuba abaganeneyo bahlale ngokuthandana nokusizana nangokuthembana, yena abe iNkosi nomluleki nomvikeli wabo.

Ngakho ngiyaniyala nina nobabili, eningena manje kulesisimiso sokuganana, ukuba nisiqale ekumesabeni uNkulunkulu, nihlalisane kuso ngobungcwele nangokukhuleka; nizondle njalo ngeZwi leNkosi, nivame ekuhlanganeni noMsindisi wenu eSidlweni esingcwele.

Uma nihlala kanjalo ekugananeni kwenu, niyakujabulisana, nelekelelane ekuhambeni kwenu, niqinisane ekukholweni; niyakuphiwa umusa, imithwalo yenu ibe lula, konke okunehlelayo kusebenzelane kube kuhle kinina.

Sininxusela kuNkulunkulu ukuba kube njalo, ngoJesu Kristu, iNkosi yethu.

Kanjalo sengizonihlanganisa kukho ngegama lakhe.

*Umyeni useyakuqinisa, athi:*

Mina, N. N., ngiyaqinisa, ngithi, angiyazi into enqabayo, ukuba ngiganwe nguye lo, uN. N.

*Umlobokazi woqinisa, athi:*

Mina, N. N., ngiyaqinisa, ngithi; angiyazi into enqabayo, ukuba ngigane yena lo, uN. N.

*Umfundisi wobuza umyeni, athi:*

Sengiyakubuza wena, N. N., phambi kobuso bukaNkulunkulu naphambi kwalelibandla (labofakazi): Uyamthatha uN. N. ukuba abe umkakho, uhlale naye ngokweZwi elingcwele likaNkulunkulu, umthande, umazise, unamathele kuye yedwa, ekuthokozeni nasekuhluphekeni, nize nahlukaniswe ngukufa na?

*Umyeni aphendule, athi:*

Yebo.

*Umfundisi wobuza umhlobokazi, athi:*

Ngiyakubuza nawe, N. N., phambi kobuso bukaNkulunkulu naphambi kwalelibandla (labofakazi): Uyamthatha uN. N. ukuba abe indoda yakho, uhlale naye ngokweZwi elingcwele likaNkulunkulu, umthande, umazise, unamathele kuye yedwa, ekuthokozeni nasekulhluphekeni, nize nahlukaniswe ngukufa na?

*Umlobokazi aphendule, athi:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Nikanani izandla zenu kulokhu.

*Uma kukhona indandatho, mayifakwe, umfundisi abesethi:*

Yamukela lendandatho, efakaza uthando oluqinisileyo, olunganqamukiyo.

*Umfundisi abasethi:*

Njengoba nivumelene ukuhlanganiswa ekugananeni, nakuvuma lokhu phambi kukaNkulunkulu nabantu, sengiyanihlanganisa kalokhu ekugananeni okuyikho egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

Lokhu okuhlanganisiwe nguNkulunkulu makungahlukaniswa muntu. Nina eseningenile kuso isimiso esingcwele sokuganana manizwe iZwi likaNkulunkulu nesiyalezo sakhe:

Kwase kusondela kuye abaFarisi, bamlinga, bathi: Kuvunyelwe yini ukuba umuntu amlahle umkakhe noma ngaliphi icala na? Waphendula, wathi kubo: Anifundanga yini ukuthi owadala ekuqaleni wabenza owesilisa nowesifazane, wathi: Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe; labobabili bayakuba nyamanye. Ngakho abase babili, kodwa banyamanye. Ngakho-ke lokho akuhlanganisileyo uNkulunkulu, umuntu makangakwahlukanisi. Math.19,3-6.

Abafazi mabathobele amadoda abo kungathi kukuyo iNkosi, ngokuba indoda iyinhloko yomfazi, njengokuba noKristu uyinhloko yeBandla, yena engumsindisi womzimba. Kepha njengokuba iBandla lithobela uKristu, kanjalo nabafazi mabathobele amadoda ezintweni zonke. Madoda, thandani omkenu, njengalokho noKristu ulithandile iBandla, wazinikela ngenxa yalo. Ef.5,22-25.

Thwalisananani imithwalo yenu, nigcwalise kanjalo umthetho kaKristu. Gal.6,2.

Khumbulani lamaZwi eNkosi, ningawakhohlwa nakanye. Yamukelani ngokubekezela nangokubonga konke enikwehliselwa nguNkulunkulu ngokubona kwakhe. UNkulunkulu oMninimandla onke makathume ukukhanya neqiniso lakhe ukuba nilondolozwe ngakho izinsuku zonke zokuhamba kwenu. Isandla sakhe masinivikele, izingelosi zakhe ezingcwele mazihambe nani. UNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele makenze ukuba umusa wakhe ube namandla phezu kwenu. Amen.

Masikhuleke.

*Umfundisi akhuleke, athi:*
*Abagananayo baguqe.*

Nkosi Nkulunkulu! Sibonga umusa wakho omkhulu, wena omisele umlisa nowesifazane ukuganana, wababusisa ngalesisimiso sakho esingcwele! Siyacela kuwe: Babusise nalaba, abaguqa lapha phambi kobuso bakho, ngezibusiso zonke zomoya nezomzimba. Bagcwalise ngothando lwakho, ubakhise ikhaya labo ngokuthula. Basize ukuba ngezikhathi zonke iZwi lakho libakhanyisele indlela kukho konke. Baqinise ngoMoya wakho ukuze bakwethembe ezinsukwini ezinhle nezimbi, bahlalisane kahle. Basize bona kanye nabo bonke abaganeneyo bakaKristu, ukuba bakukhonze wena ngokuthembeka ezintweni zonke, kulondolezeke ezweni lesisimiso sakho esingcwele, nasekugcineni bahlangane kuwe ekhaya lakho laphakade. Amen.

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho eimhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

*Umfundisi aqhube ngokuthi:*

Thobelani izinhliziyo zenu kuNkulunkulu namukele isibusiso:

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula. Amen.

## Isihlabelelo

# UKUMBELA

*Uma kuqalwa ngomthandazo ekhaya, kungathathwa ngalendlela:*

## Isihlabelelo

*Kukhulekwe ngeHubo 90.*
*Umkhuleko weNkosi.*

## Isihlabelelo

*Inkonzo yonke elandelayo ingenziwa ngaselibeni. Umma kufuneka, ingahlukaniswa, inxenye iphathwe endlini yesonto, inxenye tphathwe ngaselibeni.*

## ENDLINI YOKUSONTA

## Isihlabelelo

*Umfundisi angashumayela kafushane aqale ngomkhuleko oku iHubo 130 noma ngomunye umkhuleko. Agcine ngomkhuleko olandelayo:*

Nkulunkulu okhona, ophakade, onobubele. Ngokufa kweNdodana yakho wasinqobela ukufa, wahlambulukisa izindawo zokuphumula zabakholiweyo bakho. Sisize sikhumbule njalo isikhathi sethu sokumuka ukuba ngokuphenduka nangokukholwa okuyikho sikhululeke ezonweni nakuyo yonke inkambo eyize yalomhlaba. Qinisa, ududuze laba abadabukileyo, ube umsizi wabo, ubasondeze kuwe, ubaphe ukuthula kwakho. Sisize ukuba sifinyelele kanye nabangcwele bonke ekuvukeni okubusisiweyo kwabafileyo ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho, iNkosi yethu. Amen.

Noma: *Uhma kungcwatshwa umntwana, makuthathwe umkhuleko wokuthi:*

Nkosi Nkulunkulu, Baba osezulwini! Wena owamenza lomntwana abe umntanakho uMbhapathizweni ongcwele, manje umgodusele kuwe ezulwini emva kokuhlupheka isikhashana, siyakubonga ngenxa yobubele bakho bobubaba, sidumisa igama lakho ngenxa yenduduzo ngasekufeni, osinike yona eNdodaneni yakho uJesu Kristu. Sinxusa kuwe ngokuthobeka, siphe uMoya wakho oNgcwele, ukuze siphendukele kuwe ngenhliziyo yethu yonke, sibe njengabantwana, sigcine sibuthane enjabulweni yaphakade, ngeNdodana yakho ethandekayo, uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

*Umfundisi ahlabelele noma asho, athi:*

UKristu wachitha amandla okufa.

*lbandla liphendule, lithi:*

Walethela ekukhanyeni ukuphila nokungabhubhi.

*Umfundisi akhuleke ngokuthi:*

Nkulunkulu, Somandla ophakade, siyakunxusa ngenhliziyo, sithi: Mawusiqinise ekukholweni, ukuba sihambe ekulaleleni wena, samukele isigcino sokukholwa

kwethu esiyinsindiso yemiphefumulo. Sisize kulokho ngoJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi yethu.

*Ibandla lihlabelele, lithi:*

Amen.

*Umfundisi athi:*

UNkulunkulu wokuthula, owakhuphula kwabafileyo uMalusi omkhulu wezimvu, ngegazi lesivumelwano esimiyo njalo, iNksoi yethu uJesu, makaniphelelise kukho konke okuhle, ukuze nenze intando yakhe, esebenza phakathi kwethu khona lokho okuthokozisayo emehlweni akhe ngoJesu Kristu; makube kuye inkazimulo kuze kube phakade naphakade. Amen.

## Isihlabelelo

*Uma inkonzo iqalwe endlini yesonto, makuphunywe kusahlatshelelwa.*

## NGASELIBENI

*Isidumbu masehliselwe manje elibeni kusahlatshelelwa.*
*Umfundisi:*

Sesiyambeka lomzalwane wethu (N. N.) elibeni, alondolozwe yiNkosi, aze avuswe ngosuku lokugcina.

*Umfundisi abesethela umhlabathi kathathu, athi:*

Uvele emhlabeni. Uyakuphenduka umhlabathi. UJesu Kristu, uMsindisi wethu, uyakukuvusa ngosuku lokugcina.

Makabongwe uNkulunkulu, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, owabuye wasizala kabusha ngokwesihawu sakhe esikhulu, ukuba sibe nethemba eliphilileyo ngokuvuka kukaJesu Kristu kwabafileyo.

Masizwe manje amaZwi eNkosi ngokufa nangokuvuka:

*Kungakhethwa amathathu noma amane kulawo alandelayo noma amanye amaZwi afaneleyo:*

**Joh.11,25-26.**

UJesu wathi: Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi, noma efa, wophila. Nalowo ophila akholwe yimi kasoze afa naphakade.

**Joh.5,28-29.**

Ningamangali ngalokho, ngokuba isikhathi siyeza, lapho bonke abasemathuneni bayakulizwa iZwi layo, abenze ukulunga baphumele ekuvukeni kokuphila, abenze okubi ekuvukeni kokulahlwa.

**Luk.12,35-37.**

Izinkalo zenu mazibe ziboshiwe nezibani zivutha. Nani yibani njengabantu ababheke, inkosi yabo, ibuye emshadweni, ukuba, nxa ifika ingqongqotha, bayivulele masinyane. Zibusisiwe lezozinceku okuyakuthi inkosi, nxa ifika, izifumane zilindile; ngiqinisile ngithi kini: Iyakuzibopha ukhalo, izihlalise ekudleni, ize izikhonze.

**Heb.9,27.**

Kumiselwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa.

**IHubo 90,1-8.**

Nkosi, wena uyisiphephelo sethu ezizukulwaneni ngezizukulwane. Kungakaveli izintaba, ungakawenzi umhlaba nezwe, kuthi kusukela phakade kuze kube phakade, wena Nkulunkulu, ukhona. Uyambuyisela umuntu othulini, uthi: Buyani, bantwana babantu. Ngokuba iminyaka eyinkulungwane emehlweni akho injengezolo selidlulile, nanjengomlindo ebusuku. Uyabamukisa njengesikhukhula, banjengobuthongo; ekuseni banjengotshani obuhlumayo, ekuseni buyakhahlela buhlume, kusihlwa bunqunywa bubune. Ngokuba siyaqedwa yintukuthelo yakho, nangolaka lwakho siyabhubha. Ubekile amacala ethu phambi kwakho, izono zethu ezifihliweyo ekukhanyeni kobuso bakho.

**IsAmbulo 21,4.**

UNkulunkulu uyakwesula izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikuba khona; nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu akusayikuba khona; ngokuba okokuqala kudlulile.

**Fil.1,21.**

Kimina ukuphila kunguKristu, ukufa kuyinzuzo.

**Joh.14,2-3.**

Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo, bengiyakunitshela ukuthi ngiya ukunilungisela indawo. Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize nginibuyisele kimi, ukuba lapho ngikhona nibe khona nani.

**Rom.8,17-18.**

Uma singabantwana, siyizindlalifa futhi, izindlalifa zikaNkulunkulu, izindlalifa kanye noKristu, uma phela sihlupheka kanye naye, ukuze siphiwe inkazimulo futhi kanye naye. Ngokuba ngithi izinhlupheko zesikhathi samanje azinakulinganiswa nenkazimulo eyakwambulwa kithina.

**1 Kor.15,50.53-57.**

Kepha ngisho lokhu, bazalwane, ukuthi inyama negazi akunakulidla ifa elingumbuso kaNkulunkulu; nokubola akulidli ifa elingukungaboli. Ngokuba lokhu okubolayo kumelwe ukwembatha ukungaboli, nalokhu okufayo kumelwe ukwembatha ukungafi. Kepha nxa lokhu okubolayo sekwembethe ukungaboli,

nalokhu okufayo sekwembethe ukungafi, kuzakugcwaliseka iZwi elilotshiweyo lokuthi: Ukufa kugwinyiwe kwaba ngukunqoba. Kufa, kuphi ukunqoba kwakho na? Kufa, luphi udosi lwakho na? Udosi lokufa yisono; amandla esono ngumthetho. Kepha makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.

## Umkhuleko weNkosi

*Unmfundisi athi:*

Masikhuleke.

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

## Isibusiso

Thobelani izinhliziyo zenu kuNkulunkulu namukele isibusiso:

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula. Amen.

## Isihlabelelo

## ENYE INDLELA YOKUMBELA

*Inkonzo iqala ngaselibeni.*

## Isihlabelelo

*Umfundisi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Umzimba uzakubuyela emhlabathini, owathathwa kuwo, nomoya ubuyele kuNkulunkuulu owawunikayo.

INkosi yethu uJesu Kristu wathi: Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi, noma efa, wophila. Nalowo ophila akholwe yimi kasoze afa naphakade. Ngiyakumvusa mina ngomuhla wokuphela.

Njengokuba kuthandekile kuNkulunkulu onamandla onke ukuwubiza umphefumulo walomzalwane wethu ofileyo, wawususa kulesisikhathi, wawusa kubo ubuphakade, ngakho siyabeka isidumbu sakhe ensimini kaNkulunkulu.

*Abesethi umfundisi, ethela khathatu umhlabathi:*

Umhlabathi emhlabathini, umlotha emlothini, uthuli othulini. Siyethemba ukuvuka kwabafileyo nokuphila okuphakade ngeNkosi yethu uJesu Kristu, oyakuguqula isimo somzimba wethu wokuthotshiswa, ufane nomzimba wakhe wenkazimulo, ngamandla angazihlelela ngawo konke phansi kwakhe.

Kunjalo nokuvuka kwabafileyo. Kuhlwanyelwa kunokubola, kuvuswa kungenakubola; kuhlwanyelwa kunokudelwa, kuvuswa kunenkazimulo; kuhlwanyelwa kunobuthakathaka, kuvuswa kunamandla. Kuhlwanyelwa kungumzimba wemvelo, kuvuswa kungumzimba womoya. Makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu. Ngakho siyamnikela lomzalwane wethu ekuthuleni kukaNkulunkulu kuze kube usuku lokuvuka.

*Kungenwe esontweni kuthathwe indlela eyodwa kulezi ezingenhla.*

# INDLELA YOKUMBELA

## Inkonzo ekhaya.

*Kuqalwa ngehubo. (Ikhaya lomuntu...153).*
*Umfundisi noma umshumayeli noma oyilunga asondele kulo ibhokisi athi:*

Egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Amen. Umuntu ozelwe ngowesifazane imihla yakhe mifushane, igcwele ukuyaluza. Uyavela njengembali, abune; ubaleka njengethunzi, angemi. Jobe 14,1-2.

Asilethanga lutho ezweni; kusobala ukuthi singemuke nalutho futhi. 1 Thim. 6,7.

Ngoba lapha asinamuzi omiyo, kepha siyawufuna ozayo. Heb.13,14

*(Ngabantwana:*

UJehova wapha, uJehova uthathile; malibongwe igama likaJehova. Jobe 1,21. Vumelani abantwana beze kimi, ningabanqabeli, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo. Mark. 10,14.)

*Aqhubeke:*

Masizithobe phansi kwesandla sikaNkulunkulu esinamandla, sikhumbule lapha ngasesidunjini ukufa nesisusa sokufa, sikhuleke ngezwi likaNkulunkulu sithi: Jehova, ngazise ukuphela kwami, nesilinganiso sezinsuku zami ukuba siyini; mangazi ukuthi ngingodlulayo. Bheka izinsuku zami wazenza zaba-ngangobubanzi besandla; imihla yokuphila kwami ayilutho kuwe; impela yilowo nalowomuntu ungumoya nje, noma eqina kangakanani. Sela. Impela umuntu uhamba njengesithunzi nje; unqwabela imfuyo, kepha akazi ukuthi ngubani ozakuyibutha. Kalokhu-ke, Nkosi, ngilindele-ntoni na? Ithemba lami likuwe. Ngisindise kuzo zonke iziphambeko zami, ungangenzi isithuko sesiwula. Ngiyathula, angivuli umlomo wami; ngokuba nguwe okwenzileyo. Susa kimi ukushaya kwakho, ngokuba ngiyaqedwa ngukushaywa yisandla sakho. Nxa ulaya umuntu ngesijeziso ngenxa yeziphambeko, ubuhle bakhe ubenza buphele njengenundu; yilowo nalowomuntu ungumoya nje. Sela. Yizwa umkhuleko wami, Jehova, ulalele ukumemeza kwami; ungathuli ngezinyembezi zami, ngokuba ngingumfokazi kuwe; ngiyisihambi njengokhokho bami bonke (AmaH. 39,4-12). Udumo malube-kuYise nakuyo iNdodana nakuMoya ongcwele, njengalokhu kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, kuya kuba-njalo kuze kube-phakade. Amen.

Yizwani induduzo yezwi likaNkulunkulu: Babusisiwe abakhalayo, ngokuba bayakududuzwa. (Math.5,4). Ngase ngizwa izwi livela ezulwini, lithi: Loba ukuthi: Babusisiwe abafileyo abafele eNkosini kusukela kulesisikhathi. Yebo, usho uMoya, ukuze baphumule ekukhandlekeni kwabo; ngokuba imisebenzi yabo iyabalandela. (IsAmb. 14,13.). Kabasayikulamba, kabasayikoma, kabasoze bahlatshwa yilanga nakushisa kuni, ngokuba iWundlu elingaphakathi nesihlalo sobukhosi liyakubelusa, libaholele emithonjeni yamanzi okuphila; noNkulunkulu uyakwesula izinyembezi zonke emehlweni abo. (IsAmb. 7,16-17.).

Manje-ke masimukise isidumbu sisiyise ekuphumuleni ethembeni lokuvuka enjabulweni! UNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, uBaba wobunene noNkulunkulu wenduduzo yonke, osiduduzayo ezinhluphekweni zethu zonke, makasiduduze ngamandla ngoKristu. Amen.

INkosi mayilondoloze ukuphuma nokungena kwakho manje kuze kube-phakade. Amen.

*Useyalethwa-ke emathuneni.*

## Inkonzo ngaselibeni.

*Lapha isidumbu sesehlisiwe ethuneni umfundisi uyathatha athi:*

Uvele emhlabathini, uyakuphenduka umhlabathi. UNkulunkulu uJesu Kristu, uMsindisi wethu, uyakukuvusa ngosuku lokugcina. Amen.

*Masikhuleke umkhuleko kaMose:*

Nkosi, wena uyisiphephelo sethu ezizukulwaneni ngezizukulwane. Kungakaveli izintaba, ungakawenzi umhlaba nezwe, kuthi kusukela phakade kuze kube-phakade wena-Nkulunkulu ukhona. Uyambuyisela umuntu othulini, uthi: Buyani, bantwana babantu. Ngoba iminyaka eyinkulungwane emehlweni akho injengezolo selidlulile, nanjengomlindo ebusku. Uyabamukisa njengesikhukhula, banjengobuthongo; ekuseni banjengotshani obuhlumayo; ekuseni buyakhahlela buhlume; kusihlwa bunqunywa, bubune. Ngokuba siyaqedwa yintukuthelo yakho, nangolaka lwakho siyabhubha. Ubekile amacala ethu phambi kwakho, izono zethu ezifihliweyo ekukhanyeni kobuso bakho. Ngokuba izinsuku zethu ziyadlula ngentukuthelo yakho; siyafeza iminyaka yethu njengephefu. Izinsuku zeminyaka yethu zineminyaka engamashumi ayisikhombisa; kuthi uma ziziningi, zineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili; nokho ukuvama kwazo kungukuhlupheka nelize, ngokuba zidlula masinyane, thina siyandiza, simuke. Ngubani owaziyo amandla entukuthelo yakho nolaka lwakho olunjengakho ukwesabeka kwakho na? Sifundise, Nkosi, ukubala izinsuku zethu, sizuze inhliziyo enokuhlakanipha (AmaH. 90, 1-12). Udumo malube kuYise nakuyo iNdodana nakuMoya oNgcwele, njengalokhu kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, kuyakuba-njalo kuze kube-phakade. Amen.

INkosi isho njalo ezwini lakhe ngokufa nesisusa sakho:

Inyama yonke ingutshani, bonke ubuhle bayo bunjengembali yasendle. Utshani buyabuna, imbali iyavuthuluka, ngokuba umoya kaJehova uyaphephetha kukho. Impela abantu bangutshani. Utshani buyabuna, imbali iyavuthuluka, kepha izwi likaNkulunkulu wethu limi kuze kube - phakade. (Isaya 40,6-8).

Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa, ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile. (Rom.5,l2).

Yizwani induduzo:

UJesu wathi: Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi, noma efa, wophila. Nalowo ophila, akholwe yimi, kasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokho na?

(Joh. 11,25-26). Ngokuba akakho phakathi kwethu oziphilela yena, akakho nozifela yena; ngokuba uma siphila, siphilela iNkosi; uma sifa sifela iNkosi. Ngakho-ke noma siphila noma sifa, singabeNkosi. Ngokuba ngenxa yalokho uKristu wafa, wabuye waphila ukuba abe-yiNkosi yabafileyo neyabaphilayo. (Rom.l4,l-9). Ningamangali ngalokho, ngokuba isikhathi siyeza, lapho bonke abasemathuneni bayakulizwa izwi layo, abenze ukulunga baphumule ekuvukeni kokuphila, abenze okubi ekuvukeni kokulahlwa. (Joh.5,28-29). Kuhlwanyelwa kunokubola, kuvuswa kungenakubola; kuhlwanyelwa kunokudelwa, kuvuswa kunenkazimulo; kuhlwanyelwa kunobuthakathaka, kuvuswa kunamandla; kuhlwanyelwa kungumzimba wemvelo, kuvuswa kungumzimba womoya. Ngokuba lokhu okubolayo kumelwe ukwembatha ukungaboli, nalokhu okufayo kumelwe ukwembatha ukungafi. Kepha nxa lokhu okubolayo sekwembethe ukungaboli, nalokho okufayo sekwembethe ukungafi, kuzakugcwaliseka izwi elilotshiweyo lokuthi: Ukufa kugingiwe kwaba-ngukunqoba. Kufa, kuphi ukunqoba kwakho na? Kufa, luphi udosi lwakho na? Udosi lokufa yisono; amandla esono ngumthetho. Kepha mokabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu (1.Kor.15,42-44. 53-57). Amen.

Ngokuba kwaba-kuhle kuyo iNkosi yokuphila neyokufa, iwubizile yawususa kulomhlaba umphefumulo walomfowethu, sesiyabeka umzimba lapha ensimini kaNkulunkulu:

Umhlabathi mawubuyele emhlabathini,
Umlotha mawubuyele emlotheni,
Uthuli mawubuyele othulini

ethembeni eliqinisileyo lokuvuka kube-ngukuphila okuphakade ngoJesu Kristu, iNkosi yethu, oyakuguqula umzimba wethu wobuphansi uze ufane nomzimba wakhe okhazimulayo, ngokusebenza anamandla ngakho ukuzihlelela konke.

Nkulunkulu Baba, lokhu owakudala ngokwemfanekiso wakho, Nkulunkulu Ndodana, lokhu owakusindisa ngegazi lakho, Nkulunkulu Moya oNgcwele, lokhu owakungcwelisa kube-yisitsha nethempeli lakho, siyakunikela manje esandleni sakho, ukuba lomzimba uphumule emthunzini wakho nasekuthuleni kwakho, ukuba uvuke ngosuku lokugcina ngenjabulo ebukhosini kube-ngukuphila okuphakade. Amen.

Ukuthula akube-kulomlotha. Amen.

*Sekuphelile ukumbela, kuyiwa esontweni*

## UKUBIKA IZONO NGASESE (Private Confession).

*Izono zingabikwa kumfundisi endlini yeSonto, endlini yokugqokela (vestry), noma kuyiphi indawo engasese. Lokhu umfundisi kufanele ukuba akwenze ngesineke nangokuchophelela okukhulu ukuze abenethuba lokubona ukuthi obikayo ubika ngenhliziyo yakhe yonke yini, noma kukhona okunye akugodlayo.*
*Ezinye izono zibiza kobikayo ukuba alungise kuqala okulinyazwe yisenzo sakhe ngaphambili kokuba athole intethelelo ngokuphelelelyo, njengesono sokweba nesokujivaza ngokungcofa udumo olulhle lwegama lomuntu ngokumhleba kubantu, nokunye okunjalo. Umfundisi angameluleka amsize kulokhu. Makukhunjulwe ukuthi isono esisobala sibikwe obala. Obikayo isono sangasese ecela intethelelo angakhululwa kanje:*

*Obikayo aguqe akhuleke avume kanje, noma ngamazwi akhe:*

Ngihawukele, Nkulunkulu, ngomusa wakho; yesula iziphambeko zami ngokobubele bakho obukhulu. Ngigezisise ebubini bami, ungihlanze esonweni sami. Ngokuba ngiyazazi iziphambeko zami; isono sami siphambi kwami njalo. Ngonile kuwe, wena wedwa, ngakwenza okubi emehlweni akho. Ikakhulu ngiyavuma ukuthi ngonile kanje, kanje . . . . . . etc. Fihla ubuso bakho ezonweni zami, wesule zonke izenzo zami ezimbi. Nkulunkulu, dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo, uvuse umoya oqinileyo phakathi kwami. Ungangilahli ebusweni bakho; ungangamuki uMoya wakho oNgcwele. Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yakho, ungiphase ngomoya ovumayo. Amen.

*Umfundisi aqhube athi:*

Njengoba lokhu kungukubika kwenhliziyo yakho, usucela ukuthethelelwa:

UJesu Kristu wathi kubafundi bakhe; "Enibathethelela izono zabo, bathethelelwe." "Eniyakukukhulula emhlabeni koba kukhululiwe nasezulwini." Ngakho ngeZwi likaNkulunkulu mina engibekiwe esikhundleni esingcwele sokukhulula izoni ezihluphekayo,

*Umfundisi abeke isandla kuye athi:*

Ngiyakuthethelela izono zakho zonke egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

Yena owaqala umsebenzi omuhle kuwe makawufeze kuze kube lusuku lukaKristu Jesu. Amen.

## Isibusiso

# UKUGCOTSHWA KWABAFUNDISI

## Iculo

*Ogcobayo aphendukele ebandleni athi:*

Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu naseNkosini uJesu Kristu. Amen.

Kukhona lapha *uMvangeli/**aBavangeli*** *uMvivinywa/**aBavivinywa*** NN. *ozogco-tshelwa/* ***abazogcotshelwa*** isikhundla sobufundisi ngomkhuleko nangokubekwa kwezandla.

Anduba siqale lomsebenzi, masiceleni kuNkulunkulu, uBaba wethu, sikhuleke sithi:

Nkulunkulu, Mninimandla onke, Baba onesihawu, wena owasiyala ngayo iNdodana yakho ethandekayo, ukuba sicele kuwe ukuthumela izisebenzi ziye ekuvuneni kwakho, siyanxusa kuwe ngenhliziyo yonke, ake ubaphe uMoya wakho oNgcwele bona obabizile ekuvuneni kwakho. Siyacela futhi ukuba ulibeke izwi lakho emlonyeni nasenhliziyweni *yale nceku yakho ezakubekwa/**yalezizinceku zakho ezizakubekwa*** izandla manje, ukuze *ilishumayele/**zilishumayele*** ngokuthokoza nangokuqinisa, *ihlobise/**zihlobise*** isikhundla *sayo/**sazo*** ngokuhamba okulungileyo, ukuze iKerike lakho elingcwele labakaKristu lakhiwe ligcinwe ngalokhu ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

*Ogcobayo ashumayele eseAltare, agcine athi:*

Bandla elithandekayo, masihlanganeni emsebenzini lowo ongcwele, sicele kuNkulunkulu ukuba asithumele uMoya wakhe oNgcwele, sihlabelele iculo lokuthi "Ak' uze, Moya weNkosi, ugcwalise..."

## Iculo

*Ogcobayo aphendukele ebandleni athi:*

Asizweni okushiwo izwi elingcwele likaNkulunkulu ngesikhundla seKerike:

Kulotshiwe evangelini **ngokukaMathewu esahlukweni 28** ukuthi:

UJesu wakhuluma kubo abafundi bakhe, wathi: Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni; ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho; bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe. (Math.28,18-20)

Kulotshiwe evangelini **ngokukaJohane esahlukweni 20** ukuthi:

UJesu wathi kubafundi bakhe: Ukuthula makube kinina. Njengokuba uBaba engithume mina, nami ngiyanithuma nina. Kwathi ukuba asho njalo, wabaphephetha, wathi kubo: Yamukelani uMoya oNgcwele. Enibathethelela izono zabo bathethelelwe, nenibabamba ngazo babanjiwe. (Joh.20,21-23)

Kulotshiwe **encwadini yesibili yomphostoli uPawulu kwabaseKorinte esahlukweni 5** ukuthi:
UNkulunkulu ekuKristu wenza ukuba izwe libuyisane naye, engababaleli iziphambeko zabo, ebeka kithi izwi lokubuyisana. Ngakho singamanxusa kaKristu ngokungathi uNkulunkulu unxusa ngathi; siyanincenga esikhundleni sikaKristu, sithi: Buyisanani noNkulunkulu. (2 Kor.5,19-20)

Kulotshiwe **encwadini yomphostoli uPawulu kwabaseEfesu esahlukweni 4** ukuthi:

Nguyena futhi owanika abanye ukuba babe ngabaphostoli, abanye abaprofethi, abanye abavangeli, abanye abelusi nabafundisi, ukuze abangcwele bapheleliselwe umsebenzi wokukhonza, kwakhiwe umzimba kaKristu, size sifinyelele sonke ebunyeni bokukholwa nasekwazini iNdodana kaNkulunkulu, ebudodeni obupheleleyo, esilinganisweni sobukhulu sokugcwala kukaKristu. (Ef.4,11-13)

Kulotshiwe **encwadini yokuqala yomphostoli uPawulu kuThimothewu esahlukweni 3** ukuthi:

Likholekile lelizwi elithi: Uma umuntu efisa isikhundla sombonisi, unxanela umsebenzi omuhle. Ngakho umbonisi umelwe abe ngongasolekiyo, indoda emfazi munye, abe ngozikhuzayo, oqondileyo, oziphatha ngokufaneleyo, ongenisa izihambi, onesu lokufundisa, ongesilo ixhwele lewayini, ongesiso isilwi, kepha omnene, ongaxabaniyo, onganxaneli imali, ophatha kahle indlu yakhe, abantwana bakhe bemthobela ngenhlonipho yonke - kepha uma umuntu engakwazi ukuphatha owakhe umuzi, angaliphatha kanjani ibandla likaNkulunkulu na? - angabi ngosand' ukukholwa, funa ngokukhukhumala ayele ekulahlweni kukaSathane. Kumelwe futhi ukuba abe nobufakazi obuhle kwabangaphandle, funa ayele esihlambeni nasesihibeni sikaSathane. (1 Thim.3,1-7)

*Ogcobayo athi:*

Mzalwane eNkosini, iNkosi mayikwenzele umusa wokuba ulondoloze lawomazwi enhliziyweni yakho, uhambe ngawo ekuhambeni kwakho, akukhumbuze ngesikhundla sakho esingcwele, akuqinise ekulindeni kwakho ukuba ukhuthale njalo ekumkhonzeni uMalusi wethu omkhulu. Ibandla likaNkulunkulu libheke kuwe ukuba uqaphele ngenhliziyo yonke ubukhulu besikhundla lesi obekwa kuso namuhla, kanye nomsebenzi ongcwele ozowenza kuso. Kufuneka futhi kuwe ukuba ngegama likaJesu ucele nokucela kuye uNkulunkulu umusa namandla, ukuba ufunyaniswe uyisikhonzi esiqotho seNkosi. INkosi mayikusize ukuba ulwe ukulwa okulungileyo kokukholwa, ubambelele ekuphileni okuphakade, uvume ukuvuma okuhle.

Ngiyakubuza manje ukuthi uyakuphatha isikhundla lesi ozobekwa kuso njengoba kuyintando kaNkulunkulu ube ngothembekile, ushumayele izwi likaNkulunkulu ngokucwebileyo nangokuchachileyo, njengalokhu lifunyanwa eTestamenteni elidala nelisha nanjengezifundiso zalo kuzo izivumo ezinthathu ezinkulu zeKerike lasendulo, isivumo sabaphostoli nesaseNikeya nesikaAthanasiyu, nanjengalokhu zichaziwe ngokuyikho ezivumeni zobuLuthere, isivumo saseAugsburg esingaguquliwe, iApologiya lesivumo saseAugsburg, izinhlamvu saseSmalkadiye, iKhathekisemu elincane nelikhulu likaDr. Martin Luther, iFormula Kondordiye, futhi uwaphathe amaSakramente angcwele njengoba amiswa iNkosi uJesu Kristu uqobo lwayo, uthule uthi du ngakho ozakukuzwa esibikweni esingasese, nokuthi wena uqobo lwakho uzame ngeqiniso ukuhamba ngalo izwi likaNkulunkulu kanye nendlu yakho, ukhonze iNkosi eqinisweni njengomalusi okholekileyo womhlambi owunikiweyo na?

Uma kunjalo ukuthi uyakugcina lokho konke ngokuthembeka, awuphendule ngezwi elizwakalayo phambi kukaNkulunkulu naphambi kwalelibandla ngokuthi: Yebo, ngosizo lukaNkulunkulu ngoJesu Kristu emandleni kaMoya oNgcwele.

*Ogcotshwayo aphendule athi:*

Yebo, ngosizo lukaNkulunkulu ngoJesu Kristu emandleni kaMoya oNgcwele.

*Ogcobayo athi:*

Guqa phansi, ukuba ugcotshelwe inkonzo yezwi neyamasakramente nesikhundla esishumayela ukubuyisana, sikubeke izandla, sikhuleke sithi:

*Ogcotshwayo aguqe phansi, ogcobayo kanye nabafundisi bambeke izandla. Ogcobayo akhuleke athi:*

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Siphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanamacala kithi. Ungasingenisi ekulingweni. Kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

Nkulunkulu onobubele, Baba osezulwini, ushilo kubo abakho ngomlomo weNdodana yakho ethandekayo, iNkosi yethu uJesu Kristu, ukuthi: Ukuvuna kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana; ngakho-ke nxusani eNkosini yokuvuna ukuba ithume izisebenzi, ziye ekuvuneni kwayo. Siyakunxusa ngalomyalo wakho ngenhliziyo yonke, sithi: Ake *usiphe lesisikhonzi sakho/**uziphe lezizikhonzi zakho*** uMoya wakho oNgcwele, ukuba *sibe ufakazi wakho, siqine/**zibe ofakazi bakho, ziqine*** maqondana nokulingwa nguSathane, nezwe nenyama, ukuze igama lakho lingcweliswe, umbuso wakho wande, futhi kwenziwe intando yakho.

Siyacela ngokuzithoba ukuthi awulilondoloze iKerike lakho, uvimbe izitha zalo ezihlambalaza igama lakho, ezibanga ukudiliza umbuso wakho nezimelana nentando yakho. Mawuzwe umkhuleko wethu ngokwesithembiso sakho nangomusa wakho, njengalokhu sikholwa sethemba njalo ngayo iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi yethu uJesu Kristu, ohola ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen.

Mzalwane, ngamandla uJesu awanika iKerike lakhe sesiyakunika isikhundla esingcwele senkonzo yevangeli ngomkhuleko nangokubekwa kwezandla zethu, namandla okushumayela izwi likaNkulunkulu nawokuphatha amaSakramente angcwele, njengalokhu amiswa nguKristu, nawokwenza konke okuhlangene nalesisikhundla sakho esingcwele, njengokuba kuvumelana nezwi leNkosi nezimiso zeKerike ngokobuLuthere, egameni likaNkulunkulu uYise, neNdodana, noMoya oNgcwele. Amen.

*Bonke abafundisi abasekelayo bamphathele izwi likaNkulunkulu lokubusisa.*

*Ogcobayo athi:*

*Shumayela/**shumayelani*** izwi, *uqinise/**niqinise*** noma kuyisikhathi noma kungesiso; *sola, ukhuze, uyale/**solani, nikhuze, niyale*** ngakho konke ukubekezela nokufundisa.

Ngakho *hamba uweluse/**hambani niweluse*** umhlambi kaNkulunkulu ophakathi kwenu, kungabi ngokucindezelwa kodwa ngokwentando kaNkulunkulu, kungabi nge-

nxa yenzuzo eyihlazo, kodwa ngenhliziyo evumayo. Kungabi njengabazenza amakhosi phezu kwamabandla enabelwa wona, kodwa *ube/**nibe*** yisibonelo somhlambi; kuyakuthi nxa esebonakaliswa uMalusi omkhulu, *uyakuzuza/**niyakuzuza*** umqhele wenkazimulo ongabuniyo. Amen.

Umusa weNkosi mawube *nawe/**nani!*** Amen.

*Ibandla lihlabelele iculo lokubonga.*

## Iculo

# UKUGCOTSHWA KWABAFUNDISI 2

## Isingeniso.

*1. Uma umuntu esefundisiwe ekholishini labafundisi neKerike selimbiza ukuba abekwe esikhnhdleni sobufundisi, uyogcotshwa. Ngokuvamileyo ukugcotshwa kwabafundisi kuyokwenziwa nguMbhishobhi weKerike njengo-ordinator ministrerum. Ogcobayo uyabakhetha abafundisi abazakulekelela kulomsebenzi. Phambi kwenkonzo ogcobayo nabazogcotshwa nabasizayo bangene e"Vestry" noma kwenye indlu eseduze nendlu yesonto bayolungisela inkonzo, bagqoke izingubo zenkonzo, bakhonjiswe abazokukwenzo enkonzweni. Uma sekuzongena inkonzo bazophuma bayongena endlini yesonto ngomnyango omkhulu. Abazogcotshwa bahamba phambili kulandele abazosiza kugcine ogcobayo. Bayongena ngehele baye emsamo, ogcobayo angene ealtare.*
*Uma sekuphunywa kuhambe ogcobayo phambili, kulandele ebebegcotshwa, kugcine ebebesiza emgcotsheni. UMbhali weKerike angabikho eheleni kusangenwa noma sekuphunywa.*

*2. Indlela yonke yenkonzo enkulu yamaSonto iyosetshenziswa ekugcotshweni kwabafundisi. Ihanjiswe ngendlela yamaSonto onke kuze kube isivumo senkolo. NgaleliSonto makusetshenziswe isivumo saseNikea.*
*Inkonzo yomgcobo izoqala emva kwesivumo senkolo kuze kufike entshumayelweni ebesekuqhutshwa futhi inkonzo ngendlela yamaSonto onke. Omunye wabagcotshwayo okhethwe ngogcobayo woshumayela intshumayelo yalolosuku.*

*3. Uma umgcobo uqondene nenkonzo enkulu yasemini, amaIntroyitu namaKholekte, kanye namaPhistola namaVangeli ayosethenziswa. Uma umgcobo uzokwenziwa ngesinye isikhathi kuzothathwa i-Introyitu, neKholekte leSonto lokucandulwa kweKerike. IPhistola kube 2 Kor.3,4-9. IVangeli libe ngelingokuloba kukaJohane 20,21-23.*

*4. Uma isivumo saseNikea sesibunyiwe kuhlatshelelwe isihlabelelo.*

## Isihlabelelo.

## Intshumayelo.

*Ogcobayo ashumayele kafushane esealtare, agcine ngalomkhuleko:*

## Umkhuleko

*Ogcobayo athi:*

Masikhuleke:

Nkulunkulu onamandla, Baba onesihawu, owasiyala ngayo iNdodana yakho ethandekayo ukuba sicele kuwe ukuba uthumele izisebenzi ziye ekuvuneni kwakho, siyanxusa kuwe ngenhlizyo yonke, ake ubaphe uMoya wakho oNgcwele bonke obabizele ekuvuneni kwakho. Siyacela futhi ukuba ulibeke iZwi lakho emlonyeni nasenhliziyweni yalezizinceku zakho ezizakubekwa izandla manje, ukuze zilishumayele ngokuthokoza nangokuqinisa, zihlobise isikhundla sazo ngokuhamba okulungileyo, ukuze iKerike lakho elingcwele labakaKristu lakhiwe ligcinwe ngakho ngaye uJesu Kristu. Amen.

## Ukungenisa abazogcotshwa.

*Ogcobayo aphendukele ebandleni athi:*

Bandla elithandekayo: IMibhalo engcwele iyaseluleka ukuba sibazi abasebenza phakathi kwethu nabaphezu kwethu eNkosini ukuba sibakhulekele sibazisise kakhulu othandweni ngenxa yomsebenzi wabo. Namhlanje izisebenzi ezintsha ezibiziwe

zimiswa phambi kwethu zizogcotshelwa isikhundla esingcwele sobufundisi. Masizwe manje amagama abo namabandla abazakusebenza kuwo.

*Amagama abagcotshwayo kanye namagama amabandla abazakusebenza kuwo amenyezelwa nguMbhali eeKerike.*

## Ukufunda iZwi likaNkulunkulu.

*Ogcobayo athi:*

Bandla elithandekayo! Akesizwe ubufakazi beZwi likaNkulunkulu ngalomsebenzi ongcwele.

*Abafundisi bafunde ngamunye amazwi eNkosi. Kukhethwe phakathi kwalawa:*

Math.28,19-20; Joh.21,15-17; Joh.20,21-23; Math.10,32-33; 2 Kor.5,17-20; Jer.15,19; Hez.3,17-19; Math.5,13-16; 1 Thim.4,7-8; 1 Thim.4,12-14; 1 Thim.4,16; 2 Thim. 2,15-16; 2 Thim.2,1-7; Joh.15,13-16; Math.16,19; 18,18.

## Ukugcotshwa.

*Ogcobayo athi:*

Bazalwane, iNkosi mayinenzele umusa wokuba nilondoloze lamaZwi eanhliziyweni zenu, nhambe ngawo, anikhumbuze ngesikhundla senu esingcwele, niqiniswe yiwo ekulindeni kwenu, nifudunyezwe yiwo, ukuba nikhuthale njalo ekumkhonzeni uMalusi wethu omkhulu. IBandla likaNkulunkulu linibheke ukuba niqaphele ngenhliziyo yonke ubukhulu besikhundla lesi enibekwa kuso namhla, kanye nomsebenzi ongcwele enizowenza kuso. Kubhekeke futhi kini ukuba ngegama likaJesu nicele nokucela kuye uNkulunkulu umusa namandla, ukuba nifunyaniswe niyizikhonzi eziqotho zeNkosi. INkosi mayinisize ukuba nilwe ukulwa okulungileyo kokukholwa, nibambelele ekuphileni okuphakade, nivume ukuvuma okuhle.

*Ogcobayo athi kwabagcotshwayo:*

Masivume inkolo yethu engcwele yamaKristu.

*Abagcotshwayo bavume isivumo sabaphostoli bebheke ealtare.*

Ngiyakholwa kuNkulunkulu uYise, uMninimandla onke, uMdali wezuhlu nomhlaba.

Ngyakholwa kuJesu Kristu, iNdodana yakhe ezelwe iyodwa, iNkosi yethu, owathatshathwa ngoMoya oNgcwele, wazalwa nguMariya intombi, wahlushwa kuPontu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa, wembelwa, wehlela endaweni yabafileyo, ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise, uMninimandla onke, lapho eyakubuya khona ukwahlulela abasahambayo nabafileyo.

Ngiyakholwa kuMoya oNgcwele, iKenke elingcwele lomhlaba wonke, inhlangano yabangcwele, ukuthethelelwa kwezono, ukuvuka komzimba, nokuphila okuphakade. Amen.

*Ogcobayo athi:*

INkosi mayininike umusa ukuba nisimame kulokhukukholwa, kuze kube sekupheleni.

Phambi kukaNkulunkulu naphambi kwalelibandla, ngiyaniyala, nginiyalisisa ukuba nishumayele iZwi likaNkulunkulu limhlophe, njengalokhu lifunyanwa eTestamenteni eliDala neliSha, livunywa futhi enkolweni yabaphostoli, nakuso isivumo saseNikea nakuso isivumo sikaAthanasius nakuso isivumo saseAugsburg esingaguqulwe, nakuzo ezinye izincwadi zamaLuthere Encwadini Yokuhlangana (Incwadi iConcordia) esikholwa ukuthi ziyisichasiselo esiqondileyo seZwi likaNkulunkulu.

Nokuba niwaphathe amaSakramente omabili atusekileyo njengoba amiswa yiNkosi uJesu Kristu uqobo lwakhe.

Nokuba nigcine ukuba kube isifuba kini enizakubekelwa ngasese ningasiqhaqhi.

Nokuba nilondoloze ubunye beBandla ngokugcina konke okumisiwe yiKerike lakithi nangokulalela abaniphetheyo; nokubaluleka ngobuqotho enibashumayezayo ukuba baphenduke ngokuyikho, baphile impilo engcwele yokumthanda uNkulunkulu nabantu.

Nokuba nina uqobo lwenu nizame ngeqiniso ukuhamba ngalo iZwi likaNkulunkulu nikhonze iNkosi ngeqiniso njengabalusi abakholekileyo bomhlambi eniwunikiweyo.

*Ogcobayo asho kubo bonke ngamunye, athi:*

N. N. (Asho igama logcotshwayo) uyangethembisa lapha phambi kukaNkulunkulu owazi konke ukuba uyakugcina lokhu konke ngokuthembeka ekuzihleleni phansi komusa lowo uNkulunkulu oMthathwemunye uqobo lwakhe azakukwabela wona na?

*Ogcotshwayo aphendule ngezwi elizwakalayo athi:*

Yebo, ngokusiza kweNkosi.

*Ogcobayo athi:*

Nginike isandla sakho kube isiboniso salokho.

*Ogcotshwayo axhawule komgcobayo.*
*Abagcotshwayo baguqe.*
*Ogcobayo athi kulowo nalowo:*

Ngokwesikhundla sami sengiyanikela kuwe N. N. isikhundla esingcwele senkonzo yeVangeli, namandla njengenceku eqinisileyo kaNkulunkulu noJesu Kristu, okushumayela iZwi likaNkulunkulu obala nangasese nawokuphatha amaSakramente angcwele, njengalokhu amiswa nguKristu, nawokwenza konke okuqondene nalesisikhundla sakho esingcwele, njengoba kuvumelana neZwi leNkosi nanezimiso zeBandla lakithi, egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

*Ngesikhathi ogcobayo esho lawamazwi kwabagcotshwayo ngamunye, ebemukelisa ubungcwele bobufundisi uyonikeza ogcotshwayo njengophawu olukhomba umsebenzi ongcwele njengamastole namachasuble, neBhayibheli noma isitifikethi somgcobo.*

*Ogcobayo athi:*

Masikhuleke.

*Ogcobayo uyobeka isandla sakhe phezu kogcotshwayo, abafundisi abasizayo nabo benze njalo. Uma abagcotshwayo bebaningi, abafundisi bayoma baqondane nabagcotshwayo kube yilowo aqondane noyedwa wabagcotshwayo. Bayobe beguqile. Ogcobayo ebeka isandla sakhe phezu kwekhanda kubo ngamunye akhuleke athi:*

Nkulunkulu onobubele, Baba osezulwini, siyakubonga ngokuba uzwile ukunxusa kwabantu bakho abakucelile ukuba kuthunywe izisebenzi emsebenzini wombuso wakho. Siyabanikela emseni wakho laba obathumayo, ukuze bakukhonze njengezisebenzi ezithembekileyo, bahlwanyele imbewu oyinikile ezandleni zabo, belekelele ukubuthela izithelo eziningi ezindlini zakho, bahlale bethembekile, beqinile ekulingweni konke ukuze igama lakho liphathwe ngobungcwele, nombuso wakho wandiswe nentando yakho yenziwe.

Mawuzwe lomkhuleko wethu ngokwesithembiso sakho nangomusa wakho, njengokuba sikholwa sethemba njalo ngayo iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi yethu, uJesu Kristu, okhona obusa kanye nawe noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen.

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

*Ogcobayo aye ealtare aphendukele kwabagcotshwayo, besaguqile, athi:*

Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu nothando lukaNkulunkulu nokuhlangana kukaMoya oNgcwele makube nani nonke. Amen.

*Abagcotshwayo basukume.*

## Ukuthunywa.

*Ogcobayo athi:*

Ngakho hambani niwaluse umhlambi kaNkulunkulu ophakathi kwenu, kungabi ngokucindezelwa kodwa ngokwentando kaNkulunkulu, kungabi ngenxa yenzuzo eyihlazo, kodwa ngenhliziyo evumayo. Kungabi njengabazenza amakhosi phezu kwamabandla enabelwa wona, kodwa nibe izibonelo zomhlabi; kuyakuthi nxa esebonakaliswa uMalusi omkhulu niyakuzuza umqhele wenkazumulo ongabuniyo. Amen. (1 Petr.5,2-4)

Shonini nonke ngenhliziyo nithi: Amen.

*Abafundisi kanye nebandla bathi:*

Amen!

*Ogcobayo athi:*

INkosi mayikubusise kuvezwe izithelo eziningi nezithelo lezo zihlale kuze kube phakade. Amen.

Nina-ke bandla elithandekayo, cabangisisani ngomyalo woMbhalo oNgcwele othi: Lalelani abaniholayo nibathobele, ngokuba balinda imiphefumulo yenu njengabazakulandiswa ngayo, ukuze bakwenze lokhu ngokujabula bengabubuli.

*Isibusiso sabaphostoli.*

*Obekwayo abuyele esihlalweni sakhe.*

## Isihlabelelo.

## Intshumayelo

*Kushumayele obekwayo.*

*Emva kwentshumayelo inkonzo ibisiqhutswa ngendlela yenkonzo enkulu yamaSonto iqalwe ekhasini le-12.*

# UKUBEKA UMFUNDISI EBANDLENI AZOLIPHATHA

*Kuhanjwe ngenkonzo yasemini kuze kube kuNo.10, lomkhuleko olandelayo uthathe isikhundla sekholekte laleloSonto.*

Nkulunkulu Mninimandla onke, Simakade, Yise weNkosi yethu, uJesu Kristu! Wena usiyalezile uqobo lwakho, ukuba sicele kuwe abasebenzayo baye ekuvuneni kwakho. Ake usithumele ngomusa wakho abafundisi abaqotho, ufake iZwi lakho elingcwele elisindisayo ezinhliziyweni zabo nasemilonyeni yabo. Benzele umusa, ukuba bazilinde baqaphelisise isifundiso seVangeli lakho, benze njengokuyala kwakho bakhuthale. Siphe, Nkosi, uMoya wakho oNgcwele, ukuba lihlale njalo phakathi kwethu iZwi lakho, lithele izithelo eziningi; izikhonzi zakho zifakaze ngawe ngesibindi, ukuze liqiniswe iBandla lakho, lande, likhule ekwazini nasekukholweni okuyikho, ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

*Kulandele ukubekwa komfundisi kanje:*

## Isihlabelelo

*Kuhlatshelelwa obekwayo nabanye abafundisi uma bekhona basondele ealtare, obekayo eme phambi kwealtare, abanye abafundisi baklele ngapkandle kwealtare.*

*Obekayo athi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele, Amen .

*Abesethi:*

UMfundisi N. N. olapha phambi kwenu, ogcotshelwe isikundla sobufundisi ubizelwe ukuba abe umalusi walelibandla.

*Aqhube athi:*

Masizwe manje incwadi yokubeka.

*Incwadi ibisifundwa ngomunye umfundisi okhethiweyo.*
*Obekayo ashumayele kafushane esealtare, abesethi kobekwayo:*

Mfowethu othandekayo! Ususondele namhla phambi kwealtare leNkosi, ukuba ubekwe ube umfundisi walelibandla. Kodwa-ke ukuba uqondisise impela ngobukhulu besikhundla sakho, mawuzwe izithembiso neziyalezo zeZwi likaNkulunkulu:

*Abasizayo bafunde ngabanye amaZwi eNkosi, kukhethwe phakathi kwalawo:*

Math.28,18-20; Joh.21,15-17; Ef.4,10-12; Jer.15,19; 2 Thim.4,1-5; 2 Thim.2,15-16; 2 Thim.2,22-25; Hez.3,17-19; 1 Petr.5,2-4; Luk.12,42-44.

*Obekayo athi:*

INkosi mayikwenzele umusa wokuba ulondoloze lawomaZwi enhliziyweni yakho, uhambe ngawo, ukhunjuzwe yiwo ngesikhundla sakho esingcwele, uqiniswe yiwo ekulindeni kwakho, ufundunyezwe yiwo, ukuba ukhuthale njalo ekumkhonzeni uMalusi wethu omkhulu.

*Abeseqhuba ethi:*

Mzalwane wami othandekayo, ngiyakubuza wena phambi kobuso bukaNkulunkulu naphambi kwalelibandla elikwamukelayo ube umalusi walo, ngithi uyathanda yini ukusamukela isikhundla esingcwele sobufundisi lapha kulelibandla na? Nokuwuphatha umsebenzi waso ngomusa kaNkulunkulu ngokuthembeka njengokuba uvumile enkonzweni yokugcotshwa kwakho owabekwa kuyo izandla, nangokwezimiso zeKerike lamaLuthere njengoba uyakulandiswa phambi kwesihlalo sokwahlulela sikaJesu Kristu onguMalusi wethu omkhulu na? Uma uvuma lokhu phendula uthi: Yebo.

*Obekwayo aphendule ngezwi elizwakalayo athi:*

Yebo, ngokusiza kweNkosi.

*Obekayo athi:*

Nginike isandla sakho kube isiboniso salokho.

*Obekwayo axhawule kombekayo.*
*Lapha kunikezwa incwadi yokubekwa.*
*Obekwayo aguqe. Ibandla lisukume.*
*Obekayo abeke isandla sakhe sokunene ekhanda lobekwayo athi:*

Masikhuleke.

Nkulunkulu onobubele bonke, Baba osezulwini usiduduzile ngomphostoli wakho ongcwele uPawulu, wasithembisa ukuthi kuyathandeka kuwe ukubasindisa bonke abakholwayo ngentshumayelo yesiphambano.

Sicela kuwe manje ngenhliziyo, sithi: Yipha lenceku yakho owayibizela emsebenzini ongcwele wobufundisi isipho somusa wakho, noMoya wakho oNgcwele, ukuze ibe namandla okumelana nokulingwa nguSathane nezwe, ukuze ngeZwi elisindisayo neliqinisayo yaluse ngokwentando yakho ibandla lakho elithandekeyo, elithengwe ngegazi elinqabileyo leNdodana yakho, kuze kuthi ihambe phambi kwebandla ngokuhamba okuqotho, ukuze libongwe lidunyiswe igama lakho elingcwele, nokuba landiswe kulo lonke iKerike, ngaye uJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

*Abeseqhuba ethi:*

N. N. sengiyakubeka, ube umfundisi nomalusi walelibandla. Ngikunikela kulo, nalo ngilinikela kuwe. Ngiyakuyala ngomyalo weNkosi yethu uJesu Kristu, nangoweKerike lakhe, ukuba ulondle kahle ngeZwi likaNkulunkulu nangamaSakramente angcwele, nokuba ulikhonze ibandla ngokukhuthala okukhulu kungabikho isikhubekiso, njengalokhu uyakulandiswa ngosuku lokuphela phambi kwesihlalo sokwahlulela seNkosi yethu uJesu Kristu onguMalusi olungileyo. Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

INkosi mayikubusise kuvezwe izithelo eziningi nezithelo lezo zihlale kuze kube phakade. Amen.

Nina-ke bandla elithandekayo, cabangisisani ngomyalo woMbhalo oNgcwele othi: Lalelani abaniholayo nibathobele, ngokuba balinda imiphefumulo yenu njengabazakulandiswa ngayo, ukuze bakwenze lokhu ngokujabula, bengabubuli.

# UKUMISA UMVANGELI ENDAWENI AZOYIPHATHA

## Isihlabelelo

*Omiswayo asondele emsamo. Emva kwesihlabelelo umfundisi aphendukele ebadleni, athi:*

Masikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare, akhuleke ngokuthi:*

Nkulunkulu, Mninimandla onke, Simakade, Yise weNkosi yethu uJesu Kristu! Wena usiyalezile uqobo lwakho, ukuba sicele abasebenzayo ekuvuneni kwakho. Ake usithumele ngomusa wakho abavangeli abaqotho, ufake iZwi lakho elingcwele elisindisayo ezinhliziyweni zabo nasemilonyeni yabo. Benzele umusa, ukuba bazilinde, baqaphelisise isifundiso seVangeli lakho, benze ukuyala kwakho, bakhuthale. Siphe, Nkosi, uMoya wakho oNgcwele, ukuba iZwi lakho lihlale njalo phakathi kwethu, lithele izithelo eziningi, izikhonzi zakho zifakaze ngawe ngesibindi, lize liqiniswe ibandla lakho, lande, likhulele ekwazini nasekukholweni okuyikho, ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

*Umfundisi aphendukele ebandleni ashumayele kafushane. Abesebuza omiswayo, athi:*

Uyazinikela ukuphatha lelibandla, usebenze ngesineke nangokuthembeka, ukuba kudunyiswe igama likaJesu Kristu na?

*Omiswayo aphendule, athi:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Nginike isandla sakho kulokhu.

*Abesethi:*

UNkulunkulu makakusize ukugcina lesisithembiso sakho.

Nina bebandla, ngiyanilulека ukuba nihloniphe umvangeli lona njengokusho kweZwi likaNkulunkulu, elithi: Lalelani abaniholayo, nibathobele, ngokuba balinda imiphefumulo yenu njengabazakulandiswa ngayo, ukuze bakwenze lokhu ngokujabula, bangabubuli, ngokuba lokhu akunakunisiza

Nimkhulekele lomvangeli, nimphase ukuba awufeze umsebenzi wakhe ngokuthokoza.

Masikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare, akhuleke ngokuthi:*

Nkulunkulu onesihawu, Baba othandekayo wasezulwini! Wena othembisile ngomusa wakho ukuthi uzakusindisa abakholwayo ngentshumayelo ngaye uKristu owabethelwa esiphambanweni, siyacela kuwe ngenhliziyo yonke, ukuba ngobubele bakho obukhulu unike amandla kaMoya wakho oNgcwele kulenceku yakho, ebiziwe nguwe abe umvangeli walelibandla. Umsekele, ukuba ahlale eqinile, alabele ibandla iZwi lakho

ngokuyikho, kudunyiswe igama lakho, ngayo iNdodana yakho uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

*Umfundisi aphendukele ebandleni, athi:*

UNkulunkulu wokuthula, owakhuphula kwabafileyo uMalusi omkhulu wezimvu, ngegazi lesivumelwano esimiyo njalo, iNkosi yethu uJesu, makaniphelelise kukho konke okuhle, ukuze nenze intando yakhe, esebenza phakathi kwethu khona lokho okuthokozisayo emehlweni akhe ngoJesu Kristu; makube kuye inkazimulo kuze kube phakade naphakade. Amen.

## Isihlabelelo

# UKUMISA AMALUNGA EBANDLA

## Isihlabelelo

*Abazomiswa basondele emsamo.*
*Kulandele intshumayelo emfushane kukhunjuzwe ngalesisikhundla. Umfundisi abuze abazomiswa ngokuthi:*

Niyavuma yini phambi kukaNkulunkulu ukuwuphatha lomsebenzi ngobuqotho nangesineke njengokwezimiso zeBandla lakithi na?

*Abamiswayo baphendule, bathi:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Niyavuma ukuba niqondise njalo ukuhamba kwenu, kube isibonelo esihle kubo bonke, kungakhubekiswa muntu na?

*Abamiswayo:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Nginikeni izandla zenu kulokhu.

*Abesethi:*

UNkulunkulu, uMninimandla onke makanisize ukufeza lesosithembiso senu! Kanjalo ngiyanimisa nibe amalunga ebandla egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

*Umfundisi aqhube, athi:*

Nina bebandla, anokhumbula ukuthi laba bakhethiwe, bamiswa esikhundleni ngomthetho weBandla. Bakhulekeleni, nibasekele emsebenzini weNkosi, ukuba kudunyiswe uNkulunkulu, nokuba konke kuhambe ngemfanelo ebandleni lethu.

Masikhuleke.

*Umfundisi aphendukele ealtare, akhuleke ngokuthi:*

Nkosi Nkulunkulu, Baba othandekayo! Siyacela kuwe, ukuba uwanike lamalunga uMoya wakho oNgcwele, aze akwenze konke ngobuqotho nangokuhlakanipha, ibandla lakho libusiswe. Siyanxusa lokho ngegama likaJesu Kristu. Amen.

*Agcine ngokuphendukela kubo abamisiweyo, athi:*

Hambani, nibe nokuthula kweNkosi.

## Isihlabelelo

# UKUMISA ABASIZIKAZI

## Isihlabelelo

*Abamiswayo basondele emsamo. Umfundisi abashumayeze kafushane, anduba athi:*

Bandla leNkosi. Nampa abesifazane abamiswa phambi kwenu babe amalungu eNhlangano yabaSizikazi emsebenzini webandla. Amagama abo yilawa:

*Kulandwe amagama ngumholi wabo.*

Bathandekayo eNkosini. Ngendaba yomsebenzi esinawo sonke eBandleni likaKristu, iZwi likaNkulunkulu liyasiyala ngokuthi: IZwi likaKristu alihlale phakathi kwenu livame, nifundisane ngokuhlakanipha konke, niyalane ngamahubo nangezihlabelelo, nangamaculo okomoya, nihubele uNkulunkulu ezinhliziyweni zenu ngokubonga. Konke enikwenzayo, noma kungezwi, noma kungomsebenzi, kwenzeni konke egameni leNkosi uJesu, nimbonge uNkulunkulu uYise ngaye. Kol.3,16-17.

Ngokunjalo nabesifazane mabagqoke izingubo ezifaneleyo, bazihlobise ngokuhlonipha nokuqonda, kungabi ngezinwele ezalukiweyo, nangegolide nangamaparele, nangezambatho ezinemali eningi, kepha njengokufanele abesifazane abashoyo ukuthi besaba uNkulunkulu, bahlobe ngemisebenzi emihle. 1 Thim.2,9-10.

LamaZwi ayabonakalisa ukuthi sonke simelwe ukusebenzela iBandla leNkosi, silisekele ngamandla ethu onke nangeziphiwo zonke esinazo, singabi ababukelayo nje. Nani-ke, eniphambi kwethu manje, nizimisele ukuba nihlale nibuthane ukuba nifunde iZwi leNkosi nikhuleke, nivuselelane othandweni nasemisebenzini yonke emihle.

Nizimisele ukuhambela abagulayo nabampofu nabo bonke abanosizi. Futhi kungumsebenzi wenu ukubafuna nokubavusa bonke abadukileyo nabahlehlayo ekukholweni. Kufanele ukuba niziphathe kahle ekuhambeni kwenu, niwagcine kahle amakhaya enu, nibuyeke utshwala, nihambe nokuthula.

Ngalokhu ngiyanibuza ngithi: Kuyintando yenu yini ukuba niqhube umsebenzi lowo osushiwo ngothando nangesineke ngokubasekela abaphathi bebandla nangokuhamba ngemthetho yalo, nibe izibonelo ezinhle kubo bonke, nisebenze ngokukhuthazela nangokuthobeka na?

*Abamiswayo baphendule, bathi:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Sengathi iNkosi inganinika amandla okugcina lezizithembiso. Amen.

Masikhuleke.

*Abamiswayo baguqe.*

Nkosi, Baba osezulwini, wena ofunayo ukuba amalungu onke eBandla lakho asebenze ngothando nangokukhuthazela, siyacela ukuba uziphe lezizincekukazi zakho uMoya wakho oNgcwele, zize zikwenze konke ngobuqotho nangesineke, zibe abasizikazi

abafaneleyo eBandleni lakho, igama lakho lidunyiswe, ngaye uJesu Kristu iNdodana yakho. Amen.

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igamzi lakho. Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemhla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

Thobelani izinhliziyo zenu kuNkulunkulu namukele isibusiso:

UJehova makakubusise, akulondoloze. UJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe. UJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula. Amen.

## Isihlabelelo

# UKUMISA OTHISHA BESIKHOLE SESONTO

*Inkonzo yokumisa othislha beSikole seSonto yenziwe ngesikhathi semisebenzi yebandla.*

## Isihlabelelo

*Abamiswayo basondele emsamo. Umfundisi abashumayeze kafushane anduba athi:*

Bandla leNkosi. Nampa abantu abamiswa phambi kwenu babe othisha beSikole seSonto. Amagama abo yilawa:

*Kulandwe amagama ngumholi wabo.*
*Umfundisi athi:*

Bathandekayo eNkosini. Ngendaba yomsebenzi esinawo sonke eBandleni likaKristu, iZwi likaNkulunkulu liyasiyala ngokuthi:

"IZwi likaKristu alihlale phakathi kwenu livame, nifundisane ngokuhlakanipha konke, niyalane ngamahubo nangezihlabelelo, nangamaculo okomoya, nihubele uNkulunkulu ezinhliziyweni zenu ngokubonga. Konke enikwenzayo, noma kungezwi, noma kungomsebenzi, kwenzeni konke egameni leNkosi uJesu, nimbonge uNkulunkulu uYise ngaye" Kol.3,16-17.

"Ngalesosikhathi abafundi basondela kuJesu bathi: Ngubani omkhulu embusweni wezulu na? Wayesebiza uumtwana, wammisa phakathi kwabo; wathi: Ngiqinisile ngithi kini: Uma ningaphenduki nibe njengabantwana, anisoze nangena embusweni wezulu. Ngakho-ke yilowo oyakwamukela umntwana onje abemunye ngegama lami, wamukela mina. Kodwa okhubekisa abemunye kulababancinyane abakholwa yimi, kungcono kuye ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakhe, azikiswe ekujuleni kolwandle." Math.18,1-6.

Lamazwi ayabonakalisa ukuthi sonke simelwe ukusebenzela iBandla leNkosi, silisekele ngamandla onke nangeziphiwo zonke esinazo, singabi ababukeleyo nje. Nani-ke eniphambi kwethu manje, nizimisele ukuba nibakhombise abantwana uJesu, nibafundise iZwi likaNkulunkulu. Ukuze nenze njalo fundani kuqala nina iZwi leNkosi, khona niyakuba isibonelo esihle sempilo yobuKristu. Ngokukhuthala ekufundeni nasekukhulekeni zamani ukuba nizithuthukise emsebenzini eninikezwe wona; futhi-ke ngokuthanda nangokujabula nangesihle zamani ukwenza umsebenzi enibizelwe kuwo, nazi ukuthi niwenza phambi kukaKristu, eningabakhe, futhi enifuna ukumsebenzela, ukuze umbuso wakhe wande phakathi kwabantwana bethu.

Ngalokhu ngiyanibuza ngithi: Kuyintando yenu yini ukuba niqhube lomsebenzi na?

*Abamiswayo baphendule bathi:*

Yebo.

*Umfundisi athi:*

Sengathi iNkosi inganinika amandla okugcina lesisithembiso. Amen.

Masikhuleke.

*Abamiswayo baguqe.*

Nkosi, Baba osezulwini, wena ofunayo ukuba amalungu onke eBandla lakho asebenze ngothando nangokukhuthazela, siyacela ukuba uziphe lezizinceku zakho uMoya wakho oNgcwele, zize zikwenze konke ngobuqotho nangesineke, zibe othisha abafanele ebandleni lakho, igama lakho lidunyiswe, ngaye uJesu Kristu iNdodana yakho. Amen.

Hambani nibe nokuthula kweNkosi. Amen.

## Isihlabelelo.

# UKUTHUNYWA KWAMANXUSA EMPHAKATHINI.

*Lendlela yokuthunywa kwamanxusa eMphakathini ingathathwa ngesikhathi semisebenzi yeBandla.*
*Inxusa liye phambi kwealtare. Umfundisi aqale ngesibingelelo sabaphostoli nangokufunda iZwi elifanele, nhlawumbe Rom.12,7. Besekulandela iseluleko.*

Bandla likaKristu!

IZwi likaNkulunkulu liyasiluleka ukuthi "Konke makwenziwe ngemfanelo nangenhlelo" emabandleni kaKristu "Ngokuba uNkulunkulu kasiye owesiyaluyalu kepha ngowokuthula." 1 Kor.14,33.

Nawe mfowethu, ukhethiwe ngenhlelo ebandleni ukuba ube isithunywa nenxusa lalo. Awuthunyelwa ize, kodwa uyathunyelwa ukuba amabandla onke ahlangene ngabafundisi bawo nangamanxusa awo, akhule ebunyeni bokukholwa, ahlole zonke izindaba zawo, avike izingozi zawo, aqinisane. Umphostoli uPawulu uthi (Ef.2,20.21): "Nakhiwe phezu kwesisekelo sabaphostoli nabaphostoli nabaprofethi, uKristu Jesu uqobo lwakhe eyitshe legumbi okuhlanganiselwe kuye isakhiwo sonke, sikhule sibe indlu kaNkulunkulu ngoMoya."

Uyaqinisa phambi kukaNkulunkulu naphambi kwalelibandla ukuthi uzosiphatha lesisikhundla sobunxusa ngesineke nangendlela ehlangene nezimiso zeBandla lethu na?

Uma kunjalo, kuvume ngokuthi: Yebo, ngokusiza kweNkosi.

*Inxusa liphendule lithi:*
Yebo, ngokusizi kweNkosi.

Nina-ke bandla, ngiyancenga ukuba niliphelekezele lelinxusa lenu ngokulikhulekela eNkosini, ukuba umsebenzi womhlangano omkhulu ube nezithelo ezinhle ezisizayo.

Masikhuleke.

## Ihubo leBandla

# ISITHEMBISO SAMALUNGU OMHLANGANO WOMPHAKATHI WEKERIKE.

*Emva kokubingelela nokukhethwa kwababhali abizwe amalungu onke ngamagama awo.*
*Amalungu asukume, umphathisihlalo athi:*

Umusa mawube nani nokuthula okuvela kuNkulunkuluu uBaba naseNkosini yethu uJesu Kristu. Amen.

Bathandekayo eNkosini, nina enimiselwe ukuba nibe amalunga oMphakathi weKerike ngesikhundla senu noma ngokukhethwa kwenu ngiyanibuza phambi kobuso bukaNkulunkulu ukuthi niyakunaka ukuba iBandla lethu likhule ebunyeni bokukholwa nasenhlanganweni yothando kulowo oyinhloko yalo, onguKristu na?

Uma kunjalo, phendulani ngokuthi: Yebo, ngokusiza kweNkosi.

*Amalunga onke aphendule athi:*

Yebo ngokusiza kweNkosi

Masikhuleke:

Nkulunkulu, Baba onamabandla onke onesihawu, siyakubonga ngoba umisile iBandla lakho emhlabeni, usibizele nathi enhlanganweni yalo. Siyacela ukuba usilondolozele thina nabantwana bethu isifundiso esicwebileyo seVangeli likaJesu Kristu nempatho elungileyo yamaSakramente. Mawuqinise amabandla akithi ngoMoya wakho oNgcwele, uwavusele abelusi abathandekayo kuwe. Yiba nabo bonke abalikhonzayo iBandla lakho. Vimba izitha zonke zeZwi lakho.

Siyakucela ukuba ubusiswe lomsebenzi ozokwenziwa kulezizinsuku kube udumo lwakho nokuhlalakahle kweBandla lakho. Lungisela bonke ababizelwe umsebenzi lowo ngoMoya wokwazi nowamandla nowothando nowobunye, nowokuthula, ufeze ukwenza kwethu ngomusa. Khanyisela ubuse bonke obamisele ukuhola ukuba bafune okuhle kweBandla lakho ngokuthembeka.

Njengalokhu uzolilondoloza iBandla kulelizwe lakithi uliphathe kanjalo ulikhulise emhlabeni wonke libe iBandla elingcwele, liphe ukuba lishumayele udumo lwalowo owasibiza ebumnyameni, siye ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo. Bonakalisa ezikhundleni zonke zobuKristu amandla eqiniso, ukuba lidunyiswe igama lakho kusuke empumalanga kuze kube sentshonalanga.

Nkosi Nkulunkulu wethu, sihawukele. Yizwa umkhuleko wethu nokucela kwethu ngenxa kaJesu Kristu. Amen.

*Kuhlatshelelwe: Nkosi, sibusise, sihlahlamelise...*
*Kuqalwe umsebenzi womhlangano weKerike.*

# UKVULWA KWENDLU YESONTO

*Ngosuku lokuvulwa kwendlu yesonto ibandla libuthane endaweni endala yokusonta, noma endaweni enye efaneleyo lapho livalelisa khona ngomkhuleko. Izisebenzi nomkhandlu webandla basuke baye endaweni entsha, balandelwe yibandla, bephethe iBhayibheli nezitsha ezingcwele, bazungeze indlu entsha yesonto. Phambi komnyango wendlu yesonto ibandla lime.*

*Umakhi uma ekhona, unikela isihluthulelo sendlu kuMongameli IBhishobh oyivulayo. Oyivulayo avule ethi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise, neNdodana noMoya oNgcwele, Amen.

*Anduba afunde iHubo 24,7 athi:*

Phakamisani, masango, izinhloko zenu; nani-minyango yaphakade, phakamani, ukuba iNkosi yenkazimulo ingene.

*Emuva kwalokhu ibandla lingene endlini. Izisebenzi nomkhandlu basondele ealtare; abaphetheyo izinto bazibeke ealtare.*

## Isihlabelelo

*Ovulayo athi:*

Ngcwele, ngcwele, ngcwele, Nkosi yamabandla. Amazulu nomhlaba kugcwele ubukhosi bakho! Manje ake ugcwalise ngodumo nobukhosi bakho lendlu yakho yokusonta kanye nezinhliziyo zamakholwa akho onke ngenxa yegama lakho elingcwele.

*Ibandla liphendule ngokuhlabelela lithi:*

Amen.

*Ovulayo esealtare ashumayele kafushane.*
*Nxa eseshumayele ovulayo athi:*

Masizwe manje amazwi eNkosi.

*Abasizayo bafunde ngabanye amaZwi eNkosi, kukhethwe phakathi kwalawa:*

Eks.20,24; Gen.28,17; IHubo 5,7; IHubo 24,3-5; IHubo 43,3.4; IHubo 63,2-4; IHubo 84,2-5; Isaya 2,3; Isaya 57,15; Shum.5,1; Luk.19,46; Joh.4,23; Heb.10,23-25.

*Ovulayo athi:*

Sengathi iNkosi ingasenzela umusa wokulondoloza lawamaZwi ezinhliziyweni zethu ngobuqotho impela.

Akesihlangane manje, sikhuleke, ukuba uNkulunkulu ehlisele isibusiso sakhe phezu kwalendlu engcwele.

*Ovulayo aphendukele ealtare aguqe athi:*

Mawubongwe, Nkosi, Mninimandla onke, okhona njalo njalo, wena owaba nguNkulunkulu wawokhokho nowethu futhi, thina zizukulwane zabo, wena owasikhetha, sibe isizwe sakho nefa lakho ngayo iNdodana yakho uJesu Kristu, oyinhloko yeBandla: wena osivumele ukudumisa igama lakho ngokwakha kulendawo indlu engcwele lapha

esingabuthana khona ukukukhonza nokukubonga. Bheka, izulu namazulu onke lingeke likuhlanganisele wena phakathi; pho-ke lendlu esiyakhile ngezandla zethu, incane kangaka! Kepha nokho uyathanda ukuhlala phakathi kwethu, njengalokhu nayo iNdodana yakho ithembisile ukuthi: Lapho kubuthene ababili noma abathathu egameni lami, ngikhona lapho phakathi kwabo. Ngalokho siyacela ukuba bathi bonke abezayo lapha ukukubonga nokukukhulekela, bezwe impela, ukuba uyababela khona umusa wakho. Yehlisela uMoya wakho phezu kwabafundisi nabafundisayo, ukuba kulendawo iZwi lakho elingcwele liphathwe ngokuyikho, libe yilo njalo, lilondolozwe ezinhliziyweni eziqotho. Ake uvuse ngeZwi lakho abalukhuni, uvule amehlo kwabayizimpumputhe emoyeni, uzwise abayizithulu, ufudumeze izinhliziyo ezidanileyo, ukhulule ababoshiweyo yizono, uqinise ababuthakathaka, unike abalingwayo ukuthula kwakho. Nkulunkulu onesihawu, londoloza ebunyeni nawe bonke abantwana abasuka behlukaniselwa ngoMbhapathizo ukuba babe ngabakho. Nalabo abasuka bezakwamukela iSidlo sakho esingcwele, mawubaphe ukuba bafune umusa wakho ngokuphenduka okuqinisileyo, baze bathole insindiso nentokozo ngaye uJesu Kristu. Yizwa imikhuleko yonke, esuka ikhulekwa kuwe lapha, ubaphe abantu bakho konke abakucelayo kuwe ngentando yakho. Siyacela, Nkulunkulu Mthathwemunye, ake ukhanyise ubuso bakho phezu kwabangenayo nabaphumayo lapha. Hamba nathi sonke kulesisikhathi samanje, uze usiyise emzini wakho wasezulwini ukuba sigcine ngokukukhonza nangokukukhulekela njalo ngokupheleleyo ethempelini lakho elingcwele lakhona. Makube kuwe udumo nobukhosi nanini nini.

*Ibandla lihlabelele lithi:*

Amen.

*Ovulayo apihendukele ebandleni athi:*
*Ibandla lisukume.*

Sengiyamemezela ukuthi lendlu nakho konke okwayo kwahlukaniselwe ukudunyiswa kukaNkulunkulu nokwakhiwa kweBandla ekukholweni kuJesu Kristu.

Egameni likaNkulunkulu, uYise noNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

Mazibe ezibusisiweyo izindonga lezi ezizakunkeneza ngezibongo zeNkosi!

Masibe esibusisiweyo isihlalo lesi okuzakushunyayelwa kuso iVangeli likaKristu.

Mayibe ebusisiweyo nalendawo, lapho iNkosi iyakuwamukela khona amalungu amasha embusweni wayo ngaso isigezo soMbhapathizo.

Malibe elibusisiweyo ialtare leli, lapho kuyakunikelwa khona iminikelo yokukhuleka eNkosini, nalapha kuzakwabelwa khona ibandla layo umzimba negazi likaJesu Kristu, owanikelwa ngenxa yethu.

Mayibe ebusisiweyo indlu yonke; ukuba umsindo nensila yezwe kube kude nayo, nokuba iBandla elingcwele lithole lapha ukukhosela phansi kwamaphiko kaNkulunkulu.

*Ibandla lihlabelele lithi:*

Amen.

*Ovulayo athi:*

Ukuthula makube kulendawo, egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

Bongani uNkulunkulu manje endlini yakhe entsha engcwele. Konke okuzwayo akubonge iNkosi.

## Isihlabelelo sokudumisa.

*Inkonzo iqhutshwe ngendlela yenkonzo enkulu yamaSonto, iqalwe ngeIntroyitu.*

# UKUBEKWA KWETSHE LESISEKELO SENDLU YE-SONTO.

*IBandla libuthane endaweni lapho kwakhiwa khona.*

## Isihlabelelo

*Umfundisi athi:*

Usizo lwami luvela kuJehova owenzile izulu nomhlaba. Masiphakamisele kuNkulunkulu izinhliziyo zethu sikhuleke njengoDavide owakhuleka phambi kwebandla lonke, msukwana iNkosi ibizokwakhelwa indlu, sithi: Mawubongwe wena Jehova Nkulunkulu kaIsrayeli uBaba kuze kube phakade. Ngobakho, Jehova, ubukhulu, namandla, nodumo, nenkazimulo, nobukhosi, ngokuba konke okusezulwini nasemhlabeni kungokwakho; ngowakho umbuso, Jehova, wena uphakeme, uyinhloko phezu kwakho konke. Ingcebo nenkazimulo kuvela kuwe, wena ubusa phezu kwakho konke; esandleni sakho kukhona amandla nezikhwepha, esandleni sakho kukhona ukukhulisa nokunika bonke amandla. Ngalokho, Nkulunkulu wethu, siyakubonga, siyadumisa igama lakho elitusekayo.

*lbandla lithi:*

Amen.

*Umfundisi afunde amaZwi eNkosi:*

1 Kor.3,9-16 noma Ef.2,19-22.

*Umfundisi athi:*

Malidunyiswe igama leNkosi, Haleluya!

*Ibandla lihlabelele lithi:*

Haleluya! Haleluya! Haleluya!

## Intshumayelo

## Isihlabelelo

*Kufundwe manje izincwadi ezizofakwa esisekelweni: Encwadini ezofakwa esisekelweni kulotshwe indaba yalelobandla uma kungenzeka. Lapha kungenzeke kufakwe iSihlabelelo nombiko weKerike wonyaka odlule neKhathekisemu.*

*Umfundisi athi:*

Ngokukholwa kwethu kuyo iNkosi yethu uJesu Kristu siyalibeka itshe leli lesisekelo sendlu kaNkulunkulu ukuba kushunyayelwe kulendawo inkolo yesiminya, kwabelwe amaSakramente angcwele, nokuba kukhulekwe kulendawo egameni loMthathwemunye.

*Umfundisi athathe isando ashaye kathathu etsheni ethi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

Masikhuleke.

Nkosi, Jesu Kristu, Ndodana kaNkulunkulu okhona, wena oyisisekelo esiqinisileyo seBandla nesensindiso yemiphefumulo yethu, sicela kuwe, mawubheke umsebenzi wezandla zethu.
Nanjengokuba siwuqalile lomsebenzi wokwakha lendlu egameni lakho, wena onguAlfa noOmega, ukuQala nokuGcina, yenza ukuba uqhutshwe, ufezwe kahle. Balonde bonke abayakhayo lendlu. Yenza ukuba konke kwenziwe ukuze libongwe, lidunyiswe igama lakho, wena ohlezi ebusa kanye noYihlo noMoya oNgcwele kuze kube phakade. Amen.

*Umfundisi kanye nebandla bakhuleke bathi:*

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawufike umbuso wakho, Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa setku semihla ngemihla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelele amacala ethu. Ungasingenisi ekulingweni kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube Phakade. Amen.

## Isibusiso

*lbandla lihlabelele lithi:*

Amen, Amen, Amen.

## Isihlabelelo

# UKUBUSISWA KWENDAWO YAMALIBA.

*Uma kungenzeka ukubusiswa kwendawo yamaliba makwenziwe emva kwenkonzo yasemini. Ibandla lihlabe ihele liye endaweni entsha lihlabelela, lizungeze indawo, uma kungenzeka.*

## Isihlabelelo

*Umfundisi athi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Amen.

Ukusizwa kwethu kusegameni leNkosi eyenzile izulu nomhlaba.

Masikhuleke.

Somandla, Nkulunkulu waphakade, uchithile ngokufa kweNdodana yakho enguMsindisi wethu isono nokufa, wabuyisa ngokuvuka kwayo ukulunga nokuphila okuphakade, ukuze thina sikhululwe ekwesabeni ukufa, siphile embusweni wakho. Siphe ukuba sikholwe ngenhliziyo yilezizenzo zakho ezinkulu ozenzileyo ngeNdodana yakho, nangalokhukukholwa sikudumise, sikubonge, ngayo iNdodana yakho uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

## Intshumayelo yokubusisa

*Ekugcineni kwentshumayelo umfundisi athi:*

Ake sizwe manje amazwi eNkosi ngokufa nangokuvuka.

*Umfundisi nabanye abakhethileyo bafunde ilowo nalowo iZwi alinikiweyo kulawa:*

Joh.11,25-26; Joh.5,24-29; 1 Kor.15,19-22; 1 Kor.15,42-44; IHubo 103,15-17; IHubo 90,1-4; IHubo 90,10-12; Isaya 57,1-2; Isaya 26,19-20; IsAmb.14,13; 1 Kor.15,32-36.

*Umfundisi athi:*

Masikhuleke.

Nkosi, wena uyisiphephelo sethu ezizukulwaneni ngezizukulwane. Kungakaveli izintaba, ungakawenzi umhlaba nezwe, kuthi kusukela phakade kuze kube phakade, wena Nkulunkulu ukhona. Kepha thina simuka njengesikhukhula, nobukhosi bethu bonke bunjengembali yotshani. Siyazithoba phambi kwakho kulendawo yamaliba emiselwe ibe insimu kaNkulunkulu, lapho iZwi lakho limemeza lithi: Uvele emhlabathini uyakuphenduka umhlabathi! Kepha mawudunyiswe umcebo ongenakulinganiswa wesihawu sakho, esihanjelwa ngaso thina ebesihlezi ebumnyameni nasethunzini lokufa, nguye ovela phezulu oyiNdodana yakho uJesu Kristu ongukuvuka nokuphila.

Ngokukholwa okunjalo sivula sibusisa egameni lakho lendawo ibe indawo yokumbela izihambi zakho zalomhlaba ezibeka phansi lapha udondolo lwazo nesiphambano sazo. Njengokuba wena, Baba waphakade, wenze abengcwele amathuna alabo bonke abalele eNkosini ngokumbelwa kweNdodana yakho iNkosi yethu, kanjalo yenza ibe ngcwele nalendawo yabafileyo ibe indawo yokuphumula kwabantwana bakho ababekwa lapha. Mabaphumuule ngokuthula!

Nalabo-ke abafelwayo bedabukile bekhala emalibeni, mabafumane ukududuzwa kwemiphefumulo yabo kuwe, Baba womusa wonke. Baphe bonke abakholwayo kuJesu ukuthokoza okungenakuphela nethemba elibongekayo lokubonana ezindlini zasezulwini, ngaye owachitha amandla okufa. Vimbela wonke umsindo nokuganga komhlaba, ukuba kungezwakali kungabikho kulensimu yakho yokuthula.

Siphe ukuba izinhliziyo zethu zihlabeke namhla, sisuke lapha sithole isibusiso saphakade, ukuze sizamele okwaphezulu. Sisize sinqobe ngokukholwa, sigoduke ngokuthula kwakho.

Umzimba wethu mawuphumule kamnandi, mhla umsebenzi ufezekile, kuze kufike ukusa kosuku olukhulu lokuvuka kulendawo yabafileyo. Vula nawethu amaliba mhla lokho, sivuswe nguJesu Kristu oyiNkosi yabafileyo, nabaphilayo singene kanye naye ebukhosini bakhe obuphakade. Amen.

*Umfundisi aqhube athi:*

Ekubambeleleni kwethu kuzo izithembiso zikaNkulunkunkulu, sengiyamemezela kalokhu ukuthi:

Lendawo isiyahlukaniselwe ukubeka izidumbu zabafileyo beNkosi kuze kube ukuvuka kwabafileyo ngosuku lokugcina, egameni likaNkulunkulu uYise ovulela abantwana bakhe umnyango wasezulwini, nasegameni leNdodana eyanqoba ukufa yaveza ukuphila kwaphakade, nasegameni likaMoya oNgcwele ofakaza kanye nomoya wethu ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu, siyizindlalifa zokuphila okuphakade. Amen.

Baba wethu osezulwini. Malingcweliswe igama lakho. Mawufike umbuso wakho, Mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemhla. Usithethelele amacala ethu, njengalokhu nathi sibathethelela abanecala kithi. Ungasingenisi ekulingweni kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowakho, namandla nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

## Isibusiso

## Isihlabelelo

# UKWAMUKELA UMUNTU OVELA KWELINYE IBANDLA

## Isihlabelelo

*Ozokwamukelwa asondele emsamo. Umfundisi athi:*

Mzalwane! Ufuna ukungena eBandleni lakithi. Ubonakalisile ukuthi uyasazi isifundiso, uJesu Kristu, iNkosi yethu, asambulele sona ngalo iZwi elingcwele esishunyayelwa, esivunywa eBandleni lakithi. Kepha njengalokho wawukade ungumuntu welinye iBandla, ngalokho ngiyakubuza, ngithi:

Uyafuna yini ngokwakho ngokukholwa okuqinisileyo ukuba ungene kulo iBandla lamaLuthere na?

*Ongenayo wophendula, athi:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Sengiyakuyala ukuba uvume ukukholwa kwakho phambi kukaNkulunkulu naphambi kwalelibandla.

*Ongenayo wovuma inkolo yamaKristu.*

Ngiyakholwa kuNkulunkulu uYise, uMninimandla onke, uMdali wezulu nomhlaba.

Ngiyakholwa kuJesu Kristu, iNdodana yakhe ezelwe iyodwa, iNkosi yethu, owathatshathwa ngoMoya oNgcwele, wazalwa nguMariya intombi, wahlushwa kuPontu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa, wambelwa; wehlela endaweni yabafileyo, ngosuku lwesithathu wavuka kwabafileyo, wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise, uMninimandla onke, lapho eyakubuya khona ukwahlulela abasahambayo nabafileyo.

Ngiyakholwa kuMoya oNgcwele, iKerike elingcwele lomhlaba wonke, inhlangano yabangcwele, ukuthethelelwa kwezono, ukuvuka komzimba, nokuphila okuphakade. Amen.

*Umfundisi wobuya abuze, athi:*

Uyakholwa yini isifundiso seVangeli, esishunyayelwa, esifundiswa eBandleni lamaLuthere na?

*Ongenayo wophendula, athi:*

Yebo.

*Umfundisi:*

Uyathembisa ukuqhuba ngokukhuthala umsebenzi weNkosi eBandleni lakithi njengokwezimiso zalo na?

*Ongenayo:*

Yebo.

*Umfundisi:*

UNkulunkulu makakubusise kulokhu. Ngokunjalo ngiyakwamukela eBandleni lakithi, ngithi usufanele ukuhlanganyela nathi izicolo zonke zomusa. Sengathi iNkosi ingakupha umusa wokuzamukela zona impela, kuze kube ukusindiswa kwakho. Amen.

## Isihlabelelo

# UKUBONGA KOBELETHILEYO

*Mhla owesifazane oshadileyo, osand' ukubeletha, ebuyela endlini yesonto, angasondela esiguqweni sealtare aguqe. Umfundisi abesethi:*

Egameni likaNkulunkulu, uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Njengokuba uNkulunkulu ukubusisile ngomusa, wakunika umntwana ophilayo ozakwamukelwa (owamukelwe) manje eMbhapathizweni ongcwele, kufanele uqonde lesosibusiso nesipho sikaNkulunkulu, unikele umntwana wakho kuye, uzicelele amandla okumondla ekukholweni okuqinisileyo kwabakaKristu, uthi:

Nkosi, mamukele lomntwana wami, abe owakho ngezinsuku zonke zokuphila kwakhe.

Nathi sihlangana nawe ekubongeni kwakho, sithi:

Mbonge uJehova, mphefumulo wami, nakho konke okuphakathi kwami makubonge igama lakhe elingcwele. Mbonge uJehova, mphefumulo wami, ungakohlwa imisebenzi yonke yakhe yomusa.

*Umfundisi athi kobelethileyo:*

INkosi mayikuhole eqinisweni layo nasekuyesabeni kalokhu naphakade. Amen.

# UMKHULEKO WOKUKHULEKELA ONESI

*Lomkhuleko uqondene nabaqedayo ekufundeni kwabo.*

Nkulunkulu waphakade, Yise weNkosi yethu uJesu Kristu, wena omisa abesifazane emsebenzini wokusiza abagulayo, baphe laba abazinikelayo, besabela lapho ubabizela kulomsebenzi wesihawu, inhliziyo emnene, ebazwelayo ababuthakathaka.

Siyakuncenga ukuba ubabheke, ubalondoloze oNesi njengezincekukazi zakho. Baphe beme ekuphileni okuphakade ababizelwa kukho ngegazi leMvana eyasifelayo. Sebezimisele ukunikela amandla abo ekudumiseni wena ngokusiza abagulayo. Baphe, Nkosi, amandla nothando lokubasiza nasekuguleni komphefumulo babe izithunywa zakho impela. Benze ukuba bawamukele lomsebenzi njengenkonzo yesisa, bazithobe, bethembeke, bawukhuthalele ngesineke nangokubekezela. Baqinise emzimbeni nasemphefumulweni ukuba bangakhathali, babe namandla okubhekana nezinhlupho, balungele ukwenza okuhle njalo.

Baphe bakukhonze ngomoya nangeqiniso, ubenze babeke inhliziyo nengqondo yabo yonke emsebenzini obabizele kuwo, ukuze bawenze ngamandla nangentando yakho. IZwi lakho malibe isibani ezinyaweni zabo nenkanyiso endleleni yabo.

Yiba nabo ekuphileni kwabo konke. Babusise ukuba bethembeke kulomsebenzi nakulabo abanikezwe ukuba bababheke, besizwa nguwe. Ezandleni zakho sibeka lezizincekukazi zakho ngenxa kaJesu Kristu iNdodana yakho, iNkosi yethu. Amen.